| English term | POS | Definition | Examples | TRANSLATED TERMS (ISIZULU) | POS | TRANSLATED DEFINITIONS (ISIZULU) | TRANSLATED EXAMPLES (ISIZULU) |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| abandon | verb | to stop doing something or being involved in an activity or piece of work, especially before it is completed. | Have they just postponed this project, or abandoned it altogether? | shiya/yeka | verb | ukuma ukwenza into ethile noma ukubamba iqhaza emsebenzini othile, ikakhulukazi ngaphambi kokuba uphothulwe. | Ngabe sebeyihlehlisile yini le projekthi na noma bavele bayishiya/bayiyeka kanjalo nje esithubeni? |
| abandon | verb | to stop having an idea or thinking in a certain way. | They abandoned their socialist principles. | lahla | verb | ukuma ukuba nomqondo othile noma ukucabanga ngendlela ethile. | Balahla imigomo yabo yokuba amadlelandawonye. |
| abnormal | adj | something or someone who is different from what is normal, ordinary or expected, often in a way that seems strange, worrying, wrong or dangerous. | The participants in the study were referred to an ear, nose and throat specialist on the basis of abnormal middle ear measurements. | okungajwayelekile | adj | yinto ethile noma umuntu othile owehlukile kulokho okwejwayelekile, okuvamile noma okulindelekile, imvamisa lokhu kuba ngendlela esuke yehlukile, ikhathaza noma inobungozi. | Ababambiqhaza kulolu cwaningo bedluliselwa kungoti owelapha indlebe, ikhala kanye nomphimbo ukuze ayokala ubungako obungajwayelekile endlebeni. |
| absorb | verb | to take new information into the mind and learn and understand it. | Without any prior knowledge or a printed text at our disposal, it was difficult to absorb all the information he presented on nuclear fission. | munca | verb | ukuthatha ulwazi olusha ulufake emqondweni bese ulufunda uphinda uluqonde. | Njengoba sasingenalo olunye ulwazi lwaphambilini futhi singenawo nombhalo obhalwe phansi phambi kwethu nje, kwakunzima kakhulu ukumunca lonke ulwazi asethulela lona olwalumayelana nohlelo lwenuzi. |
| absorb | verb | to hold someone’s attention or interest completely. | She was completely absorbed in her book and didn’t hear a word I said. | hlaba umxhwele | verb | ukuthatheka ngento ethile noma ukuba nentshisekelo ngokupheleleyo. | Wayehlabeke umxhwele ngencwadi ayeyifunda kangangokuthi akaze ezwe ngisho izwi elilodwa nje kulokhu engangikusho. |
| abstract | adj | existing as an idea, but not as a physical thing. | Love is regarded as an abstract idea. | okusemcabangweni | adj | yinto engumcabango nje kuphela, okusho ukuthi yinto engaphatheki futhi ongeke uyikhombe. | Uthando luthathwa ngokuthi luwumqondo osemcabangweni. |
| abstract | noun | a short summary. | The abstract of the article summarises the main findings. | umongo | noun | iqoqa elifushane. | Umongo walo mbhalo uqoqa amaphuzu amakhulu atholakele. |
| accelerate | verb | to make a process happen faster or sooner than expected. | Game-based learning can accelerate the transfer and application of knowledge. | sheshisa | verb | ukwenza uhlelo oluthile lwenzeke ngokushesha noma ngokuphazima kweso kunendlela obekulindeleke ngayo. | Ukufunda okususelwe emidlalweni kungasheshisa ukwedlulisa kanye nokusetshenziswa kolwazi. |
| accept | verb | to believe something to be true. | Jim Martin accepted Halliday's ideas on Systemic Functional Grammar. | vuma | verb | ukukholwa yinto ethile ukuthi iliqiniso. | UJim Martin wayivuma imicabango kaHalliday maqondana neSystemic Functional Grammar. |
| accept | verb | to agree with or approve of someone or something. | The head of the department accepted his resignation. | amukela | verb | ukuvumelana noma ukwamukela umuntu othile noma into ethile. | Inhloko yomnyango yayemukela incwadi yakhe yokwesula emsebenzini. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| acceptable | adj | that people can agree with or accept. | Cohabitation has become more socially acceptable today. | okuthandekayo | adj | lokho abantu abangavumelana ngakho noma bakwamukele. | Ukukipita sekuyinto esithandeka nje emphakathini esikhathini sanamhlanje. |
| acceptable | adj | that can be allowed. | These noise levels are acceptable within the office. | okwamukelekile | adj | lokho okungavunyelwa/ okuvumelekile ukuba kwenzeke. | Amazinga omsindo amukelekile ngaphakathi ehhovisi. |
| access | noun | the opportunity to use or gain entry to a place or a building. | The only access to the laboratory is through that door. | intuba | noun | ithuba lokusebenzisa noma lokukwazi ukungena endaweni noma esakhiweni. | Intuba okuyiyona kuphela engakufaka elabholethri ingena ngalowaya mnyango. |
| access | verb | the right, privilege or opportunity to use something or approach someone. | Students must have access to a good library. | finyelela | verb | ilungelo, noma ithuba lokusebenzisa into ethile noma lokukhuluma nomuntu othile. | Abafundi kufanele bakwazi ukufinyelela kumtapowolwazi omuhle. |
| access | verb | to find or retrieve information from a storage device, such as a file. | She accessed three different databases to find the information. | thola | verb | ukuthola noma ukudiliza ulwazi ulususa kwinto ethile ebeligcinwe kuyo, okungaba yinto efana nefayela. | Wakwazi ukuthola izigcinalwazi ezintathu ezahlukene ukuze athole ulwazi ayelufuna. |
| accommodate | verb | to take someone or something into consideration. | Educators accommodate learners with poor reading ability by providing activities that are within their ability. | siza | verb | ukubhekela omunye umuntu noma enye into. | Othisha basiza abafundi labo bafundi abangakwazi kahle ukufunda ngokuthi babanike imisebenzi esezingeni labo nabazokwazi ukuyenza. |
| accompany | verb | to occur with, go along with. | The plagiarism declaration must accompany all written work submitted while you are a student of the university. | phelezela | verb | ukwenzeka nenye into, ukuhambisana nento ethile. | Isifungo sokuthi umsebenzi awuwukopelwanga kufanele ukuthi siphelezele wonke umsebenzi oye wawubhala wabe usuwuthumela enyunivesi ngenkathi usengumfundi khona. |
| accordance | noun | in agreement with. | The dismissal of the employee was effected in accordance with a fair procedure. | imvumelwano | noun | ngokuvumelana nokuthile. | Ukuxhoswa kwaleso sisebenzi kwenziwa ngokwemvumelwano nenqubo yokwenza izinto ngokungavuni luhlangothi. |
| accumulate | verb | to gradually obtain more of something. | Some students enrol for a course simply to accumulate credits towards their degrees. | qongelela | verb | ukuthola kancane kancane into ethile ize ibe ningi. | Abanye abafundi bayaye babhalisele izifundo ezithile ngenhloso yokuthi bafuna ukuqongelela amaphuzu abo ukuthi athi uma esehlangene bakwazi ukuthola ijazi eliphelele lasenyunivesi. |
| accumulate | verb | to increase gradually in number or quantity. | Evidence has accumulated that certain artificial sweetners are more harmful than sugar. | didiyela | verb | ukukhula kancane kancane ngobuningi. | Ubufakazi obuye badidiyelwa buveze ukuthi ezinye izinto ezinoshukela ongabonakali ngaphakathi kuzo ziyingozi kakhulu ukwedlula ushukela uqobo lwawo. |
| acknowledge | verb | to accept, admit or recognise. | Permission to use the material is gratefully acknowledged. | yazisa | verb | ukwamukela, ukuvuma noma ukuhlonopha. | Imvume yokusebenzisa lo mbhalo siyazisa ngentokozo enkulu. |
| acquire | verb | to get, obtain or gain an ability, habit or skill. | Learners read to gather information and acquire new knowledge. | thola | verb | ukuzuza, ukufunda ikhono elisha noma umkhuba omusha. | Abafundi bafunda ukuze bahlanganise ulwazi bese bethola ukuqonda okusha. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| acquisition | noun | the act of learning or developing a skill. | Study at university is not merely the acquisition of new knowledge; it is also about developing certain values and dispositions. | ukumunca | noun | isenzo sokufunda noma sokuthuthukisa ikhono. | Ukufunda enyunivesi akusikhona nje ukumunca ulwazi olusha; kodwa kumayelana nokuthuthukisa amagugu athile kanye nezinhlelo. |
| adapt | verb | to change your ideas or behaviour in order to deal with a new situation successfully. | University courses have to adapt to the needs of the marketplace. | ukuhlangabezana | verb | ukushintsha imiqondo yakho noma ukuziphatha kwakho ukuze ukwazi ukubhekana nesimo esisha ngempumelelo. | Izifundo ezenziwa enyunivesi kufanele ukuthi zihlangabezane nezidingo zezindawo zokukhangisa ngemisebenzi. |
| adequate | adj | having the qualities or resources needed to perform a task. | This test is adequate for measuring students' preparedness for studying through medium of English. | okwanele | adj | ukuba namakhwalithi athile noma izinto ezidingekayo ukuthi kwenziwe umsebenzi. | Lesi sivivinyo sanele ukuthi singakwazi ukukala ukulungela kwabafundi ukuthi bafunde zonke ezinye izifundo ngolimi lwesiNgisi. |
| adhere | verb | to stick to something. | The paint will adhere to any clean surface. | namathela | verb | ukuhla kwinto ethile. | Lo pende uyonamathela kunoma iyiphi indawo ehlanzekile. |
| adhere | verb | to obey or follow a set of principles, a course of action, or rules. | A great statesman knows when to depart from traditions and when to adhere to them. | landela | verb | ukuhlonipha noma ukulandela isethi yemigomo ethile, isenzo esithile, noma imithetho. | Umholi omkhulu uyazi ukuthi kunini lapho kufanele ahlubuke khona kwisiko futhi kunini lapho kufanele alilandele khona. |
| adjust | verb | to alter, change or regulate in order to conform to a standard or to perform a function. | Educators must adjust to the characteristics and learning needs of students. | melana | verb | ukushintsha, ukuguqula ukuze kukwazeke ukuthi kuhambisane nezinga noma ukwenza umsebenzi othile. | Othisha kufanele ukuthi bakwazi ukumelana nezici kanye nezidingo zabafundi. |
| administer | verb | to organise, provide or apply something in a correct or fair way. | The examination was administered fairly. | enza | verb | ukuhlela, ukuhlinzeka noma ukwenza into efanele ngendlela efanele noma engavuni luhlangothi. | Isivivinyo senziwa ngokungavuni luhlangothi. |
| admit | verb | to agree that something is true. | The motor manufacturer admitted to tampering with the carbon emission tests. | vuma | verb | ukwamukela ukuthi into ethile iliqiniso. | Umakhi wezimoto wavuma ukuthi kukhona lapho ayiphazamisa khona imoto ngenkathi yakhiwa. |
| advocate | verb | to speak, plead or argue in favour of. | She is an advocate for women's rights. | khuluma | verb | ukumela, ukuncengela noma ukusho into ehambisana nalokho. | Ukhulumela amalungelo abantu besifazane. |
| affect | verb | to have an influence upon/on. | The purity of the samples can significantly affect the results of the experiment. | thinta | verb | ukuba nomthelela entweni ethile. | ubumsulwa abamasampula kungenzeka buthinte kakhulu imiphumela yalokhu kuhlola. |
| affect | noun | emotion, especially in relation to how it influences thoughts and behaviours. | The scale measures positive and negative affect towards refugees. | ukuthinteka | noun | umoya, ikakhulukazi maqondana nokuthi ngabe imicabango kanye nokuziphatha kuwuthikameza kanjani umoya. | Isikali sikala ukuthinteka okuhle kanye nokubi kwababaleki. |
| aggregate | noun | a sum total of many different things taken together. | The aggregate of all the changes made radically changed the image of the organisation. | inani | noun | isamba sezinto eziningi ezahlukene uma sezihlangiswe ndawonye. | Inani lazo zonke izinguquko ezenziwe lashintsha ngokunamandla isithombe senhlangano. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| agitate | verb | to protest or argue wrongly in public for something you want, especially a political or social change. | The student union agitated for better living conditions. | ukulwa | verb | ukuphikisa ngokungafanele esidlangalaleni ngento oyifunayo, ikakhulukazi ngoguquko lwezepolitiki noma lwezenhlalo. | Inyunyana yabafundi yayilwela izimo zokuphila ezingcono. |
| allege | verb | to state something as a fact without giving proof. | Oppenheimer (2015: 14) alleged that Balmain (2010) contrived the results of his research. | sola | verb | ukusho into njengeqiniso yize ungenabo ubufakazi balokho. | U-Oppenheimer (2015: 14) usola ukuthi uBalmain (2010) waziqambela yena ngokwakhe imiphumela yophenyo lwakhe. |
| allocate | verb | to distribute according to a plan or set apart for a purpose. | Seats are allocated according to the proportion of votes gained. | aba | verb | ukusabalalisa ngokulandela uhlelo oluthile. | Izihlalo zabiwa ngokulingana namavoti atholakele. |
| allude | verb | to mention something or someone briefly or indirectly. | It is only possible to allude briefly to the conclusions that he has attained in treating the various problems. | thinta | verb | ukusho into ethile noma umuntu othile ngamafuphi ngokungaqondile. | Kuyinto engenzeka ukuthinta kancane nje kwisiphetho afinyelele kuso ngenkathi esebenza izinkinga ezahlukene. |
| allusion | noun | a brief or indirect reference to someone or something. | Spencer makes frequent allusions to the New World. | izwi elibhekiswe kothile | noun | yinto ethile emfushane okuqondwe ngayo ukuchaza umuntu noma into ethile. | USpencer uvame ukwenza amazwi abhekiswe kwiNew World. |
| alter | verb | to cause to change; make different. | The holocaust significantly altered the course of history. | shintsha | verb | ukwenza ukuthi kushintshe; ukwenza umehluko. | Ukubulawa kwabantu abaningi kwawushintsha kakhulu umgudu womlando. |
| alternate | verb | to put two things, one after the other, in a repeated pattern. | The short story alternates love and death. | shintshanisa | verb | ukubeka izinto ezimbili, zilandelane, ngokwephethini ephindekayo. | Le ndaba emfushane ishintshanisa izingqikithi zothando nokufa. |
| ambiguity | noun | the state of having more than one meaning. | The lecturer clarified any misunderstandings and ambiguity by giving individual feedback. | ubumbaxambili | noun | isimo sokuba nemiqondo engaphezulu komqondo owodwa. | Uthisha wasenyunivesi wacacisa noma ngabe yikuphi ukungaqondi kanye nobumbaxambili ngokunikeza incazelo yokusebenza komuntu ngamunye. |
| ambiguous | adj | having more than one meaning. | The term "wilderness" shows geographical ambiguity because the boundaries are not defined. | okumbaxambili | adj | ukuba nomqondo ongaphezu kowodwa. | Itemu elithi "indle" libonisa ubumbaxambili bezendawo ngoba imingcele ayichaziwe kulo. |
| amend | verb | to change a law, agreement or document slightly. | The agreement was amended to apply only to senior members. | chibiyela | verb | ukushintsha kancane nje umthetho, isivumelwano noma idokhumenti. | Isivumelwano sachitshiyelwa ukuze sisebenze kumalungu amadala kuphela. |
| analogy | noun | drawing a comparison in order to show a similarity between two things. | One may find analogies with one's own emotions and feelings in another person's poetry. | ukufanana | noun | ukuthatha izinto ezifanayo bese ziyaqhathaniswa ukuze kuboniswe ukufana phakathi kwezinto ezimbili. | Kusengenzeka ukuthi uthole ukuthi kunemizwa efanayo kwizinkondlo zakho kanye nemizwa efanayo futhi kwizinkondlo zomunye umuntu. |
| analyse | verb | to break up a whole into the parts of which it was composed and identify relationships among the parts. | The students must analyse a chemical compound in order to identify it. | hlaziya | verb | ukunqamula noma ukuhlakaza into ethile ibe yizingxenye eziyakhele bese uhlonza ubudlelwano phakathi kwezingcezu lezo. | Abafundi kufanele ukuthi bahlaziye i-chemical compound ukuze bakwazi ukuyihlinza. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| annual | adj | describing quantities or rates that are calculated over the period of a year. | The annual income of a top CEO in South Africa is more than one million rand. | kwangonyaka | adj | ukuchaza ubuningi noma ubungako obuyisilinganiso okubalwe ngaphezu kwesikhathi esithile sonyaka. | Imali engenayo ngonyaka Kwizikhulu Eziphethe Izinkampani eNingizumu Afrika ingaphezulu kwesigidi samarandi ngonyaka. |
| annual | noun | a magazine or book that is published once a year and that has the same title, but different content. | The *Modern Scientist* is an annual which appears in December every year. | unyakanye | noun | iphephabhuku noma incwadi eshicilelwa kanye ngonyaka ehlala inesihloko esifanayo kodwa iqukathe izinto ezehlukene ngaphakathi. | Iphephabhuku i-*Modern Scientist* wunyakanye ophuma njalo ngoZibandlela unyaka nonyaka. |
| anomaly | noun | something that differs from what is usual, normal or expected. | With his introverted nature, he was an anomaly in his exuberant family. | into ejwayelekile | noun | into eyehlukile kunaleyo ejwayelekile noma elindelekile. | Phela lowo njengoba simazi ukuthi ungumuntu ozithulelayo nje, wavela waba yinto eyejwayelekile nje emndenini wakhe onomdlandla. |
| anticipate | verb | to regard something as probable or likely. | The results are not as favourable as anticipated. | lindela | verb | ukuthatha into njengento okungenzeka yenzeke noma esemathubeni okuthi ingenzeka. | Imiphumela yona ayimihle njengendlela elindelwe ngakhona. |
| apparent | adj | easy to see or understand. | It is apparent that many users of African languages seem to prefer being educated in English because of the perceived benefits that still accompany the language. | kuyacace | adj | okulula ukukubona noma ukukuqonda. | Kuyacaca ukuthi abantu abaningi abasebenzisa izilimi zomdabu zase-Afrika bakhetha ukuthi bafundiswe ngesiNgisi ngenxa yemihlomulo okukholakala ukuthi ikhona uma umuntu efunde ngesiNgisi. |
| appeal | noun | a formal request to some authority for a decision to be changed. | He made an appeal to the court to shorten his sentence. | ukwedlulisa isinqumo | noun | isicelo esisemthethweni esibhekiswe kwabasemagunyeni ngenhloso yokuthi kushintshwe isinqumo. | Wedlulisa isinqumo enkantolo ecela ukuba imehlisele isigwebo. |
| appeal | verb | to make a formal request to some authority for a decision to be changed. | The student appealed to the council against the decision to expel him. | dlulisa isinqumo | verb | ukwenza isicelo esisemthethweni usibhekiswe kwabasemagunyeni ngenhloso yokuthi kushintshwe isinqumo. | Umfundi wasedlulisela emkhandlwini isinqumo sokuthi makaxoshwe esikoleni. |
| appeal | verb | to persuade somebody to do something on the grounds that it is fair and reasonable to do so. | Disagreements can only be resolved if we appeal to principles of justice. | landela | verb | ukuncenga umuntu ukuthi enze okuthil ngaphansi kombandela wokuthi leyo nto ifanele futhi iphusile ukuthi angayenza. | Ukungaboni ngaso linye kungasonjululwa kuphela uma silandela imigomo yobulungiswa. |
| appear | verb | to give the impression of being or happening. | Dlamini (2015) appears to support a federal system. | bukeka | verb | ukunika isithombe sokuba sengathi kuyenzeka. | Dlamini (2015) ubukeka sengathi weseka uhulumeni owuzibuse. |
| append | verb | add to; attach. | The aerial maps were appended to the assignment. | namathisela | verb | yengeza; nameka. | Amabalazwe athathwe phezulu kwelenyoni ayenanyathiselwe kumbhalo. |
| appendix | noun | a part at the end of a book or document which gives extra information. | The detailed budget papers are included in the appendix of the proposal. | okunanyathiselwe | noun | ingxenye ekupheleni kwencwadi noma kwedokhumenti okunikeza ulwazi olwengeziwe. | Amaphepha ebhajethi anokuningi ayingxenye yokunanyathiselwe ukuze kuhlongozwe kukho. |
| appreciate | verb | to recognise the good qualities of something or someone. | The publication appreciates her abilities as researcher. | ncoma | verb | ukubona amakhwalithi amahle ento ethile noma omuntu othile. | Ushicilelo luncoma amakhono akhe njengomcwaningi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| appreciate | verb | to understand something to be true. | A number of scholars have appreciated the significance of the Bologna agreement for the promotion of multilingualism. | ncoma | verb | ukuqonda into ethile ukuthi iyiqiniso. | Inani lezifundiswa lincome ukubaluleka kwesivumelwano saseBologna ngokukhuthaza ukusetshenziswa kwezilimi eziningi. |
| appreciate | verb | to increase in value over a period of time. | The value of property in the area has appreciated by 10 per cent over the past three years. | enyuka | verb | ukukhula ngokwenani ngemuva kwesikhathi esithile. | Inani lezindlu kule ndawo liye lenyuka ngamaphesenti ayi-10 kule minyaka emithathu eyedlule. |
| approach | verb | to start dealing with a problem or task. | Post-modern theories have approached the problem from two different perspectives. | indlela | verb | ukuqala ukubhekana nenkinga noma nomsebenzi. | Amathiyori angesikhathi sangemuva kwesimanjemanje inkinga le ayibheke ngezindlela ezimbili. |
| approach | noun | a way of looking at an issue, a problem or a phenomenon. | He followed a qualitative approach in his research. | indlela | noun | indlela yokubheka udaba, inkinga noma into ethile. | Walandela indlela esebenza ngokwekhwalithi ngenkathi enza ucwaningo lwakhe. |
| appropriate | adj | suitable for a particular purpose, place, condition, etc. | Specific characters, appropriate for each scene of the play, were used. | okufanele | adj | okuhambisana nenhloso ethile, nendawo, nesimo, njll. | Kwasetshenziswa izici ezithile ezifanele isigcawu somdlalo ngasinye. |
| appropriate | verb | to take something that does not belong to you, especially illegally or without permission. | The supervisor was suspended for appropriating data gathered by his doctoral student. | hlwitha | verb | ukuthatha into okungesiyona eyakho, ikakhulukazi uma uyithatha ngokungekho emthethweni noma ngaphandle kwemvume. | Usuphavayza wamiswa enyunivesi ngokuhlwitha i-data eqoqwe ngumfundi wakhe owayenza iziqu zobudokotela. |
| approximate | verb | to judge tentatively. | His method for determining approximate values of the roots of equations is identical in principle with the methods of Sir Isaac Newton. | thola isilinganiso | verb | ukwahlulela ngokungagcwele. | Indlela yakhe yokuthola izilinganiso zezimpande iyefana ngokwezimiso nezindlela zikaMnu u-Isaac Newton. |
| approximate | verb | to be similar or close to something in amount, quality or nature. | Her singing approximated the singing of the diva, but lacked star quality. | linganisa | verb | ukufana ukusondelana nento ethile, nezingabunjalo noma nemvelo. | Ukucula kwakhe kwakucishe kulingise usaziwayo, kodwa wayengenazo izimpawu zokuba usaziwayo. |
| approximately | adv | almost correct or accurate. | The room is approximately twelve square metres - exact measurements are not available. | cishe | adv | okucishe kushaye khona noma kunembe. | Le ndlu icishe ibe nobukhulu obungamamitha ayizikwele eziyishumi nambili – isikalo esiqondile asikho njengamanje. |
| arbitrary | adj | based on individual discretion or preference; not seeming to be based on reason. | Their reasons for appointing him as captain seemed to be completely arbitrary since he had never excelled at the sport. | nokuchema | adj | okususelwe ekucabangeni komuntu oyedwa; okungabonakali kugxile emcabangweni. | Izizathu zabo zokumqoka kwabo ukuthi abe ngukaputeni zibukeka zinokuchema okukhulu ngoba akakaze nje adlale kahle selokhu kwathi nhlo. |
| area | noun | field of study. | Her area of expertise include linguistics, morphology and semantics. | indawo | noun | umkhakha wokufunda. | Izindawo anobuchwepheshe kuzo zifaka phakathi ilingwistiksi, imofoloji kanye nesemantiki. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| argue | verb | to give reasons for your opinion on a particular matter. | He argued that South Africa should stop selling power to neighbouring countries because it was facing massive shortages within the country. | beka uvo | verb | ukunika izizathu zombono wakho mayelana nodaba oluthile. | Wabeka uvo wathi iNingizijmu Afrika kumele ime noma iyeke ukuthengisa amandla kagesi kumazwe angomakhelwane ngoba kwayona iNingizimu Afrika ibhekene nokushoda kakhulu kwamandla kagesi kuleli lizwe lethu. |
| argumentative | adj | using reason to make an argument. | It is suggested that the argumentative essay type has three stages: a thesis, an argument and a conclusion. | okulandayo | adj | ukusebenzisa isizathu ukwenza inkulumo. | Kuthiwa i-eseyi elandayo inezigaba ezintathu: i-thesis, inkulumo kanye nesiphetho. |
| ascribe | verb | to believe, consider or declare that something is caused by or exists because of someone or something else. | The poem is ascribed to Chinua Achebe, but some scholars believe it was written by Wole Soyinka. | nikela | verb | ukukholwa, ukusho into ethile ibangelwa noma ikhona ngenxa yomuntu othile noma ngenxa yento ethile. | Inkondlo inikelwe kuChinua Achebe, kodwa ezinye izifundiswa zithi yabhalwa nguWole Soyinka. |
| aspect | noun | a characteristic to be considered. | He considered all aspects of the problem, but could not find a solution. | isimo | noun | isici okumele masibhewe. | Wabheka zonke izimo zenkinga, kodwa akangakwazi ukuthola isisombululo. |
| aspect | noun | a particular part or feature of a situation, idea, plan, etc. | Drug abuse affects all aspects of a person's health and personality. | umunxa | noun | ingxenye ethile yesimo, yomqondo, yohlelo, njll. | Ukusetshenziswa kwezidakamizwa kuthikameza yonke iminxa yempilo yomuntu kanye nobuntu bakhe. |
| assemble | verb | to fit, put or join the parts of something together. | She had taken the television to pieces and no one could assemble it again. | hlanganisa | verb | ukwenza kube ndawonye. | Wavela wawuhlakaza umabonakude waba yizicucu futhi akekho umuntu owangakwazi ukuwuhlanganisa futhi. |
| assemble | verb | to come together or bring things or people together in a group; to gather or congregate. | The group of plant biologists assemble once every year. | hlanganisa | verb | ukuza ndawonye noma ukuhlanganisa izinto ndawonye eqenjini; ukuhlanganisa noma ukuhlanganisa konke. | Iqembu lososayensi abasebenza ngezitshalo liyahlangana kanye njalo ngonyaka. |
| assent | noun | approval or agreement from someone. | The principal should give assent for the research to be conducted in his school, whereas learners should give consent for the use of their responses. | imvume | noun | imvume noma isivumelwano esivela kumuntu othile. | Uthishomkhulu kufanele anikezele ngemvume ukuthi kwenziwe ucwaningo esikoleni sakhe, kanti nabafundi ngokunjalo kufanel ukuthi bavume ukuthi kusetshenziswe izimpendulo zabo kulolu cwaningo. |
| assess | verb | to estimate the nature, quality, ability or significance of something. | TALL is used to assess the literacy levels of students, in order to determine those who are at risk or high risk of failure. | hlola | verb | ukuqagela imvelo, izingabunjalo, amandla noma ukukwazi kwento ethile. | I-TALL isetshenziselwa ukuhlola amazinga okukwazi ukubhala nokufunda kubafundi, ukuze kutholakale labo abasengcupheni noma abasengcupheni enkulu yokufeyila. |
| assess | verb | to calculate the cost, amount or extent of something. | He assessed the cost of building a new science laboratory. | hlola | verb | ukubala izindleko, inani noma ubungako bento ethile. | Wahlola izindleko zokwakha ilabholethri entsha yesayensi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| assign | verb | to select something or someone for a specific purpose. | The Angolan student was assigned to South Africa to represent her university. | thunyelwa | verb | ukukhetha into ethile noma umuntu othile umkhethela inhloso ethile. | Umfundi wasezweni lase-Angola wathunyelwa eNingizimu Afrika ukuthi azomela inyunivesi yakhe. |
| assimilate | verb | to absorb ideas, information, etc. so that you understand them thoroughly and feel ready to use them. | Students need time to assimilate new concepts. | mumatha | verb | ukumunca imiqondo, ulwazi, njll. ukuze ukuqonde kahle futhi ukwazi ukulungela ukuthi ukusebenzise. | Abafundi kudingeka ukuthi bakwazi ukumumatha amagama amasha. |
| assume | verb | take to be the case or to be true, although you have no proof. | It is reasonable to assume that the problem has multiple causes. | ukucabangela | verb | ukwenzeka kwesimo noma ukuba yiqiniso, yize ungenabo ubufakazi balokho. | Kuyinto ephusile ukucabangela ukuthi inkinga inezimbangela eziningi. |
| assume | verb | to take upon oneself; take over power or responsibility, assume control/power/responsibilities, etc. | He will assume the position of chairman next week. | qala | verb | ukuzithathela kuwe; ukuthatha amandla noma isikhundla/ukulawula/imisebenzi, njll. | Uzoqala isikhundla sokuba ngusihlalo ngesonto elizayo. |
| assumption | noun | to believe that something is the case or is true. | Empirical studies have proven that the assumption is false. | ukuhlawumbisela | noun | ukukholwa ukuthi into ethile injengoba injalo noma iyiqiniso. | Ucwaningo lukufakazele ukuthi lokhu kuhlawumbisela akusilona iqiniso. |
| atmosphere | noun | a feeling or mood in a particular place or situation. | The relaxed atmosphere in the library helped for clear thinking. | umuzwa | noun | umuzwa esimweni esithile noma endaweni ethile. | Umuzwa wokukhululeka oshaya emtapeni wolwazi wasiza ukuthi kube nokucabanga okucacile. |
| attach | verb | to fasten or join one thing to another thing. | Please attach a personal declaration of responsibility for each assistant who works on the project. | namathisela | verb | ukufasa noma ukujoyina enye into kwenye into. | Uyacelwa ukuba unamathisele isifungo sakho sokuzibophezela kumsizi ngamunye osebenza kule projekthi. |
| attach | verb | to be part of or to work for a particular organisation, especially for a short period of time. | He is attached to the university's satellite campus in Mamelodi. | sebenzela | verb | Ukuba yingxenye yento ethile noma ukusebenzela inhlangano ethile, imvamisa isikhathi esifushane. | Usebenzela kwinyuvesi ophikweni lwayo oluncane oluseMamelodi. |
| attachment | noun | an appendix; added document. | Please send the document as an attachment via e-mail. | okunanyathiselwe | noun | okuhambisana nombhalo othile; okuhambisana kanye nedokhume nti. | Uyacelwa ukuthi uthumele le dokhumenti inanyathiselwe kwi-imeyili. |
| attain | verb | to gain by putting in effort. | They sought to attain their goals through negotiation rather than violence. | fezekisa | verb | ukuthola into ethile ngokufaka umfutho. | Bahlose ukufezekisa izinhloso zabo ngokuthi kuxoxiswane hhayi ngodlame. |
| attitude | noun | a way of thinking or feeling about something. | Attitudes are said to comprise a range of feelings, either favourable or unfavourable toward an object, a person, an issue or behaviour. | isimo somqondo | noun | indlela yokucabanga noma yokuzwa mayelana nento ethile. | Izimo zomqondo kuthiwa zinezinzwa eziningi kakhulu, okungenzeka kube ezihambisana nento ethile, umuntu othile noma udaba onaye ukuziphatha okuthile. |
| attribute | verb | to say or believe that something is the result of something else. | Students attribute their failure in exams to causes beyond their control, such as bad luck. | ukusho | verb | ukusho into ethile noma ukukholwa ukuthi into ethile ingumphumela wenye into. | Abafundi bathi ukufeyila kwabo izivivinyo kube yizimo ezingaphezu kwabo, ezifana neshwa. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| attribute | verb | to say that somebody is responsible for saying or doing something. | Some scholars attribute the book to Zakes Mda. | khomba | verb | ukusho ukuthi umuntu othile unesibopho sokusho noma sokwenza into ethile. | Abanye ongoti kwezencwadi bayikhomba kuZakes Mda. |
| attribute | noun | a characteristic belonging to something or somebody. | She has all the attributes of a great leader: patience, intelligence and diligence. | amava | noun | isici esiqondene nento ethile noma nomuntu othile. | Unawo wonke amava okuba ngumholi oqotho: ukubekezela, ukuhlakanipha kanye nokukhuthala. |
| authorise | verb | to give permission; to approve. | The officers are authorised to inspect the charitable children's institution. | gunyaza | verb | Ukunika imvume; ukuphasisa. | Amaphoyisa agunyaziwe ukuthi ahlole isikhungo sabantwana. |
| authoritative | adj | as if being an expert. | Making use of authoritative texts in one's research has the purpose of providing evidence on certain issues in the construction of an argument. | ngokunamandla; ngokugunya | adj | okwenzeka kumuntu njengongoti. | Ukusebenzisa imibhalo enamandla ocwaningweni lwakho kunenhloso yokuthi kuhlinzeke ngobufakazi kwezinye izinto lapho kwakhiwa inkulumongxoxo. |
| authority | noun | expert in a particular field; somebody with the power or right to give orders or make decisions. | The social worker has the authority to remove the children from their abusive home. | amandla; igunya | noun | ungoti endimeni ethile; umuntu onamandla noma onelungelo lokunika imiyalelo noma lokwenza izinqumo. | Usonhlalakahle nje unamandla okuthatha abantwana ekhaya abahlukunyezwa yena. |
| base | verb | to use an idea, fact or situation as a point from which something can be developed. | This research design was based on a survey questionnaire with a valid response from 70 experts. | susela | verb | ukusebenzisa umqondo, iqiniso noma isimo njengendawo lapho into ethile kumele yakhiwe isuka khona. | Lo mklamo wocwaningo wawususelwe kwiphepha lemibuzo kanti izimpendulo kwaba ngochwepheshe ababalelwa kwabangu-70. |
| basis | noun | the reason why people take a particular action. | The company is hiring people on the basis of their experience. | umbandela | noun | isizathu esenza ukuthi abantu benze izenzo ezithile. | Inkampani iqasha abantu ngaphansi kombandela wokuthi banesipiliyoni. |
| basis | noun | the important facts or ideas that support something. | Mutual respect is the basis of a good relationship. | isisekelo | noun | amaqiniso noma imiqondo eliqiniso eyeseka into ethile. | Ukuhloniphana yisisekelo sobudllwano obuhle. |
| benchmark | noun | a standard against which other things can be measured. | The company's health and wellness programme sets a benchmark for other automotive companies in South Africa. | into eyisibonelo | noun | indlela esezingeni elifanele nesuke ingasetshenziswa ukuthi ezinye izinto zikalwe zisuselwa kuyona. | Uhlelo lwezempilo kanye nempilakahle luyinto eyisibonelo kwezinye izinkampani zokwakha izimoto lapha eNingizimu Afrika. |
| benchmark | verb | to evaluate or judge the standard of something by measuring it against other examples of the same thing. | We have to benchmark our research against other universities, both nationally and internationally. | kala | verb | ukubheka noma ukwahlulela izinga lento ethile ngokuthi uyikale ngezinye izibonelo ezefanayo naleyo nto. | Kufanele ukuthi ucwaningo lwethu silukale ngamanye amanyunivesi, awakuleli kanye nawomhlaba. |
| bias | noun | to have an effect on the results of research or an experiment so that they do not show correctly. | A response bias is expected when respondents tend to answer all questions in the same direction by consciously or unconsciously misrepresenting the truth. | ukuchema | noun | ukuba nomthelela kwimiphumela yocwaningo noma kulokho okwenziwayo ukuze kungabonisi okuyikhonakhona ngendlela efanele. | Impendulo ebonisa ukuchema yinto esengenzeka uma abaphendula imibuzo yocwaningo bebukeka bephendula yonke imibuzo ngendlela efanayo ngisho noma ngabe lokho bakwenza bazi noma bengazi ukuthi bahlanakezela iqiniso. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| bias | noun | an influence on somebody's opinions or decisions. | He showed a bias toward older employees. | ukuchema | noun | amandla kwimibono yomuntu noma kwizinqumo zakhe. | Wabonisa ukuchema kwakhe nabasebenzi abadala. |
| biased | adj | showing prejudice or bias. | He is too biased to give an objective opinion about the incident. | okuchemile | adj | okubonisa ukucindezeleka noma ukuchema. | Lowo ucheme kakhulu ukuthi angakwazi ukukunika umbono ongenakuchema ngesigameko leso. |
| brief | verb | to give essential information. | Staff should be briefed on how to use media enquiries. | azisa | verb | ukunika ulwazi olubalulekile. | Abasebenzi kufanele ukuthi baziswe ukuthi baziphendula kanjani izintatheli. |
| brief | adj | using few words or a short time. | She made a brief working visit to Japan. | okufushane | adj | ukusebenzisa amgama amafushane noma isikhathi esifushane. | Uye wavakasha kafushane nje ngokomsebenzi ezweni laseJaphani. |
| bulk | noun | the main part or most of something. | People of peasant status constituted the bulk of the European population. | inqwaba | noun | ingxenye enkulu yento ethile. | Abantu abazihluphekelayo yibona ababeyinqwaba yabantu emphakathini wabantu baseYurophu. |
| capable | adj | having the ability. | They are aware that not all the learners are capable of doing the core mathematics curriculum. | ukukwazi | adj | ukuba namandla. | Bayazi ukuthi akusibona bonke abafundi abangakwazi ukwenza ungqo wezibalo. |
| capacity | noun | the capability to perform or produce. | All human beings have the capacity for growth and creativity. | amandla | noun | amandla okukwazi ukuthi kube khona okwenzayo noma ukukhiqiza. | Bonke abatu banamandla okukhula kanye nokusungula izinto ezithile. |
| catalogue | noun | a complete, usually alphabetical, list of items. | Use the online library catalogue to find library books on the shelves. | ikhathalogi | noun | uhla lwezinto oluphelele imvamisa olubhalwa ngokwama-alfabhethi. | Sebenzisa ikhathalogi etholakala nge-inthanethi kumtapowolwazi ukuthola izincwadi zasemtapweni wolwazi emashalofini. |
| catalogue | verb | to give a list of all the events or qualities connected with someone or something. | Please catalogue all the causes of the war in your introduction. | bhala uhla | verb | ukunika uhla lwazo zonke izigameko noma amazingabunjalo axhumn nomuntu othile noma nento ethile. | Uyacelwa ukuba ubhale uhla lwazo zonke izimbangela zempi kwisethulo sakho. |
| cease | verb | put an end to a state or an activity. | if plants and animals didn't produce offspring after their kind, they would cease to exist, and everything in the world would soon die. | shabalala | verb | phetha noma qeda umsebenzi othile. | Uma izitshalo kanye nezilwane kungakhiqizi izingane zakho ezanele, kusho ukuthi izitshalo nezilwane kuzoshabalala phela uma kunjalo kanti ngemuva kwalokho-ke yonke into ekhona emahlabeni iyobeisiqala sifa ngokushesha. |
| challenge | noun | a questioning of the truth, value or validity of something. | He made a direct challenge to her authority. | inselelo | noun | ukubuza ngobuqiniso beqiniso, benani noma ukuba yiqiniso kwento ethile. | Wavela wabuphonsela inselelo ubuholi bakhe. |
| channel | noun | the medium for transmitting a message. | Writing is the channel through which students' academic performance is assessed. | ishaneli | noun | umunxa wokwedlulisa umyalezo. | Ukubhala yishaneli okuhlolwa ngayo inqubekelaphambili yabafudi enyunivesi. |
| characterise | verb | to give the most typical feature(s) of something. | Strikes are characterised by high levels of violence. | yiba nokuthile | verb | ukunikeza izinto eziyizici ezifanele impela ngento ethil. | Iziteleka zivame ukuba namazinga aphezulu odlame. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| chart | noun | a visual display of information, such as a diagram or graph. | Charts, tables, data from media, newspaper articles and debates are tools and techniques that are often used in teaching practice. | ishadi | noun | ukubonisa into esidlangalaleni esuke iqukethe ulwazi, kungaba yinto efana nomdwebo noma igrafu. | Amashadi, amathebula, idatha evela kwabemithombo yokwazisa, imibhalo yamaphephandaba kanye nezinkulumompikiswano konke lokho kungamathuluzi kanye namacebo okuvamel ukuthi kusetshenziswe ekuzejwayezeni ukuthi uye kofundisa. |
| chart | verb | to record or follow the progress of something. | The longitudinal study allowed him to chart trends over time. | landela | verb | ukurekhoda noma ukulandela inqubekelaphambili yento ethile. | Ucwaningo olude lwamvumela ukuthi akwazi ukulandelela ukwenzeka kwezinto ngemuva kwesikhathi. |
| circumstance | noun | the way an event happened or its causes. | The circumstances surrounding his death were investigated. | isimo | noun | indlela isigameko esenzeke ngayo noma izimbangela zaso. | Izimo ezihlobene nokushona kwakhe zaphenywa. |
| citation | noun | words taken directly from a source. | A citation in academic writing functions as a call on authority. | okucashuniwe | noun | amagama athathwe enjengoba enjalo kumthombo othile. | Ukuveza okucashuniwe emibhalweni yasemanyuvesi kusebenza njengendlela yokubonisa igunya. |
| cite | verb | make reference to. | Lecturers expect students at postgraduate level to know how to cite sources correctly. | caphuna | verb | ukusho into ethile. | Othisha basenyunivesi balindele ukuthi abafundi asebenza iziqu zabo zesibili bakwazi ukucaphuna imithombo abayisisebenzisile ngendlela okuyiyonayona. |
| civil | adj | of or occurring between or among citizens of the state. | They received complaints from the civil community. | komphakathi | adj | yinto eyenzeka phakathi kwezakhamizi zezwe. | Bathola izikhalo zivela emalungeni omphakathi. |
| clarify | verb | to make clear and comprehensible. | The literature review can provide the necessary information to clarify one’s research aims. | cacisa | verb | ukwenza kukhanye kuthi bha futhi kuzwakale kahle. | Ukubuyekezwa kwemibhalo yobuciko kungahlinzeka ngolwazi olufanele ukucacisa izinhloso zocwaningo. |
| clarity | noun | the quality of being expressed clearly. | For the sake of clarity, the topics will be discussed in detail and examples will be given. | incaciso | noun | izingabunjalo lokukhuluma kahle. | Ukuze kutholakale incaciso, lezi zihloko kuyokhulunywa kabanzi ngazo futhi kunikezwe nezibonelo. |
| classic | adj | well-known and considered of high quality. | The book, first published in 1934, became a classic text. | okungasoze kwabuna | adj | okwaziwa kakhulu futhi okuthathwa ngokuthi kungokwezinga eliphezulu kakhulu. | Leyo ncwadi njengoba yaqala yashicillwa ngonyaka ka 1934, yavele yaphenduka incwadi engasoze yabuna. |
| classify | verb | to arrange something in groups according to features. | Novels are classified according to their genre. | beka ngononina | verb | ukuhlela into ethile ibe ngamaqembu ngokulandela izinto ezithile ezibekiwe. | Amanoveli abekwa ngononina kuye ngokuthi inoveli ngayinye ikhuluma ngani. |
| clue | noun | a piece of evidence to help you solve a problem. | The lives of book characters will give the reader a clue of the writer's own life story. | isithombe | noun | ubufakazi obuncane obungakusiza ukuthi usombulule inkinga. | Izimpilo zabalingiswa bezincwadi zizonika umbhali isithombe ngempilo yombhali uqobo. |
| code | noun | a set of rules or principles or laws. | Students have to follow the university's code of conduct. | ikhodi | noun | isethi yemithetho noma yemigomo. | Abafundi kufanele ukuthi balandele ikhodi yokuziphatha yenyunivesi. |
| code | verb | to use words, letters or numbers to show that an item belongs to a particular group. | The data was coded by using a set of predetermined categories. | fihla | verb | ukusebenzisa amagama, izimpawu noma izinombolo ukubonisa ukuthi into ethile ingeyeqembu elithile. | Imininingo yafihlwa ngokusebenzisa isethi yezinhlaka ezihlelwa zingakasetshenziswa. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| cogent | adj | reasonable and convincing. | He had cogent reasons for continuing with his research and so the university agreed to support him. | okuhlakaniphile | adj | okuphusile futhi okuyengayo. | Wayenezizathu ezihlakaniphile zokuqhubeka nocwaningo lwakhe nokwenza ukuthi inyunivesi igcine ithe izoqhubeka nokumeseka. |
| cognition | noun | the process by which people understand things. | The body, emotions and cognition cannot be separated in the expressive mode of the performance of poetry. | ukuqonda | noun | uhlelo abantu abaqonda ngalo izinto. | Umzimba, izinzwa kanye nokuqonda yizinto lezo ezingeke zehlukaniswa ngaphansi komuzwa wokwenziwa izinkondlo. |
| coherent | adj | marked by an orderly and consistent relation between the parts of a whole. | You must report your findings in a logical, coherent and ethical manner. | okuzwakalayo | adj | okunobudlelwano obuhlelekile nobuhamba ngendlela phakathi kwezinto eziyizingxenye zento ethile egcwele noma ephelele. | Kufanele ukuthi ubike ngalokho okutholile ocwaningweni lwakho ngendlela eqondile, ezwakalayo futhi elandela izinkambiso. |
| coincide | verb | to happen simultaneously. | The reign of Alexander coincided with the golden age of Russian literature. | hambisana | verb | ukwenzeka ngesikhathi esisodwa noma esifanayo. | Ukubusa kuka-Alexander kwakuhambisana nesikhathi segolide kwimibhalo yobuciko yasezweni laseRashiya. |
| coincide | verb | to be exactly the same as, or very similar to, something else. | Their test answers coincided, thus the lecture thought that they might have cheated. | qondana | verb | ukufana nokuthile, noma ukufanana nenye into ethile. | Izimpendulo zabo kwisivivinyo ababesibhala zamane zaziqondanela nje, nokwenza ukuthi uthisha wasenyuvesi acabange ukuthi kusho ukuthi babekopelana. |
| collapse | verb | to break down, literally or metaphorically. | He collapsed on the ground due to a heart attack. | yiwa | verb | ukwehlukanisa, ngokusobala noma ukwehlukanisa okungacacile. | Wavele wawa phansi ngenxa yokuhlaselwa yisifo senhliziyo. |
| collapse | noun | a sudden failure in the way something works, so that it cannot continue. | The collapse of the country’s economy led to the revolution. | ukuwa | noun | ukwehluleka okuvele kuqhamuke nje esithubeni kungazelele muntu mayelana nendlela into ethile esebenza ngayo, ukuze ingakwazi ukuqhubeka. | Ukuwa komnotho wezwe kwaholela ekutheni kube nokuvukela umbuso. |
| commence | verb | to set in motion, cause to start. | Research may only commence from the second week of February and must be concluded before the beginning of the last quarter of the academic year. | qala | verb | ukwenza into yenzeke, ukubangela ukuthi into iqale. | Ucwaningo lungaqala kuphela evikini lesibili likaNhlolanja futhi kufanele ukuthi luphothulwe ngaphambi kokuqala kwesigamu sokugcina sonyaka wokufunda. |
| comment | verb | to give your opinion about something or someone, or your explanation for something. | Napoleon Bonaparte commented along these lines when he stated, "Man is entitled by birthright to a share of the Earth's produce sufficient to fill the needs of his existence." | phawula | verb | ukunikeza umbono wakho mayelana nento ethile noma mayelana nomuntu othile, noma incazelo yakho yento ethile. | UNapoleon Bonaparte waphawula into ethi mayithi, "Umuntu onelungelo lakhe lokuzalwa ukuthi abelane kwimikhiqizo yomhlaba neyenele ukubhekana nokuphila kwakhe." |
| comment | noun | a written or spoken remark, criticism or observation about an event, a person etc. | Comments on the website indicate people's general dissatisfaction with medical services in the province. | ukuphawula | noun | ukuphawula okubhalwe phansi noma yinto ethile eye yabonakala mayelana nesigameko, nomuntu, njll. | Ukuphawula okubalulwe kwiwebhusayithi kubonisa ukungeneliseki nje jikelele kwabantu ngezinsizakalo zokwelashwa esifundazweni. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| comment | noun | something that reveals something, usually bad, about a situation or event. | The number of unemployed people is a comment on the health of the country's economy. | ukuphawula | noun | yinto ethile eveza into ethile, isikhathi esiningi kuvamise ukuthi kube yinto embi, mayelana nesimo noma nesigameko. | Inani labantu abangasebenzi liwukuphawula ngempilo yomnotho wezwe. |
| commission | noun | a special group delegated to consider a matter. | The Department appointed a commission of enquiry into the alleged unfair dismissal of two employees. | ikhomishini | noun | leli yiqembu elithile elinekwe amandla okuba libheke udaba oluthile. | UMnyango wabe usuqoka ikhomishani yokuthola amaqiniso mayelana nokusolakala ukuthi ukuxoshwa kungafanele kwabasebenzi ababili. |
| commission | verb | to officially ask somebody to do or write something. | He was commissioned to investigate the corruption in the company. | yalela | verb | ukucela umuntu ngokusemthethweni ukuthi akenze noma akabhale okuthile. | Wayalelwa ukuba aphenye ngenkohlakalo eyayenzeka enkampanini. |
| commit | verb | to give entirely to a specific person, activity or cause. | The university has committed additional funds to postgraduate bursaries. | nikezela | verb | ukunikezela ngokuphelele kumuntu othile, kumsebenzi othile noma kwisehlo esithile. | Inyunivesi isinikezele ngezinye izimali ezengeziwe kwimifundaze yezifundo ezinkulu. |
| commodity | noun | a useful or valuable thing that can be sold to make a profit. | Gold is a precious commodity to South Africa. | into ebalulekile | noun | yinto elusizo futhi ebalulekile engathengiswa ukuze kwenziwe inzuzo. | Igolide yinto ebalulekile eNingizimu Afrika. |
| communicate | verb | to interchange information or ideas with someone else, using words, signs, etc. | More and more people around the world communicate via Skype as a substitute for face to face interaction. | xhumana | verb | ukushintshiselana ngolwazi noma ngemicabango nomunye umuntu, usebenzisa amagama, izimpawu, njll. | Abantu abaningi emhlabeni jikelele baxhumana ngokusebenzisa iSkype njengendlela ekahle yokukhuluma nomuntu ubuso nobuso. |
| community | noun | a group of interdependent entities sharing the same space or interests. | The team studied kinship relations in the community for a period of four years. | umphakathi | noun | iqembu lezinto ezincikene ukuze zikwazi ukuphila ngokwabelana indawo efanayo kanye nezinye izinto ezifanayo. | Ithimba labe selifunda kabanzi ngobudlelwano bokuhlobana emphakathini isikhathi esiyiminyaka emine. |
| community | noun | a group of people sharing the same social practices. | He is well respected in the community of civil engineers. | umphakathi | noun | leli yiqembu labantu elabelana ngezinto zenhlalo ezefana ncamashi. | Lowo uhlonishwa kakhulu kabi emphakathini wonjiniyela. |
| compare | verb | to examine things to see how they are similar or different. | The researcher want to compare the current findings with those of three years ago. | qhathanisa | verb | ukuhlola izinto ukubona ukuthi ngabe zefana noma zehlukene kanjani. | Umcwaningi ufuna ukuqhathanisa izinto ezitholakale ocwaningweni lwamanje nalezo ezatholakala eminyakeni emithathu edlule. |
| compatible | adj | able to exist and perform in harmonious combination. | Their findings on the ecological impact of fracking are compatible with those of previous researchers. | okuhambisanayo | adj | okokwazi ukuphila kanye nokusebenza ngokubambisana nangokuthula uma kuhlangene. | Izinto abazithola ngomthelela wokumbiwa kwezindawo kwatholakala ukuthi ziyahambisana nalezo ezatholwa ngabacwaningi baphambilini. |
| compensate | verb | to pay somebody money for something. | The university compensated students for the injuries they sustained when the lift in the administration building fell one floor. | nxephezela | verb | ukukhokhela umuntu imali ukuthi enze into ethile. | Inyunivesi yanxephezela abafundi ngokulimala abakuthola ngenkathi kuwa ikheshi kwisitezi esisodwa kwisakhiwo sokusebenzela enyunivesi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| compensate | verb | to balance, remove or mitigate the negative consequences of something. | The richness of the data compensated for the small sample. | mela | verb | ukubhalansa, ukususa noma ukulungisa imiphumela emibi yento ethile. | ukuceba kwemininingo kwakumela isampula elincane. |
| competence | noun | the skill to perform a particular task. | Managers need the competence to develop global marketing strategies. | ukuqonda | noun | ikhono lokukwazi ukwenza umsebenzi othile. | Abaphathi kudingeka ukuthi babenokuqonda kokuthuthukisa amacebo okuthengisa ezimakethe zomhlaba. |
| compile | verb | to put together a list, document, book, report, etc. by assembling information. | The researcher compiled a research report after completing the study. | hlanganisa/didiyela | verb | ukubeka ndawonye uhla, idokhumenti, incwadi, umbiko, njll. ngokuhlanganisa ulwazi. | Umcwaningi uye wahlanganisa umbiko ngemuva kokuphothula ucwaningo. |
| compiler | noun | a person who puts parts or information together. | Richard Yates was the compiler of the short-story collection *Eleven Kinds of Loneliness.* | umdidiyeli | noun | lona umuntu ofaka izingxenye noma ulwazi ndawonye. | URichard Yates wayengumdidiyeli weqoqo lezindaba ezimfushane elinesihloko esithi: *Eleven Kinds of Loneliness.* |
| complement | noun | something that provides additional qualities in order to improve or complete something else. | A picture would be the perfect complement to the text in explaining the concept. | into ebonakala kahle | noun | yinto ethile ehlinzeka ngamazingabunjalo okwengenza ukuze kwenziwe ngcono noma kuphothulwe enye into ethile. | Isithombe singenza ukuthi umbhalo ukwazi ukubonakala kahle lapho kuchazwa khona itemu. |
| complement | verb | to add to something in a way that improves it or completes it. | The oral examination is designed to complement the written examination. | hambisana | verb | ukwengeza into ethile ngendlela eyenza ukuthi lokho okwengezwa phezu kwakho kube ngcono noma kupheleliswe. | Isivivinyo somlomo senzelwe ukuhambisana nesivivinyo esibhalwayo. |
| component | noun | one of the individual parts making up a larger entity. | The primary components of sand are minerals such as feldspars and quartz. | isakhi | noun | enye yezingxenye ezenza into eyodwa enkulu. | Izakhi ezinkulu zesihlabathi amaminerali afana ne-feldspars kanye ne-quartz. |
| compound | noun | a whole formed by joining two or more elements or parts. | A compound of sleep and good eating habits are essential for good health. | ingxube | noun | yinto ehlangenge eyenziwa ngokujoyina izinto ezimbili noma ngaphezulu kwalokho. | Ingxube yokulala kanye nemikhuba emihle yokudla yizinto ezibalulekile kwimpilo enhle. |
| comprehend | verb | to fully understand something that is complicated or difficult. | Entropy is a complex concept that is difficult to comprehend. | qonda | verb | ukuqonda ngokuphelele into ethile esuke inzima noma inezinto eziningi kuyo. | Uma kukhulunywa nge-entropy kukhulunywe ngento enzima kakhulu nokunzima kakhulu ukuyiqonda. |
| comprehensive | adj | including all or everything. | She did a comprehensive study on the behaviour of the emotional bond between pets and people. | okubanzi | adj | okufaka yonke into ngaphakathi. | Wenza ucwaningo olubanzi ngokuziphatha okukhona kanye nokuxhumana ngomoya phakathi kwezilwane ezifuywayo kanye nabantu. |
| comprise | verb | to be made up of; consist of. | Solar radiation comprises a range of wavelengths. | qukatha | verb | ukwenziwa yinto ethile; ukuba nento ethile. | Ukushisa okwenziwa ngelanga kuqukethe inqwaba yamagagasi okushisa. |
| conceive | verb | to form an idea in your mind. | The mining project was originally conceived in 1905. | akheka | verb | ukwenza umqondo othile kuwe. | Le projekthi yemayini yakheka ukuqala kwayo nje ngonyaka ka 1905. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| conceive | verb | to imagine a particular situation. | It is very difficult to conceive of modern life without access to the internet. | cabanga | verb | ukucabangela isimo esithile. | Kunzima ukuthi ungake ucabange impilo yesimanjemanje ngaphandle kokuba ne-inthanethi. |
| concentrate | verb | to make denser, stronger or purer. | Hand soap, soft drinks and liquid medicine are concentrated solutions commonly found in the household. | yenza kube ngamanzi aqinile | verb | ukwenza kushube, kube namandla noma kube msulwa. | Insipho yezandla, iziphuzo ezibandayo (odilinki) kanye nemithi engamanzi yizinto eziluketshezi oluqinile ezivame ukutholakala emakhaya. |
| concentrate | verb | to bring together. | The medical research laboratory is concentrating all its  efforts on developing a vaccine for TB. | nqwabelana | verb | ukuletha ndawonye. | Ilabholethri yezemithi inqwabelanisa yonke imizamo yayo ekusunguleni umjovo we-TB. |
| concentrate | verb | to think very clearly. | Due to her illness she was unable to concentrate on anything. | gxila | verb | ukucabanga ngokucace kakhulu. | Ngenxa yesifo sakhe akakwazanga ukugxila kunoma yikuphi okwakwenziwa. |
| concept | noun | an abstract or general idea. | I struggle to understand the concept of evolution. | umqondo | noun | yinto ewumcabango ojwayelekile. | Uyazi namanje mina ngisakuthola kunzima ukuyiqonda kahle le ndaba yomqondo wokuthi into uma isifile iphinda ibe nokuvuka futhi. |
| concise | adj | giving only the information that is necessary or important. | Avoid long, complex sentences and repetition to keep your writing concise. | okufingqiwe | adj | ukunikeza kuphela ulwazi oludingekayo noma olubalulekile. | Gwema imisho emide, engxubevange, kanye nempinda ukuze ugcine umbhalo wakho ufingqiwe. |
| conclude | verb | to make a decision after considering all the information you have. | In the article he concludes that it is possible for poor countries to curb the spread of HIV. | phetha | verb | ukwenza isinqumo ngemuva kokubheka lonke ulwazi onalo ngakuwe. | Kumbhalo wakhe uphetha ngokuthi yinto engenzeka ukuthi amazwe ahluphekayo akwazi ukunqanda ukubhebhetheka kwesandulelangculazi. |
| conclude | verb | to successfully complete something you have been doing, especially for a long time. | They followed up every possible lead and concluded the investigation after three years. | qedela | verb | ukuphothula into ethile okade uyenza ngempumelelo, ikakhulazi okade uyenza isikhathi iside. | Balandela wonke umkhondo ovelayo base baqedela uphenyo ngemuva kweminyaka emithathu. |
| conclusion | noun | an opinion you reach after thinking about all the information. | The judge has reached a conclusion and will deliver his verdict next week. | isiphetho | noun | umbono ofinyelela kuwo ekugcineni ngemuva kokucabanga ngalo lonke ulwazi. | Ijaji selifinyelele esiphethweni futhi selizokwethula isinqumulo salo ngesonto elizayo. |
| concur | verb | agree with somebody or something. | We concur with the decision of the Department of the Treasury to improve upon the proposal to define candidate-related political activity for social welfare groups. | vumelana | verb | ukuvumelana nomunye umuntu noma nento ethile. | Siyavumelana nesinqumo soMnyango Wezezimali sokuthi kwenziwe ngcono kwizicelo ezifakwe ngamaqembu ezepolitiki ukuthi achaze umsebenzi wepolitiki ohlobene namaqembu enhlalakahle nalabo abangenele ukhetho. |
| concurrent | adj | occurring or operating at the same time. | There are three concurrent music festivals around the city. | ngasikhathi sinye | adj | okwenzeka noma okuqhubeka ngesikhathi esifanayio. | Kunemicimbi emithathu yomculo eyenza ngasikhathi sinye lapha edolobheni. |
| condemn | verb | to express very strong disapproval. | The international community condemned the acts of violence in the country. | gxeka | verb | Ukubonisaukungahambisani ngokunamandla nento ethile noma ukugxibha. | Umphakathi wamazwe omhlaba uzigxeke kakhulu izenzo zodlame ezenzeka kuleli lizwe. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| conduct | verb | to perform or carry out. | The university conducted a survey into student responses to the newly implemented fee structure. | enza | verb | ukwenza noma ukuqhubeka nomsebenzi othile. | Inyunivesi yenza ucwaningo ngezimpendulo zabafundi mayelana nohlelo olusha lwezimali oseluqalisiwe. |
| conduct | noun | the way a business, campaign, activity, etc. is organised or managed. | There is growing criticism of the conduct of the pharmaceutical companies in the Third World. | ukuziphatha | noun | indlela ibhizinisi, umkhankaso, umsebenzi, njll. ohlelwe ngakhona noma ophethwe ngakhona. | Kunokugxeka okukhulu ngendlela izinkampani zemithi eziziphethe ngayo Ezweni Lesithathu. |
| confer | verb | to have a meeting in order to talk something over. | The two judges conferred with each other and agreed that the man should be sentenced to life in prison. | hlangana | verb | ukuba nenguyazana yomhlangano ukuze nikhulume ngento ethile. | Amajaji amabili ahlangana ase evumelana ukuthi le ndoda kufanele ukuthi igwetshwe udilikajele. |
| confer | verb | to give an honour, degree, title, etc. to someone. | A doctorate in engineering was conferred on him in 1998. | thwesa | verb | ukunika inhlonipho, ijazi lemfundo, isibizo, njll. kumuntu othile. | Wethweswa ijazi lobudokotela kwezobunjiniyela ngonyaka ka 1998. |
| confine | verb | to place limits on; restrict. | Reading problems are not confined to school dropouts. | ukubekwa | verb | ukubeka imikhawulo entweni ethile; nqinda. | Izinkinga zokufunda azibekiwe kulabo abashiye phansi esikoleni kuphela. |
| confine | verb | to prevent something from spreading beyond a particular place or group. | Health officials have confined the foot and mouth epidemic to Kwazulu-Natal. | gcina | verb | ukuvikela into ukuthi isabalale ngaphezu kwendawo ethile noma kweqembu elithile. | Izikhulu zezempilo zikwazile ukugcina isifo samatele siKwaZulu-Natali kuphela. |
| confirm | verb | to establish or strengthen as with new evidence or facts. | Further genetic tests confirmed the diagnosis. | qinisekisa | verb | ukuthola amandla njengobufakazi obusha noma amaqiniso amasha. | Okunye ukuhlolwa kofuzo kuye kwaqinisekisa ukugula okukhona. |
| conflict | verb | to be very different to something, or to be in opposition to something. | These results conflict with earlier findings. | shayisana | verb | ukwehluka kakhulu entweni ethile, noma ukuphikisa into ethile. | Le miphumela iyashayisana nemiphumela yaphambilini. |
| conflict | noun | a situation where people are in serious disagreement. | Managing and resolving conflicts over natural resources may define global peace and security in the 21st century. | ingxabano | noun | isimo lapho khona abantu benokungavumelani okunzima impela. | Ukukwazi ukulawula kanye nokusombulula izingxabano ngezinto zemvelo kungenzeka kuchaze ukuthula komhlaba kanye nokuphepha kwikhuluminyaka lama-21. |
| conform | verb | to be similar or in line with. | Some students feel the pressure to conform and not to be different. | ukufana | verb | ukuba yinto efanayo noma ukuhambisana nokuthile. | Abanye abafundi bayayizwa ingcindezi yokufana ukuze bengehluki kwabanye. |
| conform | verb | to obey a law, rule, etc. | New drugs must conform to the standards of the Medical Research Council. | hambisana | verb | ukuhlonipha umthetho, isiqondiso, njll. | Imithi emisha kufanele ukuthi ihambisane nezimiso ze-Medical Research Council. |
| connect | verb | to join together. | A pedestrian bridge connects the main campus with the south campus. | ukuhlanganisa | verb | ukuxhumanisa. | Ibhuloho elihamba abezinyawo lixhuma ikhempasi enkulu nekhempasi eseningizimu nekhempasi. |
| connect | verb | to make a link between people, things, etc. | In his dissertation he attempted to connect the economic and cultural dimensions. | xhumana | verb | ukwenza ukuthi kube nokuxhumana phakathi kwabantu, kwezinto, njll. | Kwi-dissertation yakhe wazama ukuxhumanisa izinhlaka zezomnotho kanye nezamasiko. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| consent | verb | to give an affirmative reply to; respond favourably to. | Since she is of age, her parents do not have to consent on her behalf. | vuma | verb | ukunika impendulo ebonisa ukuhambisana nesimo esithile; ukuphendula ngendlela ebonisa ukuthanda. | Njengoba vele ngokweminyaka yakhe usekhulile, asisekho isidingo sokuthi abazali bakhe kube yibona abavuma egamemi lakhe. |
| consent | noun | permission to do something. | You have to obtain informed consent from the respondents before the empirical part of the research can commence. | imvume | noun | imvume yokwenza into ethile. | Kufanele ukuthi uthole imvume lapho ovumayo enolwazi ngento ayivumayo ngaphambi kokuba uze uqale ukwenza ucwaningo. |
| consent | noun | agreement about something. | By common consent, the board decided to ban rock music from the campus. | imvume | noun | isivumelwano mayelana nento ethile. | Ngemvume yawo wonke umuntu, ibhodi yabe isithatha isinqumo sokuwumisa umculo we-rock ekhempasini. |
| consequence | noun | a result of something. | An immediate consequence of the Cold War in Russia was that military spending was cut dramatically and quickly. | umphumela | noun | umphumela wento ethile. | Umphumela owenzeka ngokushesha Ngempi Yomhlaba Ebandayo eRashiya kwaba ukuthi ukusetshenziswa kwemali kwezamasosha kwanqanyulwa ngendlela engakholakali kanye nangokushesha okukhulu. |
| consequent | adj | happening as a direct result or effect of an event or situation. | Rainforest destruction, and the consequent damage to the environment are now of primary concern in Central Africa. | ngemuva kwalokho | adj | okwenzeka ngenxa yomphumela wesigameko noma womthelela othile. | Ukufa kwamahlathi, kanti nokulimala kwemvelo ngemuva kwalokho yizinto eziyithinta kakhulu i-Afrika. |
| consider | verb | to think about or give attention to something that you are discussing or studying. | After carefully considering her research proposal, the research committee decided to accept it. | bheka | verb | ukucabanga ngento ethile noma ukunaka into okuxoxwa ngayo noma okufundwa ngayo. | Ngemuva kokubheka ucwaningo lwalokho okubhaliwe okuhlongozwa ukuthi kubhalwe ngakho, ikomidi locwaningo lathatha isinqumo sokukwemukela. |
| considerable | adj | large in number or amount or extent or degree. | They received a considerable amount of money from the company to fund the project. | okubanzi | adj | okubanzi ngokwenombolo noma ngokwenani noma ngokokwenzeka. | Bathola inani elibanzi impela lemali elalivela enkampanini ukuthi kufakwe izimali kule projekthi. |
| consist | verb | made up of. | Porcelain consists primarily of clays, feldspar or flint, and silica. | ukwakhiwa | verb | sakhiwe. | Isakhiwo se-porcelain sakhiwe wubumba, olunye udaka olwaziwa nge-feldspar kanye nosilika. |
| consistency | noun | the quality of always behaving in the same way. | Consistency in the use of tense is very important in the methodology section of the laboratory report. | into efanayo | noun | Izingabunjalo lokuhlala njalo uziphatha ngendlela efanayo. | Ukwenza into efanayo ekusebenziseni izinkathi kubaluleke kakhulu kwisigaba sokwenza embikweni waselabholethri. |
| consistency | noun | how thick, smooth or firm a liquid is. | The lump had a rubbery consistency. | okuqinile | noun | ukuqina kwento ethile, ebushelelezi noma eqinile kodwa ebe ingamanzi phakathi. | Igqubu leli liye laba nobukhulu obuthile obuqinile. |
| consistent | adj | in agreement with something. | The results of the research are consistent with the hypothesis. | okuvumelanayo | adj | okuvumelana nokuthile. | Imiphumela yalolu cwaningo iyahambisana naklokho obekuvele kucatshangelwa. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| consistent | adj | always behaving in the same way, and continuing for a period of time. | Government departments must be consistent in what they communicate. | ukuhambisana | adj | ngaso sonke isikhathi okuziphatha ngendlela ethile futhi okuqhubeka isikhathi eside. | Iminyango kahulumeni kufanele ukuthi ihambisane kulokho exhumana ngakho nabantu. |
| constant | adj | uninterrupted in time and indefinitely continuing. | The lecturer's constant encouragement motived the students to succeed. | okungaguqukiyo | adj | okungaphazamisekile ngokwesikhathi futhi okuhlala njalo kuqhubeka. | Ukukhuthaza okungaguquki kukathisha kwabanika ugqozi abafundi ukuthi baphumelele. |
| constant | noun | a thing, quantity or value that always stays the same. | In the world of business the only constant is a drive for profit. | ukuqina idolo | noun | into, ubuningi noma inani okuhlala ngaso sonke isikhathi kufana. | Ezweni lamabhizinisi ukuqina idolo yikhona okwenza inzuzo. |
| constituent | noun | one of the parts that combine to form a whole. | Reading comprises of various constituents, such as basic decoding of information as well as comprehension. | ingxenye | noun | enye yezingxenye zento ezihlanganisa into ethile ukwenza into ethile ehlangene. | Ukufunda kuhlanganisa izingxenye eziningi kakhulu ezifaka phakathi ukuvula ulwazi oluthile kanye nokuqonda. |
| constitute | verb | to form or compose. | The nine provinces constitute the Republic of South Africa. | yenza | verb | ukwakha noma ukusungula. | Izifundazwe eziyisishiyagalombili zenza iNingizimu Afrika. |
| constitute | verb | to be the same as something. | His whole idea is that if vicious people are united and constitute power, then honest folk must do the same. | yenza | verb | ukufana nento ethile. | Umbono wakhe wonke owokuthi uma abantu ababi bekwazi bona ukuhlangana bese bakha amandla, lokho kusho ukuthi nabantu abethembekile ngokunjalo kufanele benze okufanayo. |
| constrain | verb | to hold back. | The study was constrained by time and financial resources. | vimbela | verb | ukubamba. | Ucwaningo lwavinjelwa yisikhathi kanye nemithombo yezimali. |
| construct | verb | to make by combining materials and parts. | The houses were constructed of stone and mud brick. | akha | verb | ukwenza ngokuhlanganisa izinto kanye nezingxenye. | Izindlu zakhiwa ngamatshe kanye nezitini zodaka. |
| construct | verb | to form something, such as an idea, sentence, argument or piece of writing, by joining different words, ideas, etc. | Charlotte constructed her theory from personal experience and research. | akha | verb | ukwenza into ethile, efana nomqondo, nomusho, nenkulumo noma umbhalo, ngokuhlanganisa amagama ahlukanisa, njll. | UCharlotte wakha ithiyori yakhe esusela ezigamekweni eziye zamehlela yena uqobo. |
| construct | noun | a complex idea, belief or philosophy. | Race is largely a social construct influenced by social conditioning. | isakhiwo | noun | umqondo onezinto eziningi, inkolelo noma umqondo othile. | Uhlanga yisakhiwo somphakathi nesihlelwa ukuma kwezinhlaka zomphakathi. |
| consult | verb | to go to a person, book, etc. for advice or information. | She will consult a dictionary to check the spelling of the words. | bheka | verb | ukuya kumuntu noma kwincwadi, njll. ukuze uthole iseluleko ngolwazi. | Uzobheka kwisichazamazwi ukubheka isipelingi samagama. |
| consult | verb | to talk and exchange ideas and opinions about something so that you can make a decision together. | Students are encouraged to consult with lecturers during consultation hours. | bonisana | verb | ukukhuluma kanye nokushintshana ngemiqondo kanye nemibono mayelana nento ethile ukuze ukwazi ukwenza isinqumo nindawonye. | Abafundi bayakhuthazwa ukuthi ukuthi babonisane nothisha babo basenyunivesi ngezikhathi zokubonana nabo. |
| consume | verb | use up, e.g. resources or materials. | The dying of fabrics consumes large quantities of water. | yidla | verb | sebenzisa, isib. izinto eziningi kakhulu. | Ukudaya izindwangu kudla amanzi amaningi kakhulu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| contemporary | adj | belonging to the present time. | Contemporary landscape artists have discarded the idea of a pretty picture in favour of a work of art that expresses social commentary. | kwesimanjemanje | adj | yinto yangalesi sikhathi samanje. | Abadwebi besikhathi samanje bawushaye indiva umqondo wesithombe esihle kodwa okunalokho manje into asebegxile kuyo umsebenzi okhuluma ngezinto ezenzeka emphakathini. |
| context | noun | the general situation, events or information relating to an idea or an event and helping it to be understood. | The introductory chapter of a dissertation has to describe the context within which the research is situated. | umongo | noun | isimo esivamile, izehlakalo noma ulwazi olumayelana nomqondo noma nesigameko kanye nokusiza ukuthi saziwe noma siqondakale. | Isahluko sokwethula se-dissertation kufanele ukuthi sichaze umongo lapho kususelwe khona ucwaningo obelwenziwa. |
| context | noun | the words and sentences that come before and after a particular word, and which help to make its meaning clear. | "Funny" can mean "strange" or "amusing", depending on the context. | umqondo | noun | amagama kanye nemisho okuza ngaphambi kanye nangemuva kwegama elithile, nasiza ukwenza ukuthi umqondo ucace. | Igama elithi "umfundisi" kungenzeka lisho "oshumayelayo" noma "uthisha", kuye ngomqondo oqondiwe ngaleso sikhathi. |
| contract | noun | a binding agreement which can be enforced by law. | The contract stipulated that the work had to be completed three months. | inkontileka | noun | Isivumelwano esibophezelayo nesingenziwa ukuthi sisebenze ngumthetho. | Inkontileka yayikusho kahle ukuthi umsebenzi kwakufanele ukuthi uqedwe kwizinyanga ezintathu. |
| contract | verb | to make a formal agreement with somebody to do something. | The carpenter was contracted to do the work on the eastern side of the quadrangle by 30 November 1443. | nika inkontileka | verb | ukwenza isibonelo esisemthethweni nomuntu othile ukuthi enze okuthile. | Umbazi wanikwa inkontileka yokuthi enze umsebenzi ngasohlangothini lwangasempumalanga lwegceke ngomhla zingama-30 kuLwezi 1443. |
| contradict | verb | to be very different from each other, said or written, to the extent that one may be wrong. | A statement he makes in a recent article contradicts a claim he made in an article published five years ago. | shayisana | verb | ukwehlukana kakhulu, kungaba okushiwo ngomlomo noma okubhaliwe, nokungaze kusho ukuthi kungenzeka ukuba umuntu ushaya eceleni kulokho. | Lesi sitatimende asenze kulo mbhalo wakhe wakamuva siyashayisana nalokho akusho komunye umbhalo wakhe owashicilelwa eminyakeni emihlanu edlule. |
| contradict | verb | to prove negative; show to be false. | The vice president's statement contradicts the facts uncovered by journalists. | phikisana | verb | ukuveza ubuqiniso bokuthi okuthile akusilona iqiniso; ukubonisa ukuba yiphutha kwento ethile. | Isitatimende sikasekela mongameli siphikisana namaqiniso atholwe yizintatheli. |
| contradiction | noun | a lack of agreement between facts, opinions or actions. | If there are contradictions between sources you have to decide which one you believe, and find additional evidence to support it. | ukungqubuzana | noun | ukungabibikho kokuvumelana phakathi kwamaqiniso, kwemibono noma kwezenzo. | Uma kunokungqubuzana phakathi kwemithombo yakho kuyofanele ukuthi uthathe isinqumo sokuthi yimuphi owukholwayo, bese uthola ubufakazi obengeziwe ukuweseka lowo mthombo. |
| contrary | noun | completely different or the exact opposite. | He said that water contracts when it freezes; on the contrary, it expands. | okuphikisayo | noun | okwehluke kakhulu noma okuphikisana kakhulu nalokho. | Wathi amanzi ayanwebeka uma eqina eba yiqhwa; okuphikisa lokho ukuthi, amanzi ayenab asabalale. |
| contrary | noun | the opposite of what has been said or done. | There is a sense that this runs contrary to the spirit of the agreement. | okuphikisanayo | noun | okuphikisa lokho okushiwo noma okwenziwe. | Kunomuzwa wokuthi lokhu kuyaphikisana nomoya wesivumelwano. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| contrary | adj | completely different and opposed to another belief, opinion, idea or view. | This idea is contrary to the general view held by management. | shayisana | adj | okwehluke ngokuphelele futhi okuphikisanayo nokunye ukukholelwa, okuphikisanayo nombono, nomqondo noma nokuqonda okuthile. | Kodwa lo mbono uyashayisana nombono wabaphathi nje bebonkana jikelele. |
| contrast | verb | to compare two things in order to show the differences between them. | In the play the happy life of a simple working woman is contrasted with the unhappy life of her wealthy employer. | qhathanisa | verb | ukuqhathanisa izinto ezimbili ukuze ubonise umehluko phakathi kwazo. | Kulo mdlalo impilo enokujabula yowesifazane ozisebenzelayo iqhathaniswa nempilo engenakuthokoza yomqashi wakhe oyisicebi. |
| contrast | noun | something that is very different from something else, especially when you put them next to each other. | Contrasts were observed between the two products in terms of price, functionality and durability. | ukushayisana | noun | into eyehluke kakhulu kwenye into, ikakhulukazi uma uyibeka eduze kwenye. | Ukushayisana kwaye kwabonakala phakathi kwemikhiqizo emibili ngokwenani, ukusebenza kwayo kanye nesikhathi esihlalayo leyo mikhiqizo. |
| contribute | verb | to give money or resources to achieve a particular purpose, or to pay for something. | The medical company contributed three crates of medicine to the new clinic. | faka isandla | verb | ukunikezela ngemali noma ngezinsiza ukuze ufezekise inhloso ethile, noma ukuze ukhokhele into ethile. | Inkampani ethengisa ngemithi yafaka isandla ngokunikela ngamakesi amathathu emithi emtholampilo omusha. |
| contribute | verb | to write articles, stories, etc. that are published in journals, newspapers or magazines. | The professor contributed many important articles to South Africa's leading medical journal. | bamba iqhaza ngokubhala | verb | ukubhala imibhalo, izindaba, njll. okushicilelwa kumajenali, kumaphephandaba noma kumaphephabhuku. | Usolwazi wabhala imibhalo eminingi kakhulu ebalulekile kwejenali yemithi ebalulekile eNingizimu Afrika. |
| controversial | adj | causing a lot of public disagreement. | Nuclear power is a controversial issue and continues to elicit heated debates. | okuyinzukazikeyi | adj | Okwenzaukuthi kube nokuphikisana okuningi kakhulu emphakathini. | Amandla enuzi wudaba oluyinzukazikeyi kanti lusaqhubeka nokubanga izimpikiswano ezishisa phansi yonke indawo. |
| controversy | noun | a public discussion about an issue that many people strongly disagree about. | As a result of the controversy with animal testing more media attention has occurred in terms of animal care in testing facilities. | inzukazikeyi | noun | ingxoxo yomphakathi mayelana nodaba oluthile okutholakala ukuthi abantu abaningi bayaphikisana ngalo. | Ngenxa yenzukazikeyi ngodaba lokuhlolwa kwezilwane, abemithombo yezindaba manje sebeqalile bakhuluma ngokunakekelwa kwezilwane ezindaweni zokuhlola. |
| convene | verb | to come together for a formal meeting. | The AIDS conference convened in Durban in May. | hlangana | verb | ukusondelana ndawonye ukuze kube nomhlangano osemthethweni. | Ingqungquthela yesifo sengculazi yahlanganela eThekwini ngoMeyi. |
| converge | verb | to move towards the same place from different directions. | Longitudinal lines converge at the poles and are the farthest apart at the equator. | hlangana | verb | ukusondela ngasendaweni efanayo nivela ezindaweni ezahlukene. | Imigqa emide ehlangana emapalini yiyona eyehlukene kakhulu ngasekuqaleni kwayo. |
| converge | verb | to stop being different and become similar in ideas, theories, societies, etc. | Their points of view converge when it comes to poverty relief. | hlangana | verb | ukuma ukuthi kungabe kusehlukwana bese kuba yinto eyodwa, imiqondo eyodwa, amathiyori awodwa, imiphakathi eyodwa, njll. | Imibono yabo iyahlangana uma sekuziwa ngasekuqedeni ubuphofu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| converse | verb | to carry on a discussion; talk. | The students like to converse with one another in their own languages, even though they all study in English. | xoxa | verb | ukuba nengxoxo nje nindawonye; ukukhuluma. | Abafundi bayathanda ukuzixoxela nje ngezilimi zabo, yize uthole ukuthi bonke benza izifundo zabo ngesiNgisi. |
| converse | noun | the opposite of a fact, opinion or statement. | It is generally believed that hormones influence behaviour. However, the converse is also true: behaviour influences hormone secretion. | inkulumo ephikisayo | noun | yiqiniso eliphikisana nelishiwo, nombono, noma nesitatimende esishiwo. | Imvamisa kunenkolelo yokuthi amahomoni nomthelela kwindlela umuntu aziphatha ngayo. Kodwa-ke kunenye inkulumo ephikisana nayo le ethi: indela yokuziphatha inomthelela ekwakhekeni kwamahomoni. |
| convert | verb | to change the nature, purpose or function of something. | Today it is easy to convert conventional DVDs into blue-ray disks. | guqula | verb | ukushintsha indalo yento ethile, ukushintsha inhloso noma ukusebenza kwento ethile. | Namhlanje sekwabalula nje ukushintsha aama–DVD akudala abe amacwecwe amancane aluhlaza okwesibhakabhaka. |
| convert | verb | to persuade someone to change their beliefs, opinions or habits. | Many Christians think that Charles Darwin gave up believing his theory of evolution and that he converted to Christianity before he died. | phendulwa | verb | ukunxenxa umuntu ukuthi ashintshe izinkolelo zakhe, imibono yakhe noma imikhuba yakhe akholelwa kuyo. | Amakholwa angamaKrestu amaningi akholwa ukuthi u Charles Darwin wayishiya phansi inkolelo yakhe yokuthi umuntu ufa abuye avuke wabe esephendulwa waba ngumKrestu ngaphambi kokuba ashone. |
| convert | verb | to be changed from one purpose or form to another. | A neutron converts into a proton when an electron is emitted. | shintsha | verb | ukushintshwa isuswa kwinhloso ethile ukuze yenze enye inhloso. | I-neutron iyashintsha ibe yiprhothoni uma kuphuma i-elekthroni kuyo. |
| convert | noun | someone who has changed or been persuaded to change to a different religion, political belief, etc. | She did not think she would do her shopping online, but now she is a convert. | ikholwa | noun | umuntu oseshintshile noma oncengiwe ukuthi ashintshele kwinkolo enye, kwinkolelo yezepolitiki, njll. | Akazange acabange ukuthi uyoke athenge izinto nge-inthanethi, kodwa manje usejikile useyikholwa. |
| convince | verb | to make someone realise the truth or validity of something. | Readers have to be convinced of an opinion by solid evidence. | bonisa | verb | ukwenza umuntu aliqonde iqiniso noma akuqonde ubuqiniso bento ethile. | Abafundi kumele baboniswe ngombono othile ngokuthi banikwe ubufakazi obuqinile. |
| co-operate | verb | to work together on a common project. | The Economics Department cooperates with the Computer Science Department on all their large projects. | bambisana | verb | ukusebenzisana kwiprojekthi ethile efanayo. | UMnyango Wezomnotho ubambisana noMnyango Wezesayensi Yamakhompyutha kuwona wonke amaprojekthi awo amakhulu. |
| core | noun | the most vital or central part. | The core of engineering is problem-solving. | umongo | noun | ingxenye ebaluleke kakhulu noma ephakathi nendawo. | umongo wezobunjiniyela ukusombulula izinkinga. |
| correlate | verb | to show that there is a close connection between two or more facts or figures. | Inadequate prenatal care correlates strongly with premature birth. | hlobana | verb | ukubonisa ukuthi kunokuxhumana okusondelene kakhulu phakathi kwamaqiniso amabili noma ngaphezulu, futhi kungenzeka kube wukusondelana kwezinombolo. | Ukunganakekelwa kwabantu abakhulelwe kuhlobene kakhulu nokushona kwabantwana abasanda kuzalwa. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| correlation | noun | a connection between two things in which one thing changes as the other does. | Research showed a clear correlation between poverty and crime. | ukuhlobana | noun | ukuxhumana phakathi kwezinto ezimbili lapho khona enye into ishintsha khona uma enye ishintsha. | Ucwaningo lubonise ukuhlobana okucacile phakathi kobubha nobugebengu. |
| correspond | verb | to be compatible, similar or consistent. | The witness's story corresponds to what can be seen on the video. | hambisana | verb | ukukwazi ukumelelana, ukufanana noma ukuba yinto engaguquki. | Indaba kafakazi iyahambisana nalokho okubonakalayo kwividiyo. |
| create | verb | to cause something new or original to happen or exist. | Government promised to create more jobs. | akha | verb | ukwenza ukuthi into entsha noma into engungqo yenzeke noma ibe khona. | Uhulumeni wethembise ukwakha imisebenzi eminingi. |
| criterion | noun | a characteristic in terms of which something can be evaluated. | The performance management system defines the criteria by which employees are evaluated. | indlela | noun | yisici esithile ngokwemibandela yaso into ethile ingabuyekezwa ngaso. | Uhlelo lokubheka ukusebenza kwabasebenzi luchaza izindlela abasebenzi abakalwa ngazo ukuthi basebenze kanjani. |
| crucial | adj | of extreme importance. | Donations of food are crucial to the survivors of the flood. | okunqala | adj | okubaluleke kakhulu. | Ukunikela ngokudla kuyinto enqala kakhulu kulabo abakhahlamezwe yizikhukhula. |
| cultivate | verb | to develop a way of thinking or behaving. | Video games are claimed to cultivate violence in some children. | tshala | verb | ukusungula indlela ethile yokucabanga noma yokuziphatha. | Imidlalo yamavidiyo kucatshangelwa ukuthi itshala udlame kwabanye abantwana. |
| culture | noun | a particular society at a particular time and place. | Piercing of body parts is not a modern phenomenon; it has been practiced by ancient cultures. | isiko | noun | umphakathi othile ngesikhathi esithile nakwindawo ethile. | Ukubhobosa izingxenye ezithile zomzimba akusiyona into efikayo le; yinto okade kwasa yenziwa ngamasiko akudala emandulo. |
| culture | noun | the customs, social institutions, beliefs and arts shared by a particular society or civilisation. | Khoi-San culture is still preserved in rock paintings. | isiko | noun | amasiko, izikhungo zomphakathi, izinkolelo okwabelwana ngazo nomphakathi othile noma nempucuzeko ethile. | Isiko labaThwa lisekhona namanje ligcinwe kwimibhalo yamadwala. |
| culture | noun | activities such as art, music, literature, etc. which are considered important to a civilisation at a particular time. | The popular culture festival in Johannesburg is drawing thousands of visitors. | isiko | noun | imisebenzi efana nobuciko, umculo, imibhalo yobuciko, njll. nokuthathwa ngokuthi kubalulekile kwimpucuzeko ngesikhathi esithile. | Umbhiyozo wamasiko obaseGoli uheha izinkulungwane ngezinkulungwane zabavakashi. |
| currency | noun | the metal or paper medium of exchange that is used at present. | The South African currency unit is the Rand. | imali | noun | into yokuthenga eyinsimbi noma eyiphepha esetshenziswayo esikhathini samanje. | Imali yaseNingizimu Afrika yaziwa ngokuthi yiRandi. |
| currency | noun | an idea, word or custom which is accepted and used by many people. | The word "braai" has gained currency among English speakers. | into eyemukelwe | noun | umqondo, igama noma isiko elamukelwa futhi lisetshenziswa ngabantu abaningi. | Igama lesiBhunu elithi "braai" selithole ukuba yinto eyemukelwe kakhulu ngisho nayilabo abakhuluma isiNgisi phaqa. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| cycle | noun | a periodically repeated sequence of events. | The prize is awarded in four-year cycles. This year it is awarded for autobiographies. | isiyingi | noun | ukuphindwa ngezikhathi ezithile kwezigameko ezilandelanayo. | Umklomelo ukhishwa ngeziyingi zeminyaka emine. Kulo nyaka ukhishelwa izincwadi ezibhalwe ngababhali ezikhuluma ngezimpilo zabo uqobo. |
| cycle | noun | one complete series of movements that completes an electrical, mechanical or electronic process. | They belong to the group of Protozoa, which have a double cycle of existence: (I) a sexual cycle in the body of the mosquito, (2) an asexual cycle in the blood of human beings | isiyingi | noun | uchungechunge lweminyakazo ephothula uhlelo lokusebenza kukagesi, noma lwama-elekthroni. | Bangaphansi kweqembu leProtozoa, elinesiyingi esikabili sokuphila: (I) isiyingi sangokobulili emzimbeni womiyane, (2) isiyingi esingahlanganise lutho nobulili emzimbeni wabantu |
| data | noun | information, facts, measurements or observations which are examined to find out things. | A questionnaire will be used to collect the data. | idatha | noun | ulwazi, amaqiniso, ukukala noma izinto ezibonakalayo ezihlolwayo ukuze kutholakale izinto ezithile. | Kuyosetshenziswa iphepha elinemibuzo ukuqoqa idatha. |
| debate | verb | a discussion with reasons for and against some proposal so that you can make a decision or solve a problem. | Today the Department of Social Security will debate the provision of child support grants. | khulumisana | verb | ingxoxo enezizathu ezinokuhlongozwayo ukuze ukwazi ukwenza isinqumo sokusombulula inkinga. | Namhlanje uMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi uzokhuluma ngezimiso zokuhlinzekwa kwesabelo zezondlo zabantwana. |
| debate | noun | a discussion on a subject about which people’s opinions differ. | The debate about "fundamentals" dominated the sitting of Parliament today. | inkulumo | noun | ingxoxo mayenala nesihloko esithile mayelana nodaba lapho imibono yabantu yehlukana khona. | Ingxoxo mayelana "nezinto ezibalulekile" yiyona ebisha phezulu ekuhlaleni kwanamhlanje kwePhalamende. |
| decade | noun | a period of 10 years. | She taught at the university for over a decade. | ishumiminyaka | noun | isikhathi seminyaka eyi-10. | Wafundisa enyunivesi isikhathi esingaphezu kweshumiminyaka. |
| decline | verb | to become smaller, fewer or weaker. | The number of new army recruits has declined from 20 000 to 13 000 a year. | yehla | verb | ukuba mncane ngokwamanani noma ukuba buthaka. | Inani lalabo ababuthelwa ukuba ngamasosha lehlile ngonyaka lisuka kwabayizi-20 000 laya kwabayizi-13 000. |
| decline | noun | a gradual lessening in the quantity, quality or importance of something. | There has been a decline in enthusiasm for long-term research projects. | ukwehla | noun | ukwehla kancane kubuningi, kwizingabunjalo noma ekubalulekeni kwento ethile. | Bekulokhu kunokwehla komdlandla kumaprojekthi ocwaningo esikhathi eside. |
| decrease | verb | to continuously become fewer in number or less in value. | The population of the area has decreased drastically. | yehla | verb | ukwehla okuqhubekayo ngokwezinombolo noma ngokwenani. | Umphakathi wakule ndawo usuvele wehla kakhulu kabi. |
| decree | noun | an official order from a government or ruler that becomes the law. | The decree guaranteed freedom of speech for the media. | umyalelo osemthethweni | noun | umyalelo osemthethweni ovela kuhulumeni noma kumphathi ogcina usuwumthetho. | Lo myalelo wawuqinisekisa inkululeko yokubika nokukhuluma ngokukhululeka kwabemithombo yezindaba. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| dedicate | verb | to say that a book, film, or piece of music was written, made, or composed to show affection or respect for a particular person or people. | I would like to dedicate my first book to my mother. | nikela | verb | ukusho ukuthi incwadi, ifilimu, noma umculo wabhalelwa, wenziwa waqenjelwa ukubonisa ukuhloniph umuntu othile noma abantu abathile. | Ngithanda ukunikela incwadi yami yokuqala kumama wami ongizalayo. |
| dedicate | verb | to devote time and effort to something | He dedicated his life to justice for his fellow human beings. | nikela | verb | ukuzinikela ngesikhathi kanye nomzamo wokwenza okuthile. | Wanikela ngempilo yakho kubulungiswa kubantu bakubo. |
| deduce | verb | to form an opinion based on the information or evidence available. | Students sometimes deduce their own meaning through the poems. | susela | verb | ukwenza umbono osuselwe kulwazi oluthile noma kubufakazi obukhona. | Abafundi ngezinye izikhathi bazisusela ezabo izincazelo ngezinkondlo. |
| defer | verb | to delay until a later time. | She deferred her decision to a later date. | hlehlisa | verb | ukubambezela kuze kube yisikhathi esizayo. | Wasihlehlisela isikhathi esizayo isinqumo sakhe. |
| defer | verb | to yield to somebody's judgement, usually because of respect. | When asked about possible solutions he deferred to the experts. | dlulela | verb | ukwethembela kulokho okucatshangwa ngumuntu othile isikhathi esiningi ngenxa yenhlonipho onayo ngaye. | Wathi uma ebuzwa ngezisombululo okungenzeka zibe khona naye wedlulela kongoti. |
| deficient | adj | not containing or having enough of something that is needed for proper functioning. | This diet is deficient in vitamin A and C. | okushodayo | adj | okungenayo into ethile eyanele edingeka ukuze kusebenze kahle. | Lokhu kudla kushoda ngoVithamini A kanye no C. |
| define | verb | to provide the characteristics of something to distinguish it from other things. | In the introduction to your dissertation you need to define core concepts. | chaza | verb | ukuhlinzeka ngezici ezithile zento ethile ukuze yehluke kwezinuye izinto. | Kwisethulo sombhalo wakho kudingeka ukuthi uchaze amagama abalulekile. |
| definite | adj | precise; explicit and clearly defined. | The website offers no definite answers to my questions about the software. | ncamashi | adj | okunembayo; okucace bha futhi okuchazwe kahle. | Iwebhusayithi ayinikezi izimpendulo ncamashi kwimibuzo yami mayelana ne-software. |
| definition | noun | exact statement of the meaning of something. | A training group is by definition a group that participants join to learn, usually through experience. | incazelo | noun | isitatimende esiqondile esisho into ethile. | Iqembu lokuqeqesha ngokwencazelo yalo yiqembu ababambiqhaza abalijoyinayo ukuze bafunde, isikhathi esiningi ngalokho okwenzeke kubo. |
| deliberate | verb | to think very carefully about something so that you can make a decision. | After having deliberated for two hours, the committee decided to support the motion. | xoxa | verb | ukucabanga ngokucophelela okukhulu ngento ethile ukuze ukwazi ukwenza isinqumo ngayo. | Ngemuva kokuxoxa isikhathi esingamahora amabili, ikomidi labe selithatha isinqumo sokuseseka isiphakamiso. |
| deliberate | adj | slow and careful, e.g. a movement, thought or speech. | The police force made a deliberate attempt at reducing crime in the area. | ngenhloso | adj | yehlisa futhi uqaphele, isib. umnyakazo, umcabango noma inkulumo. | Amaphoyisa enza umzamo oyinhloso wokuzama ukunciphisa ubugebengu endaweni. |
| deliberation | noun | the process of carefully discussing something. | To give time for raising funds and deliberation, the property was re-let for a year to the original purchaser. | ukwethula | noun | uhlelo lokukhuluma ngokucophelela ngento ethile. | Ukunikeza ngesikhathi sokuhlanganisa izimali kanye nokubonisana, indlu leyo yabuye yaqashiswa unyaka wonk kulowo owayeyithenge ekuqaleni. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| demonstrate | verb | to show or prove something. | The figure below demonstrates the extent to which the land became less arable. | bonisa | verb | ukubonisa noma ukufakazela into ethile. | Isibalo esingezansi sibonisa ukuthi umhlaba lo awusalimeki kahle neze. |
| demonstrate | verb | to show that you have a skill, quality, ability or feeling. | She demonstrated her love for children by volunteering at an orphanage. | bonisa | verb | ukukhombisa ukuthi unekhono, ikhwalithi, amandla kanye nomuzwa. | Wakhombisa uthando lwakhe analo ngezingane ngokuthi aye kovolontiya esikhungweni sezintandane. |
| denote | verb | to give a sign or indication of. | On the periodic table the element sodium is denoted by the symbol Na. | bonisa | verb | ukunika uphawu noma ukubonisa. | Kwithebula lezikhathi i-sodium iboniswe ngophawu olungu: Na. |
| denote | verb | to mean. | The acronym *AIDS* denotes Acquired Immune Deficiency Syndrome. | bonisa | verb | ukusho okuthile. | Isifinyezo esithi *UMZUKAZWE* sibonisa ukuthi Umkhandlu WesiZulu Kuzwelonke. |
| dense | adj | when a piece of writing is difficult to understand because it contains a great many ideas and information, and uses difficult language. | Her writing is so dense that only other experts in the field understand it. | okucinene | adj | uma umbhalo unzima ukuwuqonda ngenxa yokuthi unemiqondo eminingi kakhulu emikhulu kanye nolwazi futhi usebenzisa ulimi olulukhuni. | Umbhalo wakhe ucinenene kakhulu kangangokuthi abanye ongoti kuphela emkhakheni wakhe abangakwazi ukuwuqonda. |
| dense | adj | containing many people or objects with little space between them. | The path became more indistinct with each step, eventually coming to an end in dense underbrush. | okucinene | adj | okunabantu abaningi kakhulu kanye nezinto eziningi kodwa kube nendawo encane phakathi kwakho. | Indlela yehluka kakhulu yaqala yacinana isinyathelo ngasinye, ekugcineni yafinyelela emaphethelweni ngaphansi kokucinana. |
| deny | verb | to declare that something is untrue. | He denied that he cheated during the test. | phika | verb | ukusho ukuthi into ethile ayisilona iqiniso. | Waphika ukuthi wakophela ngesikhathi kubhalwa isivivinyo. |
| deny | verb | to reject something as false and to refuse to believe, accept or acknowledge something. | The company denied responsibility for the accident. | chitha | verb | ukunqaba into ethile njengesilona iqiniso kanye nokunqaba ukukholwa, ukwamukela into ethile. | Inkampani yakuchitha ukuthi yiyona eyadala ingozi. |
| depress | verb | to make the value of prices or wages lower. | Food aid usually depresses food prices in the benefitting country. | ehlisa | verb | ukwenza inani libe phansi kunalokho okulindelekile. | Usizo ngokudla luvame ukwehlisa amanani okuhla kulelo lizwe elilutholayo. |
| derive | verb | calculate, discover or establish something using the available information. | The great problem for the Realists is how to derive the individual from the universal. | susela | verb | bala, thola noma sungula into ethile usebenzisa ulwazi olukhona. | Inkinga enkulu ebhekene naleli qeqebana ukuthi limsusa kanjani umuntu kumhlaba awakhele. |
| describe | verb | to give an account of what something is like. | Describe in detail how a solar-powered geyser works. | chaza | verb | ukunika imininingwane yokuthi into ethile injani. | Chaza kabanzi ukuthi ngabe igiza esebenza ngelanga isebenza kanjani. |
| description | noun | speech or writing that gives an account of what something is like. | He obtained a full description of the man and his vehicle and the license plate number. | incazelo | noun | inkulumo noma umbhalo onika imininingwane yokuthi into ethile injani. | Wathola incazelo egcwele ngendoda kanye nemoto yayo kanye nenamba puleti yayo. |
| design | noun | the way that something looks, works or is used. | The new arts building has an art nouveau design. | umklamo | noun | indlela into ethile ebukeka ngakhona noma esetshenziswa ngakhona. | Nesakhiwo esisha sezobuciko sinomklamo wobuciko kuso. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| design | noun | a detailed drawing or plan of something to show how it will work and how you will make it. | She submitted a number of designs for the fashion show in September. | umklamo | noun | umdwebo onokuningi noma uhlelo lwento ethile ukubonisa ukuthi isebenza kanjani kanye nokuthi uyokwenza kanjani. | Waletha inqwaba yemiklamo eyayizobhekela umcimbi wemfashini ngoMandulo. |
| design | noun | an overall plan or intention that you have in your mind when you do something. | It was unclear whether the explosion was an accident or whether it happened by design. | inhloso | noun | uhlelo lonkana noma inhloso onayo emqondweni lapho wenza okuthile. | Akuzange kucace noma ukuqhuma lokho kwakuyingozi nje noma kwakuyinto eyenziwe ngokokuhlelwa. |
| design | verb | to make a drawing, plan or model of something from which the thing can be built or made. | The software engineers will design a text to speech app for the new cell phone. | klama | verb | ukwenza umdwebo, uhlelo noma imodeli yento ethile lapho khona into ethile ingakhandwa khona. | Onjiniyela be-software bazoklama into yokusebenzela kwiselula evumela ukuthi ukwazi ukubhala nokukhuluma kuyo. |
| design | verb | to plan or develop something that is intended for a specific purpose. | The syllabus was designed for the five-year programme. | hlela | verb | ukuhlela noma ukuthuthukisa okuthile okuhloswe ngakho inhloso ethile. | Isilabhasi yayihlelelwe ukuthi isebenze uhlelo lweminyaka emihlanu. |
| detect | verb | to discover or determine. | The disease can be cured if it is detected early. | tholakala | verb | ukuvukuza noma ukuveza. | Lesi sifo singelashwa uma singatholakala sisanda kungena. |
| determine | verb | to discover the facts about something. | The financial needs of students must be determined. | tholakala | verb | ukuthola amaqiniso ngento ethile. | Izidingo zokugcina zezimali zabafundi kufanele ukuthi zitholakale. |
| detriment | noun | disadvantage or damage, harm or loss. | Writing skills are given too much importance to the detriment of speaking skills. | okulimazayo | noun | ububi noma ukulimala noma ukulahleka. | Amakhono okubhala anikwa ukubaluleka okukhulu kakhulu nokugcina sekulimaza amakhono okukhuluma. |
| develop | verb | gradually grow or become bigger. | The sprout developed into a flower. | khula | verb | ukukhula kancane noma ukuba mkhulu. | Isimila sakhula saba yimbali enkulu. |
| develop | verb | to produce a new system, method, product, etc. | The company developed a new system to use less electricity. | thuthuka | verb | ukukhiqiza uhlelo olusha, indlela entsha, umkhiqizo omusha, njll. | Inkampani yathuthukisa uhlelo olusha lokusebenzisa ugesi omncane. |
| deviate | verb | to do something differently from the accepted way of doing it. | The plane was forced to deviate from its usual route because of a storm. | chezuka | verb | ukwenza into ethile ngokwehlukile kwindlela eyamukelekile yokuyenza. | Ibhanoyi laphoqeleka ukuthi lichezuke endleleni yalo eyejwayelekile ngenxa yesimo sezulu esasingesihle. |
| device | noun | an instrument or appliance invented for a particular purpose. | Internet access is now available on a variety of hand-held devices. | into | noun | into ethile esuke isungulelwe inhloso ethile. | I-inthanethi njengamanje isitholakala ngezinto eziningi eziphathwa ngesandla. |
| devise | verb | to plan, create, work out or invent something (a system, plan, machine, etc.) complicated or clever in your mind. | The engineer devised a clever plan to save the bridge from the flood waters. | yenza isu | verb | ukuhlela, ukwakha, ukwenza into ethile noma ukusungula into ethile (uhlelo noma icebo, umshini, njll.) okunezinto eziningi noma okuhlakaniphile emqondwemi wakho. | Unjiniyela wavele wenza icebo elihlakaniphile ukuhlenga ibhuloho kumanzi ezikhukhula. |
| devote | verb | to give most of your attention or time to someone or something. | He devoted himself to educating street children. | zinikele | verb | ukunaka kanye nokunikela ngesikhathi sakho esiningi kumuntu noma kwinto ethile. | Wazinikela ekufundiseni abantwana abahlala emigwaqeni. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| devote | verb | to use a certain amount of space or time in a piece of writing/speech on a particular subject. | The first part of the dean's speech was devoted to explaining the university's language policy. | gxila | verb | ukusebenzisa isikhathi esiningi noma isikhathi embhalweni omfushane maqondana nendaba ethile. | Ingxenye yokuqala yenkulumo yomphathi wekolishi enyunivesi yayigxile kakhulu ekuchazeni umgomo wolimi wenyunivesi. |
| diagram | noun | a simple line drawing, sketch or plan which explains or illustrates what something (a machine, a process, etc.) looks like or how it works. | The diagrams in the engineering textbook made the work easier to understand. | umdwebo | noun | umdwebo nje olula, isikeshi noma uhlelo oluchaza nomaolubonisa ngezithombe ukuthi into ethile (okungaba umshini, uhlelo, njll.) kubukeka kanjani noma kusebenza kanjani. | Imidwebo esencwadini yezobunjiniyela yenza ukuthi umsebenzi ube lula ukuwuqonda. |
| dictate | verb | to tell someone how they should behave and what they must do. | The education department dictates many things to schools. | phoqelela | verb | ukutshela omunye umuntu ukuthi kumele aziphathe kanjani kanye nokuthi yini okufanele ukuba ayenze. | UMnyango Wezemfundo uphoqelela izinto eziningi kakhulu ezikoleni. |
| dictate | verb | to control how something happens. | Her selection of research sites was dictated by availability. | phoqa | verb | Ukulawula ukuthi into ethile yenzeka kanjani. | Ukukhetha kwakhe amasayithi okucwaninga kwakuphoqwa ukuba khona kwawo. |
| differ | verb | be different from something or somebody. | The third set of data differed considerably from the second set of data. | yehluka | verb | yehluka kwinto ethile noma kumuntu othile. | Isethi yesithathu yedatha yehluka kakhulu kwisethi yesibili. |
| differentiate | verb | to recognise or show what makes one thing different from another. | In some countries tax law differentiates between married and unmarried individuals. | hlukanisa | verb | ukubona noma ukubonisa ukuthi yini eyenza enye into ukuthi yehluke. | Kwamanye amazwe umthetho wentela uyehlukanisa phakathi kwabantu abashadile kanye nabantu abangashadile. |
| diffuse | verb | to make available and spread knowledge, ideas, information, etc. over a wide area or to many people. | The facts about AIDS have been diffused across rural Africa. | sabalalisa | verb | ukwenza ukuthi into ethil itholakale kanye nokusabalalisa ulwazi, imibono, njll. endaweni enkulu noma kubantu abaningi. | Amaqiniso mayelana nengculazi aye asatshalaliswa kuzona zonke izindawo zasemakhaya e-Afrika. |
| diffuse | adj | spread out over a large area. | The diffuse population in the rural area was difficult to reach by health care workers. | okusabalele | adj | okusabalele endaweni enkulu. | Abasebenzi bezempilo bakuthola kunzima ukufinyelela kumphakathi osabalele endaweni yasemakhaya. |
| diffuse | adj | vague, indirect or difficult to understand or explain. | The translation, which is diffuse and by no means close, fails to reproduce the spirit of the original. | okungacacile | adj | okungaphumele obala, okungaqondile noma okunzima ukukuqonda noma ukuchaza. | Lesi sihumusho sombhalo esingacacile, futhi asisondeli ngisho nakancane nje kulokho okushiwo umbhalo wokuqala owenziwe. |
| digest | verb | to think about information, especially if there is a lot of it or it is difficult to understand, so that you can understand it. | He found the feedback hard to digest. | gwinya | verb | ukucabanga ngolwazi, ikakhulukazi uma luluningi kakhulu noma kunzima ukuluqonda, ukuze ukwazi ukuluqonda. | Wathi uma ebona izinto ezibhalwe kwi-eseyi yakhe nguthisha obeyimaka wakuthola kunzima kakhulu ukuthi angakugwinya okwakubhalwe laphayana. |
| dimension | noun | a feature distinguishing objects or people. | The dimension of quality has not been included in the evaluation instrument. | ubuhlonze | noun | lena yinto ethile eyehlukanisa izinto noma abantu. | Ubuhlonze bekhwalithi abufakiwe kuhlolweni kokusebenza kwalo mshini. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| diminish | verb | to become less or weaker. | The capacity for the enjoyment of the rights to life and human dignity is significantly diminished by poor health. | ncipha | verb | ukwehla noma ukuba buthaka. | Amandla okuthokozela amalungelo empilo kanye nesithunzi somuntu ehliswe kakhulu yimpilo ebuthaka. |
| discern | verb | to be aware of something or understand it after looking at it or thinking about it carefully. | Kant discerned an overall pattern in human history. | qonda | verb | ukwazi ngento ethile noma ukuyiqonda ngemuva kokuyibheka noma ngemuva kokucabanga kabanzi ngayo. | Izizathu zokushintsha kwakhe umqondo isigubhukane nje kunzima ukuziqonda. |
| discourse | noun | a point of view shared by a specific social group, often expressed in writing. | She contributed to the discourse on liberalism in Africa. | umqingo | noun | iphuzu elithile okutholakala ukuthi iqembu elithile labantu labelana ngalo, isikhathi esiningi ngokubhalwe phansi. | Wabamba iqhaza kumqingo owawukhuluma ngenkululeko yabantu abamnyama kuleli. |
| discourse | noun | the language used in a particular context. | In scientific discourse it is essential to give hard facts and evidence. | ulimi oluthile | noun | ulimi olusetshenziswe kwindawo ethile noma emkhakheni othile. | Olimini lwesayensi kubalulekile ukunika amaqiniso alukhuni kanye nobufakazi. |
| discrete | adj | making up a separate entity or part. | As I didn't want to be seen I walked a dicrete distance behind her. | kude | adj | ukwenza ukuthi kube nezinto ezehlukene noma ingxenye. | Njengoba ngangingafuni ukubonwa ngahamba ibanga kude ngemuva kwakhe. |
| discuss | verb | to talk or write about something in detail. | The research findings were discussed in detail in his doctoral thesis. | xoxa | verb | ukukhuluma noma ukubhala kabanzi ngento ethile. | Lokho okwatholakala ocwaningweni kwaxoxwa kakhulu ngakho kwi-thesis yakho yeziqu zobudokotela. |
| discuss | verb | to consider a problem or an issue from more than one point of view. | The essay discussed the pros and cons of euthanasia. | khuluma | verb | ukubheka inkinga noma udaba oluthile ngasohlangothini olungaphezu kolulodwa. | Le eseyi ikhuluma ngobuhle kanye nobubi bokuqedela umuntu osegulela ukufa. |
| disperse | verb | to separate and spread something in different directions. | The security guards dispersed the angry crowd outside the bank. | hlakaza | verb | ukwehlukanisa bese kuchithekela kwizindawo ezahlukene. | Onogada bahlakaza isixuku esasithukuthele ngaphandle kwebhange. |
| disperse | verb | to spread over a wide area. | The seeds of the dandelion plant are dispersed by the wind. | sabalalisa | verb | okusabalala kuye endaweni ebanzi. | Imbewu yamabele isatshalaliswa wumoya bese imila yonke indawo le. |
| displace | verb | to cause to move, usually with force or pressure. | In her autobiography she writes about having been displaced many times during her school career. | suswa | verb | ukwenza umuntu ukuthi ahambe, imvamisa lokho kwenziwa ngendluzula noma ngamandla. | Kwincwadi ayibhalile emayelana nempilo yakhe, umbhali ukhuluma ngokuhlale esuswa njalo esikoleni asiwe kwesinye ngesikhathi esenguthisha. |
| display | verb | to show in order to communicate a particular idea. | Learners displayed their projects at the science expo. | bonisa | verb | ukubonisa ukuze kudluliswe umqondo othile. | Abafundi babe sebebonisa amaprojekthi abo kumbukiso wesayensi. |
| dispose | verb | to throw away. | Domestic waste is disposed of by municipal services. | lahla | verb | ukuntshinga. | Udoti wasekhaya ulahlwa umasipala. |
| dispose | verb | to transfer control of something, for example by selling it. | The trust may not dispose of its assets unless all the trustees are in support. | dedela | verb | ukwedlulisa ukulawula kwento ethile, isibonelo, ngokuyithengisa. | IsiKhwama lesi asikwazi ukuthi sesingadedela imihlomulo yaso bengavumile bonke abaqondisi ukuthi kwenziwe njalo. |
| dispose | verb | likely to deal with a problem, task or question. | The research claims that people are more favourably disposed to those with similar personalities. | bhekana | verb | ukukwazi ukubhekana nenkinga, nomsebenzi noma nombuzo. | Ucwaningo luveza ukuthi abantu bavame ukubhekana kahle nalabo bantu abanezinto ezifanayo nezabo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| disposition | noun | the natural qualities of a person's character. | His disposition was to always see the good in other people. | ukwakheka | noun | izakhi ezivamile kwizici zomuntu. | Ukwakheka kwakhe kwenzeke ngendlela yokuthi uyakwazi ukubona ubuhle kwabanye abantu. |
| dispute | noun | an argument or disagreement between countries, people or groups. | The two countries are involved in a border dispute. | ingxabano | noun | impikiswano noma ukungavumelani phakathi kwamazwe amabili, phakathi kwabantu ababili, noma kwamaqembu amabili. | Lawo mazwe amabili asekwingxabano ethinta umngcele. |
| dispute | verb | to be argued about or questioned. | These matters are in dispute. | banga | verb | okuphikiswana ngakho noma okubuzwana ngakho. | Lezi zindaba kusaphikiswana ngazo. |
| dispute | verb | to question whether something is true. | They do not dispute whether God exist, but what he is. | phika | verb | ukubuza ukuthi ngabe into ethile iliqiniso yini na. | Abakuphiki ukuthi uNkulunkulu ukhona, abakuphikayo ukuthi ungubani yena. |
| dissertation | noun | a longish piece of writing about a particular subject that is done to earn an advanced degree at a university [also see **thesis** below] | An example of a dissertation is a document that a postgraduate student writes to complete a master's programme or degree. | Umbhalo wokuthweswa iziqu eziphakeme (dissertation) | noun | umbhalo omude mayelana nesifundo esithile osuke owenzelwe ukuthi umuntu athole iziqu eziphakeme enyunivesi | Isibonelo sombhalo wokuthweswa iziqu eziphakeme yidokhumenti umfundi osuke esenza ezinye iziqu enyuvesi ukuze athole iziqu ze-masters. |
| dissipate | verb | to scatter or make something become less strong until it disappears completely. | His fear dissipated when he met his opponent face to face. | saphazeka | verb | ukugcwala yonke indawo noma ukwenza into ukuthi ingabe isaba namandla kuze kuba iyaphela nya. | Ukwesana kwakhe kwavele kwasaphazeka lapho esembona ubuso nobuso lowo muntu ayeqhathwe ukuthi alwe naye. |
| dissolve | verb | to officially end or break up an organisation or institution. | The marriage was dissolved in 1954. | chithwa | verb | ukuqeda ngokusemthethweni noma ukunqamula inhlangano noma isikhungo. | Umshado wachitheka ngonyaka ka 1954. |
| distinct | adj | clearly different, separate or of a different type from something. | The distinct characteristics of the diplodocus (a dinosaur) is described in this chapter. | okwehlukile | adj | okwehluke ngokucace bha, okungefani noma okolunye uhlobo lwento ethile. | Izici ezehlukile zentulo enkulu zichazwe lapha ngezansi kulesi sahluko. |
| distinct | adj | a clear and definite thought, feeling, intention, etc. | The professor had distinct ideas about how a research project should be run. | okwehlukile | adj | umcabango oqondile, umuzwa ocacile, inhloso ekhanyayo, njll. | Usolwazi wayenemicabango eyehlukile mayelana nokuthi kufanele lwenziwe kanjani ucwaningo lolu. |
| distinction | noun | a clear difference. | A distinction is made between written and spoken language. | umehluko ocace bha | noun | umehluko ongafuniselwa. | Kunomehluko ocace bha phakathi kolimi olubhalwa kanye nolukhulunywayo. |
| distinctive | adj | having a quality or characteristic that makes something different. | The lemon juice will give the dish a distinctive flavour. | okwehlukile | adj | ukuba nezinto kanye nezici ezenza ukuthi into ethile yehluke. | Ujusi kalamula unika ukudla ubumnandi obehlukile. |
| distort | verb | to change the shape of something. | Her face was distorted with anger as she ran out of the room. | shintsha | verb | ukushintsha ukuma kwento ethile. | Ubuso bakhe bavele bashintsha ngenxa yokuthukuthela wabe eseyaphuma endlini. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| distort | verb | to report or explain a fact, statement, idea, etc. so that its real meaning changes and it becomes untrue. | He was accused of distorting the facts in his testimony. | hlanekezela | verb | ukubika noma ukuchaza iqiniso, isitatimende, umqondo, njll. ukuze lokho okushiwo yilelo qiniso kushintshe bese kungabe kusaba yiqiniso. | Wathweswa icala lokuhlanekezela amaqiniso ebufakazini bakhe. |
| distribute | verb | to divide or share out things such as food, medicine, books etc. among several people. | Volunteers distributed food to the starving victims of famine. | aba | verb | ukunikeza noma ukwabelana izinto ezifana nokudla, imithi, izincwadi, njll. phakathi kwabantu abathile. | Amavolontiya aba amaphasela okudla kwizisulu zendlala. |
| distribute | verb | to spread over a certain area. | The seeds must be distributed evenly over the flowerbed. | sabalalisa | verb | ukungena endaweni ethile. | Izimbewu kufanele ukuthi zisatshalaliswe ngokulinganayo kuyona yonke indawo. |
| distribution | noun | the way that something is spread over a certain area. | The food and clothes are collected for distribution among the needy. | ukusatshalaliswa | noun | indlela into ethile esabalala ngakhona endaweni ethile. | Izimpahla kanye nokudla kuyaqoqwa ukuze kusatshalaliswe kuye kubantu abahlwempu. |
| diverge | verb | to separate and go in different directions. | The path follows the course of the river for a while, but diverges from the river in order to head into town. | yehluka | verb | ukwehlukana bese kuya ezindaweni ezahlukene. | Indlela ilandela umgudu womfula okwesikhashana bese kodwa yehluka emfuleni ukuze ibheke edolobheni. |
| diverge | verb | when something that used to be the same or similar to something else becomes different or develops differently. | We used to work together, but at a certain point our interests diverged and we had to part company. | hlukana | verb | kuba yilapho into ekade ihlangene isiqala yehluka noma izinto ebezisebenzisana zihamba ngezindlela ezahlukene. | Sasijwayele ukusebenzisana nje, kwase kuthi ngesikhathi esithile imibono yethu yaqala yehlukana kwadingeka ukuthi omunye nomunye azenzele into yakhe. |
| diverse | adj | very different from one another. | The region was occupied by many diverse tribes. | okwehlukene | adj | owkehluke kakhulu kunokunye. | Isifunda sathathwa yizizwe eziningi ezahlukene. |
| diversity | noun | range of people or things that are very different from one another. | There is a diversity of languages being taught at the university. | ukwehlukana | noun | inani labantu noma lezinto ezehlukene kakhulu. | Kunokwehlukana kwezilimi eziningi ezifundiswa enyunivesi. |
| division | noun | the process of dividing things into different groups or parts. | According to Marx the division between rich and poor determined all other issues. | ukwehlukana | noun | uhlelo lokwehlukanisa izinto zibe ngamaqembu ehlukene noma izingxenye ezahlukene. | Ngokusho kukaMarx ukwehlukana phakathi kwabantu abacebile kanye nabampofu yikhona okulawula zonke ezinye izindaba. |
| doctrine | noun | a set of beliefs or principles, especially ones that form a main part of a philosophy, religion, etc. | My purpose in this chapter will not be to persuade the reader of any political doctrine. | imfundiso | noun | isethi yezinkolelo noma yemigomo, ikakhulukazi leyo eyenza ingxenye enkulu yomcabango othile, yenkolo, njll. | Inhloso yami kulesi sahluko kuzobe kungesikhona ukucela umfundi ukuthi abe nezimfundiso zepolitiki. |
| document | noun | printed text and graphics for a specific purpose, e.g. to provide information. | These documents will serve as proof in the court case. | idokhumenti | noun | umbhalo obhalwe phansi kanye nemidwebo okwenzelwe inhloso ethile, isib. ukuhlinzeka ngolwazi oluthile. | Lawa madokhumenti azosetshenziswa njengobufakazi ecaleni lasenkantolo. |
| document | verb | to create a record of. | The phenomenon has been documented by various researchers. | yenza ubufakazi obuphathekayo | verb | ukwenza irekhodi lento ethile. | Lesi simanga sabe sesenziwa saba nobufakazi obuphathekayo bokuthi senzeka ngempela ngabacwaningi abehlukene. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| domain | noun | area of knowledge or activity. | Based on his research, the domain of epidemic diseases of plants was opened up to investigation. | umunxa | noun | indawo yolwazi noma yomsebenzi. | Kwathi uma sekususelwa ocwaningweni lwakhe, kwase kuvulwa umunxa wezifo eziningi zezilwane ukuze kuphenywe ngazo. |
| dominate | verb | to control or have a strong influence over something or someone. | It was important to France to dominate the valleys of the Alps and the Rhine. | lawula | verb | ukulawula noma ukuba namandla phezu kwento ethile noma phezu komuntu othile. | Kwakubalulekile ukuthi izwe laseFulansi kube yilona elilawula amathafa ase-Alps ne-Rhine. |
| dominate | verb | to be the most important person or thing in a situation. | AIDS issues dominate debates on primary health care in South Africa. | hamba phambili | verb | ukuba ngumuntu obaluleke kakhulu noma into ebaluleke kakhulu esimweni esithile. | Izindaba ezithinta ingculazi yizona ezihamba phambili kwizindaba zezempilo lapha eNingizimu Afrika. |
| doubt | verb | to be sceptical about. | There is sufficient evidence to doubt her claims. | ngabaza | verb | ukungavumi kalula into ethile. | Kunobufakazi obanele ukuthi siyingabaze le nto ayishoyo. |
| doubt | noun | scepticism, a measure of distrust. | Some doubt has been cast upon the authenticity of the painting. | ungabazane | noun | ukungaqinisekisi, ukungethembi kahle. | Sekube nongabazane ngokuthi lo mdwebo wazisungulela yena wona ngokwakhe. |
| draft | verb | to compile a first or preliminary version. | She drafted a preliminary version of the report. | yenza uhlaka | verb | ukwenza uhlaka lokuqala lwesihumusho esithile. | Waqala wenza uhlala lombiko wokuqala. |
| draft | noun | any version of a document before the final version. | You must submit your first draft to your tutor. | uhlaka | noun | noma ngabe yisiphi isimo sedokhumenti ngaphambi kwesihumusho sokugcina. | Kufanele uhambise uhlaka lwakho lokuqala kuthisha wakho. |
| duration | noun | the period of time during which something continues. | For the duration of the lecture, students were not allowed to leave the lecture hall. | isikhathi | noun | isikhathi esithile okwenzeka ngaso into ethile noma isikhathi into ethile eqhubeka ngaso. | Ngokuqhubeka kwesikhathi sonke sesifundo, abafundi babengavunyelwe ukuthi bashiye kwihholo okufundelwa kulo. |
| dynamic | noun | the way in which things or people behave, react and change one another, usually plural. | His book was the first successful attempt to deal with the dynamics of a system. | indlela | noun | indlela izinto noma abantu abasebenza ngakhona, abaziphatha ngakhona noma abashintshana ngakhona, imvamisa leli gama lisetshenziswa ebuningini. | Incwadi yakhe yaba umzamo wokuqala ukubhekana nezindlela zokwenza izinto zikahulumeni obusayo. |
| dynamic | noun | something that causes change or action. | Capitalism is a dynamic of economic change. | imbangela | noun | into ebangela uguquko noma isenzo esithile. | Ukuba ugombela kwesabo yiyona nto eyimbangela yoguquko kwezomnotho. |
| dynamic | adj | full of energy, new and exciting ideas and ambitious. | He was a dynamic doctor who revitalised the whole clinic. | nomdlandla | adj | okugcwele amandla, okunemicabango emisha kanye nethokozisayo futhi enempokophelo. | Wayengudokotela onomdlandla nowafaka umfutho kumtholampilo wonke. |
| dynamic | adj | active, energetic and continuously moving or changing. | Educational reform has to be a dynamic process to keep up with students' changing needs. | okuguquguqukayo | adj | okusebenzayo, okunamandla futhi okuhlala njalo kuguquka noma kushintsha njalo nje. | Ushintsho kwezemfundo kufanele ukuthi kube oluguquguqukayo ukuze lukwazi ukuhambisana nezidingo ezishintsha njalo zabafundi. |
| economic | adj | connected with the trade, industry or development of wealth of a country. | The relative value of currency is directly linked to the economic stability of a country. | okomnotho | adj | okuxhumene nokuhwebelana noma nokuthuthuka komnotho wezwe. | Amandla emali njengamanje ancike ngokuqondile kwisimo sokusimama komnotho wezwe. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| economic | adj | providing sufficient profit to continue. | The mining group must investigate more economic ways of extracting ore. | okongayo | adj | ukuhlinzeka ngenzuzo eyanele ukuthi kungaqhubeka. | Le nkampani yezimayini kufanele ukuthi icwaninge ezinye izindlela ezengeziwe ezongayo zokukhipha phansi emgodini igolide. |
| economy | noun | the system of production, distribution and consumption. | The economy suffered because of a cycle of droughts and floods. | umnotho | noun | indlela yokukhiqiza, yokusabalalisa kanye nokudla. | Umnotho wathwala kanzima ngenxa yesiyingi sesomiso kanye nezikhukhula. |
| economy | noun | sparsity, the use of the minimum resources. | The diesel engine performs the same as petrol engines, but with greater fuel economy. | ukonga | noun | ukusebenzisa izinto ezincane nezingeziningi kakhulu. | Injini kadizili isebenza ngendlela efanayo nenjini kaphethroli, kodwa yona iwonga kakhulu amafutha. |
| edit | verb | to correct, adapt and decide what to include in an article, book, piece of film, etc. in order to prepare it for publication or broadcasting. | She edited the student magazine before it was sent to the printers. | hlela | verb | ukulungisa, ukwenza kume kahle kany nokuthatha isinqumo sokuthi yini okumele ingene embhalweni othile, encwadini, kwifilumu, njll. ukuze uyilungiselele ukuthi ikwazi ukukhishwa ibonwe yizwe noma isakazwe. | Wahlela iphephabhuku labafundi ngaphambi kokuba liye koshicilelwa. |
| effect | noun | result or influence. | The article deals with the effects of global warming on Sub-Saharan Africa. | umthelela | noun | umphumela. | Umbhalo ukhuluma ngemithelela yokushisa komhlaba emazansi ne-Afrika. |
| effective | adj | having the qualities or resources required to meet a task. | Combining different teaching methods in the classroom is more effective than using only one. | okusebenzayo | adj | ukuba nezimo zokukwazi ukuhlangabezana nokwenza umsebenzi othile odingekayo. | Ukuhlanganisa izindlela ezahlukene zokufundisa ekilasini kusebenza kakhulu ukusenokusebenzisa indlela eyodwa Kuphela. |
| efficacy | noun | the ability of something to produce the desired results. | The researchers assessed the efficacy of sports training. | ukuba namandla | noun | amandla ento ethile ukukhiqiza imiphumela edingekayo. | Abacwaningi babheka ukuba namandla kokuqeqeshela ezemidlalo. |
| elaborate | verb | to develop a plan or theory by describing it in greater detail or by giving new information about it. | In a follow-up report the company elaborated on the implementation of its strategy to increase productivity. | enaba | verb | ukuthuthukisa icebo noma ithiyori ngokuyichaza ngemininingwane ebanzi noma ngokuyinika ulwazi olusha oluqondene naye. | Embikweni olandelayo inkampani yabe seyenaba ngokusetshenziswa kwecebo layo ukunyusa umkhiqizo. |
| elaborate | adj | very detailed and complex, often with many different connected parts, carefully prepared. | The scientists spent years developing an elaborate plan to combat malaria. | okubanzi | adj | okunemininingwane eminingi nebanzi kakhulu, imvamisa akubi nezingxenye eziningi ezixhumene, okulungiswe kahle. | Ososayensi bachitha iminyaka eminingi besungula icebo elibanzi lokulwa nomalaleveva. |
| element | noun | one of the individual parts making up a larger entity. | The building of a new student centre is the key element in the rector’s plan to upgrade the campus. | umunxa | noun | enye yezingxenye ezihamba ngazodwana ezenza into enkulu. | Ukwakhiwa kwendawo yabafundi entsha umunxa onqala kakhulu ohlelweni lukamphathi wenyunivesi lokulungisa ikhempasi. |
| element | noun | the basic or typical parts of something. | The first lecture deals with the elements of good design. | umumo | noun | isizinda sento ethile noma izingxenye zento ethile. | Isifundo sokuqala nje sikhuluma ngemimo yomklamo omuhle. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| element | noun | a small quantity of something, such as risk, truth, surprise, etc. | All investments contain an element of risk. | intwana | noun | inani elithile elincane, elifana nengcuphe, iqiniso, isimangalo, njll. | Konke ukutshalwa kwezimali kunentwana ewukuzifaka engcupheni. |
| elevate | verb | to give someone or something a more important position. | Her desire was to elevate Russian to a place among the literary languages of Europe. | phakamisa | verb | ukunika omunye umuntu noma into ethile isikhundla esibaluleke kakhulu. | Isifiso sakhe kwakuwukuphakamisa ulimi lwesiRashiya lube phakathi kwezilimi ezinkulu nezihlonishwayo kwezobuciko eYurophu. |
| elevate | verb | to increase the amount, intensity, pressure, etc. of something. | Smoking and obesity can elevate "bad" cholesterol levels. | enyusa | verb | ukwandisa inani, amandla, ingcindezi, njll. yento ethile. | Ukubhema kanye nokukhuluphala kwenyusa amazinga “amabi” ekholesteroli. |
| elicit | verb | to do or say something, such as asking questions, to get other people to react or give information. | The use of closed questions elicited specific information concerning the demographic characteristics of the respondents. | veza | verb | ukwenza noma ukusho into ethile, efana nokubuza imibuzo, ukuthola abanye abantu ukuthi bnakwazi nabo ukuthi kube khona abakwenzayo noma banikeze ulwazi. | Ukusebenzisa imibuzo evalelekile kwenza ukuthi kuvele ulwazi oluthile maqondana nezici ezithinta umlando wokuphila kwalabo ababephendula imibuzo yocwaningo. |
| eliminate | verb | end, take out or do away with. | Writers should always use spell-checkers to eliminate unnecessary errors. | qeda | verb | susa, noma shabalalisa. | Ababhali kumele ngaso sonke isikhathi basebenzise uhlelo lokuhlola izipelingi ukuqeda wonke amaphutha angadingekile. |
| eloquent | adj | able to express your opinions or ideas well, in speech or in writing, especially in a way that affects other people. | His speeches in the chamber were always eloquent and powerful. | okuveza umbono ngamandla | adj | ukukwazi ukuveza umbono wakho kanye nemicabango yakho kahle, enkulumweni yakho noma ekubhaleni kwakho ikakhulukazi ngendlela ethinta abanye abantu. | Inkulumo yakhe ayethula kwisishayamthetho yayiveza umbono wakhe ngamandla futhi inamandla kwasa yona. |
| eloquent | adj | visibly expressive, showing an emotion or meaning without using words. | Her paintings are an eloquent reminder of the power and beauty of nature. | okucace bha | adj | okusho kuzwakale, okubonisa umuzwa noma okusho okukhombisa okuthile ngaphandle kokusebenzisa amagama. | Imibhalo yakhe iyizikhumbuzo ezicace bha zamandla kanye nobuhle bendalo. |
| embody | verb | to be an expression or symbol of an idea, principle or quality. | Nelson Mandela embodies the spirit of reconciliation. | mela | verb | ukuba wuphawu lwento ethile noma yinto emele umqondo noma umgomo wento ethile. | UNelson Mandela umele umoya wokuxolelana nokubuyisana. |
| embrace | verb | to include something such as a group of people, ideas or things as part of a subject, discussion or category. | People around the world have turned against their communist regimes and embraced democracy. | emukela | verb | ukufaka into ethile efana neqembu labantu, imiqondo noma izinto njengengxenye yesifundo noma yengxoxo ethile. | Abantu emhlabeni jikelele sebebashiye phansi ohulumeni babo bamakhomanisi bemukela intando yeningi. |
| embrace | verb | to accept something, such as a new opinion, idea or belief and to support it eagerly. | After having embraced Judaism she changed her name to Hadassah. | yamukela | verb | ukuthatha into efana nombono omusha,umqondo omusha, inkolelo entsha bese uyeseka ngomfutho omkhulu. | Ngemuva kokwemukela inkolo yobuJuda, wabe esezishintsha negama lakhe eseba nguHadassah. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| emerge | verb | to come out into view; become clear. | It emerged from the court case that the suspect's fingerprints were on the murder weapon. | hlaluka | verb | ukuvela obala; ukuthi kucace. | Kwahlaluka kwicala elalisenkantolo ukuthi amanyathelo eminwe yomsolwa ayesesikhalini esasetshenziselwa ukubulala. |
| emerge | verb | to become known or recognised; to come into existence. | Microsoft emerged as the leading computer software company. | qhamuka | verb | ukwaziwa noma ukubonakala; ukuqhamuka usuphila nje. | IMicrosoft yaqhamuka isiyinkampani ezishaya zonke ekuhlinzekeni ngezinto zamakhompyutha. |
| emphasis | noun | special importance or significance. | Its fundamental characteristic is the emphasis laid upon human reason | ukugcizelela | noun | ukubaluleka okuyisipesheni. | Isici sakho esikhulu ukugcizelela ukubaluleka ekucabangeni komuntu. |
| emphasise | verb | to stress or highlight. | The dietician emphasised the value of exercise in weight-loss. | gcizelela | verb | ukubalula. | Udokotela wagcizelela ukubaluleka kokuvocavoca umzimba ekwehliseni isisindo somzimba. |
| empirical | adj | derived from experiment and observation in the real world, rather than theory. | The empirical part of her research included interviews with the parents of the patients, and observation of the therapy sessions. | ukubona ngokulinga | adj | okususelwe kulokho okwenzekayo kanye nokubona umhlaba wangempela ngaphandle, hhayi ithiyori. | Ukubona ngokulinga ngasohlangothini lwakhe locwaningo kufaka phakathi imibuzo okwakudingeka ukuba iphendulwe ngabazali beziguli kanye neziwombe zokubhekwa kokusetshenziswa kokwelashwa. |
| empiricism | noun | the belief that knowledge is based on the evidence of experience or experiments. | Empiricism allows the facts to speak for themselves, and attempts to omit the interpretation of the researcher as far as possible. | okubonwa ngokulinga | noun | inkolelo yokuthi ulwazi lugxile ebufakazini bokwenzeke kuwe noma balokho okwenziwe kwabonwa imiphumela yakho. | Okubonwa ngokulinga kuvumela ukuthi amaqiniso azikhulumele wona ngokwawo, futhi kuzama ukukhipha incazelo eyenziwa ngabacwaningi kakhulu ngendlela okungenzeka ngayo. |
| empower | verb | to give more control over someone's life or situation. | Libraries empower pupils by giving them the freedom to make their own choices about reading and learning experiences. | nika amandla | verb | ukunika umuntu ukuthi akwazi ukulawula okuthile phezu kwempilo yomuntu noma kwesimo somuntu. | Imitapo yolwazi inika abafundi amandla ngokubanika inkululeko ukuthi bakwazi ukuzithathela izinqumo zabo ngokwabo maqondana nokufunda kanye nezinto abahlangabezana nazo lapho befunda. |
| enable | verb | to provide the means to perform a task. | Free internet access will enable more people to work from home. | yenza | verb | ukuhlinzeka ngezindlela zokukwazi ukwenza umsebenzi othile. | Ukutholakala kwe-inthanethi mahhala kuyokwenza ukuthi abantu abaningi bakwazi ukusebenzela emakhaya. |
| encompass | verb | to include a range or a large number of things | Estuaries encompass broad ecosystems that usually extend many miles beyond the open waters of a bay or lagoon. | faka phakathi | verb | ukwengeza yonke into kwinani lezinto eziningi | Izifundo zomlando zakuleli zifaka phakathi umlando wabelungu kanye nowabantu abamnyama kuleli. |
| encounter | verb | to come across; find unexpectedly. | They encountered many problems during the pilot phase of the project. | bhekana | verb | ukudibana; ukuthola ngokungalindelekile. | Babhekana nezinkinga eziningi ngenkathi besazama ukubona ukuthi lolu hlelo lwaluzoma kanjani. |
| encounter | noun | an unexpected convergence. | There was a violent encounter between the protesters and the government officials. | ukuhlangana | noun | ukudibana okungalindelekile. | Kwaba khona ukuhlangana okunodlame phakathi kwababhikishi kanye nezikhulu zikahulumeni. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| energy | noun | the effort and attention which someone uses to do something or achieve something. | He applied all his energies to winning a gold medal in the marathon. | amandla | noun | umzamo kanye nokuzinikela umuntu akusebenzisayo ukwenza okuthile noma ukuphumelela kokuthile; sebenzisa. | Wasebenzisa wonke amandla akhe anawo ukuwina indondo yegolide emjahweni. |
| enforce | verb | to compel to behave in a certain way. | Medical law is a tool for enforcing medical ethics. | phoqa | verb | ukwenza ngenkani ukuthi into ethile yenzeke ngendlela ethile. | Umthetho ogxile kwezokwelashwa yithuluzi lokuphoqa ukuthi kuhlonishwe izinkambo zokwelashwa. |
| enhance | verb | to make better or more attractive. | The proposed research should enhance our understanding of Alzheimer's disease. | yenza kube lula | verb | ukwenza into ukuthi ibengcono noma ihehe kakhulu. | Lolu cwaningo oluhlongozwayo luzokwenza ukuthi kube lula kithi ukuqonda kabanzi ngesifo sedumbe. |
| enlighten | verb | to explain something to someone so that they have a greater knowledge or understanding of it. | I don't know much about the testing process; could you enlighten me? | cacisa | verb | ukuchaza into ethile uchazela umuntu ukuze lowo muntu abe nolwazi noma nokuyiqonda yonke into eyenzekayo. | Angazi lutho kangako mina ngohlelo lokuhlola, ungakwazi mhlawumbe ukungicacisela ngalo? |
| enrich | verb | to improve the quality of something, usually by adding something to it. | Reading can enrich your understanding and appreciation of a language. | cebisa | verb | ukwenza into ibe ngcono ngokwezingabunjalo layo, imvamisa ngokuthi kube khona okwengezayo kuyo. | Ukufunda kungakwazi ukucebisa ukuqonda kwakho kanye nokuthanda kwakho ulimi. |
| ensure | verb | to make certain. | Three data sources were used to ensure the validity of the research. | qiniseka | verb | ukwenza kube nesiqiniseko. | Kwasetshenziswa imithombo emithathu yedatha ukuqinisekisa ukuthi ucwaningo luyakholakala. |
| entity | noun | a thing which is perceived to have its own distinct existence. | The state and the legal system are separate entities. | into | noun | into ethathwa ngokuthi inokuziphilela kwakho yodwa. | Uhulumeni kanye nezinkantolo yizinto ezehlukene lezo. |
| enumerate | verb | to name or mention a list of things one by one. | The question required students to enumerate the causes of black-spot disease on citrus fruit. | bala | verb | ukusho uhla lwezinto noma ukuqamba izinto ezithile ngazinye ngazinye. | Umbuzo wawudinga abafundi ukuthi babale izimbangela zesifo samatele. |
| environment | noun | surrounding conditions, circumstances, situations, people or events, etc. which affect your life. | The business case study required a thorough analysis of the business environment. | umkhakha | noun | izimo ezizungezile, abantu abazungezile noma izigameko ezizungezile, njll. nezinomthelela empilweni yakho. | Ucwaningo ngezamabhizinisi lwaludinga ukuthi kube nokuhlaziywa okuphelele ngomkhakha wamabhizinisi. |
| episode | noun | an event, incident or short period of time during which something specific, important or unusual happens. | During the last episode of the soapie the main character dies. | isiqephu | noun | isigameko, isehlo noma isikhathi esifushane lapho khona into ethile eqondile, ebalulekile noma engejwayelekile yenzeka khona. | Kwisiqephu sokugcina umlingiswa oqavile uyashona. |
| equate | verb | to consider or describe two or more things as the same, similar or closely connected. | In his conference paper he equated discrimination with violence. | linganisa | verb | ukubheka noma ukuchaza izinto ezimbili noma ezingaphezulu ngesikhathi esisodwa, ezilinganayo noma ezisondelene kakhulu. | Kwiphepha lakhe alifunda kwingqungquthela ukucwaswa wakulinganisa nodlame. |
| equilibrium | noun | a controlled balance between opposing forces, influences, aspects of a situation, etc. | His excellent physical and moral equilibrium gave him an evenness of temper . | i-ikhwilibhriyamu | noun | Ibhalansi ekhontrolekayo yezinto ezithile eziphikisanayo, ezesimo esithile, njll. | Ukwakheka komzimba wakhe kanye ke-ikhwilibhriyamu yomqondo wakhe kwamnika ukukwazi ukuzibamba ngisho esecasukile. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| equip | verb | to provide somebody with the necessary items to perform a certain function. | The programme equipped him with the knowledge and skills to find employment soon after graduation. | hlinzeka | verb | ukunikeza umuntu ngezinto ezithile azidingayo ukuze akwazi ukwenza umsebenzi othile. | Lolu hlelo lwamhlinzeka ngolwazi kanye namakhono okuthi akwazi ukuthola umsebenzi ngokushesha okukhulu ngemuva kokuthweswa imiyezane yakhe. |
| equivalent | adj | something or someone that has the same value, function, meaning, etc. as something or someone else. | Although they had different responsibilities on the project, they received equivalent pay and recognition. | okulinganayo | adj | yinto noma umuntu onamandla afanayo, imisebenzi efanayo, umqondo ofanayo, njll. njengenye into ethile noma njengomuntu othile. | Yize babenikwe ukuthi benze imisebenzi engefani kwiprojekthi, kodwa bathola iholo elilinganayo kanye nokuhloniswa okulinganayo ekugcineni. |
| era | noun | time period, usually in history. | We live in an era of globalization and super-diversity. | inkathi | noun | yisikhathi esithile, imvamisa esisuke sisemlandweni. | Siphila enkathini lapho izinto zenziwa umhlaba wonke nalapho kunokungenfani okukhulu. |
| erode | verb | become ground down or deteriorate. | The series of misfortunes eroded his self-confidence. | qeda | verb | ukushabalalisa noma ukuqeda. | Uchungechunge lwamashwa namabhadi kwaqeda ukuzethemba kuyena. |
| err | verb | to make a mistake. | He erred in gossiping about his colleagues to people who knew them personally and was caught out. | ukona | verb | ukwenza iphutha. | Yena wona ngokuthi ahlebe ngozakwabo kubantu ababebazi kahle wayesevele ebanjwa kanjalo-ke. |
| err | verb | to decide to demonstrate too much of a quality, usually a good one. | She decided to err on the side of caution and did not give the hitchhiker a lift. | xwaya | verb | ukuthatha isinqumo sokubonisa izingabunjalo (ikhwalithi) eliningi kakhulu, isikhathi esiningi okusuke kuyinto enhle. | Wathatha isinqumo sokuthi axwaye angethembi lutho ngokuthi angamgibezi lowo owayemisa imoto ecela ukugitsheliswa emgwaqeni. |
| establish | verb | to create or begin something such as an organisation, fund, activity, etc. which is expected to exist or last for a long time. | She established an organisation to feed and clothe the homeless. | sungula | verb | ukudala noma ukuqala into ethile efana nenhlangano, nesiKhwama, nomsebenzi owenziwayo, njll. nokusuke kulindeleke ukuthi kuqhubeke nokuba khona isikhathi eside. | Wasungula inhlangano yokuphakela kanye nokugqokisa labo abangenamakhaya. |
| establish | verb | to find out the facts that prove something to be true. | A commission of enquiry was established to investigate the matter. | sungula | verb | ukuthola amaqiniso awubufakazi bokuthi into ethile iliqiniso. | Ikhomishani yophenyo yasungulwa ukuze iphenye lolu daba. |
| estate | noun | extensive landed property retained by the owner. | Her estate is worth R3 million. | ifa/impahla | noun | yindawo enkulu engudedangendlela engaphansi kwesandla somnikazi wayo. | Ifa noma impahla yakhe isiyonke ingabiza inani eliyizigidi ezintathu zamarandi. |
| estimate | verb | to judge the approximate value or number or quantity of something. | A United Nations report estimated the world population at 9.6 billion by 2050. | hlawumbisela | verb | ukwahlulela inani noma inombolo ngokuyilinganisa noma ukwahlulela ubungako bento ethile. | Umbiko we-United Nations uye wahlawimbisela inani labantu emhlabeni wonke ukuthi liyoba yizigidigidi eziyi-9.6 ngonyaka ka 2050. |
| ethic | noun | an idea or moral belief that influences the way you act. | Her work ethic is so strong that she will work through the night rather than miss a deadline. | inkambo | noun | umbono noma inkolelo yokwehlukanisa okulungile nokungalungile neba nomthelela kwindlela owenza ngayo izinto. | Inkambo yokusebenza kwakho inamandla kangangokuthi lowo angasebenza ngisho nasebusuku kuze kuse emnyango imbala ukusenoma kungashaya isikhathi sokuhambisa umsebenzi engaqedile ukuwenza. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| ethical | adj | connected with the beliefs about what is right and wrong. | The bank restricts loans to companies that demonstrate ethical behaviour. | okwenkambo | adj | okuxhumene nezinkolelo mayalena nokuthi yikuphi okulungile futhi yikuphi okungalungile. | Ibhange linikeza izimalimboleko kulezo zinkampani kuphela ezibonisa inkambo yokuziphatha efanele. |
| ethics | noun | principles of right and wrong for an individual or group. | The organisation strongly adheres to a code of ethics. | izinkambo | noun | imigomo yokulungile nokungalungile kumuntu othile noma kwiqembu elithile. | Le nhlangano izinikele kakhulu ekuziphatheni ngendlela yezinkambo zokuziphatha. |
| ethnic | adj | distinctive of the ways of living of a group of people. | South Africa has a wide variety of ethnic groups. | ngokohlobo lobuzwe | adj | izindlela ezahlukene zokuphila kweqembu labantu. | INingizimu Afrika iyikhaya lezinhlobo zezizwe eziningi ezahlukene. |
| evaluate | verb | to judge the value of a concept, entity, process, etc. on the basis of facts and/or criteria. | They evaluated various software packages with regard to utility, economy and functionality. | buyekeza | verb | ukwahlulela ubungako bomqondo, bento, bohlelo, njll. ngokusebenzisa amaqiniso kanye/noma izimo zokunquma. | Babuyekeza izinto zokusebenza kwamakhompyutha eziningi maqondana nokusebenziseka kwazo, ukonga kwazo kanye nokusebenziseka kwazo. |
| evaluation | noun | the process of determining quality, ability or significance. | The student evaluations must be completed by the end of the semester. | ukuhlola | noun | uhlelo lokuthola izingabunjalo, amandla okukwazi ukwenza okuthi noma ubumqoka. | Ukuhlolwa kwabafundi kufanale ukuthi kuphothulwe ekupheleni kwesimesta. |
| eventual | adj | expected to happen in the indefinite future. | The eventual aim of land redistribution is to make up for the wrongs of the past. | ekugcineni | adj | okulindeleke ukuthi kwenzeke kwikusasa elingaziwa. | Inhloso yokugcina yokusatshalaliswa komhlaba ukulungisa lokho okonakala koniwa uhulumeni waphambilini. |
| evident | adj | clearly revealed to the mind or the senses or judgement. | It has become evident that mechanisation is not the only answer to a vibrant agricultural economy. | okucacileyo | adj | okubonakala kahle ngokusobala engqondweni noma ezinzweni noma kwisinqumo. | Sekuvele kwacaca bha ukuthi ukwenza yonke into ngomshini akusiyona kuphela impendulo emnothweni wezolimo othuthukayo. |
| evoke | verb | to produce an image, memory, idea, etc. in someone's mind. | The play evoked memories of a happy childhood. | vukuza | verb | ukukhiqiza isithombe, umcabango, icebo, njll. emqondweni womunye umuntu. | Lo mdlalo uvukuze izinkumbulo zezikhathi ezimnandi zamzukwane umuntu esemncane. |
| evolve | verb | to develop gradually. | The project has evolved from a small community project into a nation-wide campaign. | sombuluka | verb | ukuthuthuka kancane kancane. | Iprojekthi isisombulukile isuka ekubeni yinto encane nje yomphakathi yaba umkhankaso omkhulu kazwelonke. |
| examine | verb | to study an idea or object carefully. | The archaeologist will carefully examine the skeleton recently found in the Eastern Cape to determine its age. | hlola | verb | ukutadisha umqondo noma into ethile ngokucophelela. | Lo muntu ofundele ukubheka izingebhezi uzohlolisisa kahle amathambo atholakale eMpumalanga Kapa ukuze kutholakale ukuthi aneminyaka yobudala emingaki. |
| exceed | verb | to be better than some standard. | A real object cannot exceed the speed of light. | edlula | verb | Ukuba ngcono ukunezinga elithile elibekiwe. | Into yangempela angeke ikwazi ukwdlula ijubane lokukhanya. |
| excel | verb | to be very good at doing something. | Students are highly motivated to work hard in order to excel in tasks and receive rewards. | dlula | verb | ukuba muhle kakhulu ekwenzeni into ethile. | Abafundi bamagange kakhulu kabi ukusebenza kanzima ukuze bakwazi ukuzidlulela kalula nje emisebenzi yabo abayenzayo bese bekwazi nokuthola imiklomelo ngalokho. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| excess | noun | more than is necessary. | The tests show an excess of sodium in her blood. | into engaphezulu ngobuningi | noun | ngaphezu kwalokho okudingekayo. | Izivivinyo zibonisa ukuthi kunesodiyamu eningi kakhulu egazini lakhe. |
| exclude | verb | to prevent from entering; to shut out. | The staff were excluded from the protests on campus. | vimba | verb | ukuvikela ukuthi kungangeni; ukuvalela ngaphandle. | Abasebenzi bavinjwa ukuthi bangalibambi iqhaza kwizidubedube ezazenzeka ngaphakathi ekhempasini. |
| exclude | verb | to reject something as a possibility because you have decided or proved that it is wrong or not important. | Patients with TB were excluded from the sample. | khipha | verb | ukunqaba into ethile okuthi ingenzeka ngoba wena usuthathe isinqumo noma usuthole ukuthi leyo nto ayilungile noma ayibalulekile. | Iziguli ezinesifo sofuba zakhishelwa ngaphandle kwisampula. |
| execute | verb | to carry out a plan or do something you have agreed to do. | Tasks that have not been executed by 15 December have to stand over. | enza | verb | ukwenza icebo elithile noma ukwenza into ethile ovumile ukuthi kufanele uyenze. | Imisebenzi eyobe ingenziwanga kuze kushaye umhla ziyi-15 kuZibandlela kuyofanele ukuthi isale isiyiekwa kanjalo. |
| exert | verb | to use power, influence, authority or pressure in a strong way in order to have a particular effect on someone or something. | He exerts great influence on the other board members. | sebenzisa | verb | ukusebenzisa amandla, ukukwazi ukujika umqondo, igunya noma ingcindezi ngendlela enamandla ukuze kube nomthelela othile kumuntu othile noma kwinto ethile. | Lowo usebenzisa ukuthi unamandla okuguqula imiqondo yamanye amalungu ebhodi. |
| exert | verb | to make a strong or strenuous physical or mental effort. | He was cautioned by the doctor not to exert himself during exercise. | nweba | verb | ukwenza umzamo omkhulu wokunyakazisa umzimba noma umqondo. | Waxwayiswa wudokotela ukuthi angazinwebi kakhulu uma enyakazisa umzimba. |
| exhibit | verb | to show, make visible or display. | The artist's paintings will be exhibited at the re-opening of the art gallery. | bonisa | verb | ukubonisa, ukwenza into ukuthi ibonakale noma ibe sobala. | Imidwebo yomdwebi izoboniswa ekuvulweni kabusha futhi kwendawo yemidwebo. |
| expand | verb | to make bigger or wider in size, volume or quantity. | During the 1970s social welfare programmes expanded rapidly. | anda | verb | ukwenza kube kukhulu noma kuvuleke ngosayizi, ngomthambo noma ngobuningi. | Ngeminyaka yawo 1970 izinhlelo zezenhlalakahle zanda ngokuphindaphindiwe. |
| expert | noun | a person with special knowledge and experience. | He is an expert on global warming. | ungoti | noun | umuntu onolwazi oluthile olwehlukile kanye nesipiliyoni. | Lowo ungungoti kwizinto ezithinta ukuguquguquka kwesimo sezulu. |
| expert | adj | very skilled or good at doing something. | They need expert advice on marketing the technologically advanced product. | okunobuchule | adj | onamakhono kakhulu noma omuhle kakhulu ekwenzeni into ethile. | Badinga iseluleko esinobuchule ukuthengisa lo mkhiqizo ophambili ngezetheknoloji. |
| explain | verb | to tell in a way that makes it easy to understand. | The methodology section explains how the participants were selected. | chaza | verb | ukusho ngendlela eyenza ukuthi kube lula ukuqonda. | Isigaba sokwenza sichaza ukuthi abababambiqhaza babuthwa kanjani ukuthi babe yingxenye yalolu cwaningo. |
| explain | verb | to give reasons for something. | The theory explains why so many teenagers engage in risk behaviour. | enaba | verb | ukunikeza izizathu zento ethile. | Lo msebenzi wenaba ngokuthi kungani abantu abasha abaningi bezibandakanya nokuziphatha okubafaka engcupheni ngale ndlela. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| explicate | verb | to make clear, explicit and comprehensible. | You have to explicate the rationale for the study. | veza | verb | ukucacisa, ukwenza kube sobala futhi kuzwakale. | Kuzofanele ukuthi uveze izizathu zokufuna kwakho ukwenza lolu cwaningo. |
| explicit | adj | precisely and clearly expressed with no attempts to hide anything. | In their planning documents employers must give explicit indications of how they intend implementing the new policy. | okucace bha | adj | ncamashi futhi ngokucacile kungenamizamo yokuthi kube khona okufihlwayo. | Kumadokhumenti abo okuhlela abaqashi kufanle ukuthi bakubeke kucace kuthi bha ukuthi ngabe bahlose ukuyisebenzisa kanjani le nqubomgomo entsha. |
| exploit | verb | to use or manipulate to one's advantage. | Traders on the stock exchange exploited the weak Rand to make money. | sebenzisa ithuba | verb | ukusebenzisa noma ukuyenga ukuze kusebenzele wena. | Abahwebi kwi-stock exchange basebenzisa ithuba leRandi elibuthaka ukwenza imali. |
| exploit | verb | to treat someone unfairly, e.g. to use their work or ideas without giving them credit in order to get money or advantage for yourself. | She felt that the tragedy was exploited by the media. | eba umsebenzi womuntu | verb | kusho ukuphatha kabi nangendlela engafanele omunye umuntu, isib. ngokuthi usebenzise imisebenzi yakhe noma imicabango yakhe kodwa manje ungakuvezi obala ukuthi lowo msebenzi noma leyo micabango akusikhona okwakho ukuze ukwazi ukuthi uzitholele imali noma kube sengathi lowo msebenzi owakho. | Yena ngokubona kwakhe uthi into ebuhlungu ukuthi yonke le nto yavele nje yantshontshwa ngabemthomo yezindaba. |
| exponent | noun | a person who supports or explains an idea, plan, theory, belief, etc. and tries to persuade others that it is useful or good. | The professor is a leading exponent of herbal medicine. | umnxenxi | noun | umuntu oweseka noma ochaza umqondo othile, uhlelo oluthile, ithiyori ethile, inkolo ethile, njll. bese ezama futhi ukuthi acele nabanye abantu ukuthi babone kubalulekile noma kukuhle lokho njengaye. | Usolwazi ungumnxenxi ohamba phambili ngokuthi kusetshenziswe amakhambi njengemithi yokwelapha. |
| export | verb | to sell or transfer abroad. | South Africa exports wine to the rest of the world. | thengisa ngaphandle | verb | ukuthengisela noma ukwedlulisela umkhiqizo kwelinye izwe. | INingizimu Afrika ithengisa ngaphandle kwakuleli iwayini elisatshalaliswa umhlaba wonke. |
| export | verb | to introduce something such as an activity, idea, etc. to another country. | German ideas on education have been exported to rural Africa. | ethula kwelinye izwe | verb | ukwethula into entsha efana nomsebenzi, umqondo, njll. kwelinye izwe. | Imiqondo yaseJalimane kwezemfundo yethulwa kwizindawo zasemakhaya ezwenikazi lase-Afrika. |
| export | noun | the sale of products or materials to another country. | Profits from the export of alcohol are heavily taxed. | okwangaphandle | noun | ukutheniswa kwemikhiqizo noma kwezinto kwelinye izwe. | Izinzuzo ezenziwe ngotshwala ngaphandle kwakuleli zibanjelwa intela ephezulu kakhulu. |
| export | noun | something that is sold to another country. | Wine is an important export for South Africa. | umkhiqizo oya ngaphandle | noun | into ethile ethengiswe kweliny izwe. | Iwayini umkhiqizo obalululekile iNingizimu Afrika ewukhiqiza uye ngaphandle kwamanye amazwe. |
| expose | verb | to show or make visible. | He considered it his duty to expose careless and ignorant writers. | veza | verb | ukubonisa noma ukwenza ukuthi kubonwe. | Wakuthatha ngokuthi kungumsebenzi wakhe ukuveza ababhali abanganaki futhi abangawukhuthalele umsebenzi wabo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| extensive | adj | including a wide range. | The accident received extensive coverage from the media. | okubanzi | adj | okufaka izinto eziningi ngaphakathi. | Ingozi yatholwa ukubikwa ngayo okubanzi kwabemithombo yezokwazisa. |
| external | adj | on the outside. | The external pressure must be higher than the internal pressure for the expansion to take place. | ngaphandle | adj | okuvela eceleni ngaphandle. | Ingcindezi yangaphandle kufanele ukuthi ibe ngaphezu kwengcindezi yangaphakathi ukuze ukunwebeka kuqhubeke. |
| extract | verb | to remove, usually with some force or effort. | The broken piece was extracted from the machine using pliers. | donsa | verb | ukususa, imvamisa ngokuthi kusetshenziswe amandla noma umzamo othile. | Lolu cezu oluhlephukile lwadonswa emshinini kusetshenziswa udlawu. |
| extract | verb | to obtain something from something else, using a chemical or industrial process or machine. | Iron is extracted from iron ore. | khipha | verb | ukuthola into ethile ivela kwinto ethile, kusetshenziswa amakhemikhali noma olunye uhlelo noma kusetshenziswa umshini othile. | Insimbi ikhishwa kwiziphehli zensimbi. |
| extract | noun | a small part of a book, piece of music, etc. which is printed or published on its own. | This extract from the novel shows how poor children can be exploited in cities. | isiqeshana | noun | ingxenye encane yencwadi, yomculo, njll. nesuke ishicilelwe iyodwa ngokwayo. | Lesi siqeshana esicashunwe kwinoveli sibonisa ukuthi abantwana abahlwempu bangaxhashazwa kanjani emadolobheni. |
| extract (or excerpt) | noun | the substance that has been obtained from another substance by means of a particular process. | Almond extract gives rice pudding a lovely flavour. | isiqephu | noun | into ethile esuke itholakale isuke kwinto ethile enkulu ngokuthi kusetshenziswe indlela ethile. | Isiqephu se-Almond senza ukuthi ukudla okwenziwe ngerayisi kubukeke njengokudla okumnandi. |
| facilitate | verb | to make easier; allow it to happen. | The University is serious about facilitating access to more economically disadvantages students. | yenza kube lula | verb | ukwenza kwenzeke; ukukuvumela ukuthi kwenzeke. | Inyunivesi izimisele ngokwenza kube lula ukungena kwabafundi ababencishwe amathuba phambilini. |
| faction | noun | a small group within a larger group, which has opposing ideas to the main part of the group. | The rival factions in the political party cannot reach an agreement. | iqeqebana | noun | iqembu elincane ngaphakathi eqenjini elikhulu, elinemibono ephikisanayo nemibono yeqembu elikhulu. | Amaqeqebana angezwani ngaphakathi eqenjini lezepolitiki awakwazi ukufinyelela esivumelwaneni. |
| factor | noun | anything that contributes causally to a result. | Education is a key factor in raising awareness of health issues in a population. | umthelela | noun | kungaba yinoma yini ebambe iqhaza ngokungaqinile kumphumela othile. | Imfundo umthelela obalulekile ekuqwashiseni abantu ngezindaba zempilo emphakathini. |
| factor | verb | to include something in your calculations on how much something will cost, or how long it will take, etc. | She forgot to factor in the painter's wages when she estimated how much painting the house would cost. | faka | verb | ukufaka into ethile kwizibalo zakho ekutheni into ethile iyobiza malini noma iyothatha isikhathi esingakanani, njll. | Wakhohlwa nya ukufaka imali eyayizoholela umapendane ngenkathi elinganisa ukuthi kwakuzobiza malini ukuphenda indlu yonke. |
| factual | adj | based on or containing facts. | An argument is usually supported by factual information. | okuliqiniso | adj | okugxile emaqinisweni noma okuqukethe amaqiniso. | Inkulumompikiswano ivamise ukuthi yesekelwe ulwazi olungamaqiniso. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| fallacy | noun | a false or mistaken idea or belief, based on incorrect information or faulty reasoning, which many people believe to be true. | It is a fallacy that the Scots are stingy; in fact, they give more to charity than any other group in the British Isles. | amampunge | noun | umqondo oliphutha noma oshaya eceleni, osuselwe olwazini olungesilona noma ukubeka into eyisizathu esingesilona iqiniso, othola ukuthi abantu abaningi bakholwa ukuthi siyiqiniso. | Kungamampunge nje ukuthi abantu baseScotland bangongoqo; iqiniso elimsulwa ukuthi, laba bantu banikela kakhulu kwizinhlangano zabantu ezihlwempu ukwedlula zonke izizwe ezikhona ngaphansi kweBritish Isles. |
| fallacy | noun | a weakness in someone's argument caused by faulty logic or a mistake in their reasoning. | The fallacy contained in their argument is that they have made generalisations on the basis of too few examples. | ubuthaka | noun | ubuthaka kwinkulumo yomuntu kanti busuke bubangelwa ukucabanga angashayi khona noma ukwenza iphutha ekucabangeni kwakhe. | Ubuthaka obukhona kule nkulumo yabo ukuthi basuke babopha ngabhande linye yonke into kodwa bebe besebenzise izibonelo ezimbalwa kakhulu. |
| feasible | adj | possible, practical, that can be done and is likely to work. | Using four languages as media of instruction is not feasible. | okunokwenzeka | adj | okungenzeka, okuphathekayo, okungenziwa futhi okungase kusebenze. | Ukusebenzisa izilimi ezine ngesikhathi esisodwa njengendlela okufanele kufundwe ngayo lapha yinto okungelula ukuthi ingenzeka. |
| feature | noun | a special article on a particular subject in a magazine, newspaper, etc. | The newspaper had a special feature on the writer who won the award. | umbhalo | noun | i-athikhili ekhethekile neyisipesheli ekhuluma ngesihloko esithile kwiphephabhuku, kwiphephandaba, njll. | Iphephandaba lalinombhalo okhethekile noyisipesheli mayelana nombhali owayewine umklomelo. |
| feature | noun | an important, interesting or typical aspect of something. | Describe the characteristic features of an earthquake. | isakhi | noun | umunxa wento ethile ebalulekile, ethokozisayo. | Chaza izakhi ezenza ukuzamazama komhlaba. |
| feature | verb | to have an important part in or include a specific person. | The conference will feature the dean as one of the plenary speakers. | ukufaka | verb | ukuba nengxenye ethile ebalulekile noma ukufaka umuntu othile oshiwo. | Ingqngquthela izofaka umphathi womnyango njengomunye wezikhulumi eziqavile kwesinye sezithangami. |
| fertile | adj | if an environment or situation is fertile, then new ideas, results, political groups, etc. are encouraged and can easily develop and succeed. | Poorer regions are a fertile breeding ground for revolution. | okuvundile | adj | uma imvelo noma isimo kuvundile, lokho-ke kusho ukuthi imicabango emisha, imiphumela emisha, amaqembu ezepolitiki amasha, njll. kuyakhuthazwa futhi kusuke kuyizinto okungathuthuka kalula futhi kuphumelele kalula. | Izifunda ezidla imbuya ngothi (ezihluphekayo) ziyindawo evundile yokuqubuka kwembedumehlwana yokuvukela umbuso. |
| fertile | adj | if your mind is fertile, you are full of new, interesting and unusual ideas. | The new lecturer has a fertile mind and will make many valuable contributions to research in the field. | okucebile | adj | uma umqondo wakho ucebile, kusho ukuthi wena ugcwele imicabango emisha, ethokozisayo nengajwayelekile. | Lo thisha omusha unomqondo ocebile kanti lokho kusho ukuthi uzofaka umfutho odingekayo ekwenziweni kocwaningo kulo mkhakha. |
| finance | verb | to provide the money, often a large amount, that is needed to pay for something | She worked full-time to finance her husband's college education. | khokhela imali | verb | ukuhlinzeka ngemali, isikhathi esiningi kuba yimali eningi, esuke idingeka ukuze kukhokhelwe into ethile | Wasebenza ngokugcwele ukuze akwazi ukukhokhela umkhwenyana wakhe izimali ezazidingeka ekolishi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| finance | verb | the money that a person or organisation has available and the way in which they manage this money. | The church took out a loan to finance the new community centre. | nika imali | verb | imali umuntu aba nayo noma inhlangano ethile eba nayo kanye nendlela leyo mali ephethwe ngayo. | Isonto labe selithatha imalimboleko ukuze linike imali isikhungo somphakathi. |
| finance | noun | the commercial activity of providing funds and capital. | Finance for the new natural sciences laboratory has been provided by private donors. | imali | noun | umsebenzi wokuhweba ngokuhlinzeka ngezimali. | Izimali zelabholethri entsha yesayensi zihlinzekwe ngabaxhasi abazimele. |
| finite | adj | with a definite limit or fixed size. | There is a finite number of energy resources from which to generate electricity. | okuphelayo | adj | okunomkhawulo ongangatshazwa noma okunosayizi ongaguquki. | Kunenani eliphelayo lemithombo yamandla nesuke ingasetshenziselwa ukuphehla ugesi. |
| flexible | adj | able to adjust to different conditions. | The company is looking for someone who can work flexible hours. | okuvumela noma yini | adj | ukukwazi ukumelana nezimo ezahlukene. | Inkampani ifuna umuntu ongakwazi ukusebenza amahora anganoma ngasikhathi sini. |
| fluctuate | verb | move in a rising and falling pattern like a wave. | The device malfunctioned due to fluctuations in the electrical current. | ntengantenga | verb | ukuhamba ngendlela eyenyukayo neyehlayo njengegagasi. | Le nto yami ivele yafa yangabe isasebenza ngenxa yokuntengantenga kokuza kwamandla kagesi. |
| fluent | adj | able to speak or write a (foreign) language correctly and easily without hesitation. | She is fluent in Spanish. | ukuqephuza | adj | ukukwazi ukukhuluma noma ukubhala ulimi (okungesilona olwakho; olwabezizwe) ngendlela efanele kanye nakalula ngaphandle kokungabaza. | Phela lowo ntombazane uyasiqephuza nje iSpenishi. |
| fluid | adj | unstable, not fixed and likely to change. | Although the two institutions have merged, the arrangement is still fluid. | okuqhubekayo | adj | okungamile ndawonye, okungagxilile ndawonye futhi okunamathuba okuthi kungashintsha. | Yize izikhungo zombili lezi sezihlangene, izinhlelo kodwa zisaqhubeka. |
| focus | verb | to concentrate on or pay special attention to a particular person or thing instead of other people or things. | She focused all her energy on completing her dissertation. | gxilisa | verb | ukunaka into ethile noma ukubhekisisa umuntu othile esikhundleni sabanye abantu noma sezinye izinto. | Wagxilisa wonke amandla akhe ekutheni aphothule i-dissertation yakhe. |
| focus | noun | the subject or situation that is the centre of interest or attention. | The main focus of the course is social anthropology. | isizinda | noun | isihloko noma isimo okuyisona esiyisizinda sento ethile enakwaywo. | Isizinda esikhulu kodwa salesi sifundo ukuhlalisana kwabantu. |
| focus | noun | the special attention you give to a particular subject or situation. | The media's focus on primary health care has raised awareness. | ukugxila | noun | ukunaka okuthile okuyisipesheli okunika udaba oluthile noma isimo esithile. | Ukugxila kakhulu kwabemithombo yokwazisa kwezempilo eziyisisekelo sekwenze ukuthi abantu abaningi baziqaphele. |
| focus | noun | the clear purpose of something. | His essay lacks focus. | umongo | noun | inhloso ecacile yento ethile. | Kodwa i-eseyi yakhe ayinawo umongo odingekayo. |
| forgo | verb | to give something up or to decide not to have something. | The student volunteers forgo their summer holidays to do development work. | shaya indiva | verb | ukuyeka into ethile noma ukuthatha isinqumo sokuthi ungabi nayo into ethile. | Abafundi abangamavolontiya bashaya indiva amaholidi abo asehlobo ukuze benze umsebenzi wentuthuko. |
| format | noun | the organisation, plan or design of something. | The celebrations take place in the format of a carnival. | isimo | noun | Ukuhleleka, ukuhlelwa noma ukuklanywa kwento ethile. | Imibhiyozo yaba yisimo esithi masibe sasikhathi sentokozo nokujabula. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| format | noun | the layout and appearance of a document or display. | The format of the two textbooks is completely different. | ifomathi | noun | ukuma kanye nokubukeka kwedokhumenti noma kwento ethile ebekiwe ebonakalayo. | Ifomathi yalezi zincwadi ezimbili yehluke kakhulu. |
| format | verb | to arrange a text and visual elements in a specific way on a page or screen. | All assignments have to be formatted according to the prescribed style sheet. | hlela | verb | ukuhlela umbhalo kanye nezinto ezibonakalayo kube yindlela ethile ekhasini noma esikrininini. | Wonke ama-asayinementi kumele ukuthi ahlelwe ngokulandela indlela emisiwe yokwenza. |
| formula | noun | a particular method of achieving something. | The formula for success is hard work. | isithako | noun | indlela ethile ekhethekile yokuzuza okuthile. | Isithako sempumelelo ukusebenza kanzima nokuzikhandla. |
| formulate | verb | to invent, plan and decide all the details of a proposal or project. | The commission was tasked with formulating a monetary policy. | akha | verb | ukusungula, ukuhlela kanye nokuthatha isinqumo ngayo yonke imininingwane yento ehlongozwayo noma yeprojekthi. | Ikhomishini yanikwa umsebenzi wokuthi yakhe inqubomgomo yokusebenza kwezimali. |
| formulate | verb | to use particular words to clearly express your opinions, feelings or ideas. | They formulated their ideas in carefully crafted prose. | sungula | verb | ukusebenzisa amagama athile ukuveza ngokusobala nangokucacile imibono yakho, imizwa yakho noma imicabango yakho. | Basungula imiqondo yabo besebenzisa izinkondlo zabo ezibazwe kahle. |
| forthcoming | adj | willing to give information about something. | She was forthcoming in her response to the allegations. | ukugonyuluka | adj | ukuba nesifiso sokunikela ngolwazi mayelana nento ethile. | Leyo ntombazane ayizange ihluphe nje yathi uma ibuzwa ngezinsolo ezibhekiswe kuyo yagonyuluka konke ekwaziyo. |
| forthcoming | adj | going to happen or to be published. | I am looking forward to the forthcoming rugby season. | okuzayo | adj | okuzokwenzeka noma umsebenzi othile okumele ushicilelwe. | Ngiyibheke ngamehlo abomvu le sizini ezayo yebhola lombhoxo. |
| found | verb | to base something such as a main idea or belief on something else. | A child's confidence is founded on love and praise. | akhela | verb | ukugxilisa into ethile efana nomqondo othile omkhulu noma inkolelo enkulu phezu kwento ethile eseceleni nebanzi. | Ukuzethemba komntwana kwakhelwe othandweni kanye nasekunconyweni. |
| foundation | noun | the basics or principles on which future work or actions are built. | The study provides a solid foundation for further research. | isisekelo | noun | isisekelo noma imigomo lapho khona umsebenzi wangomuso noma izenzo zangomuso kugxile khona. | Lolu cwaningo luhlinzeka ngesisekelo esibambekayo solunye ucwaningo. |
| framework | noun | a set of ideas, beliefs or principles forming the basis for understanding something. | The textbook provides a general framework for understanding biology. | uhlaka | noun | isethi yemibono, yezinkolelo noma yemigomo okwenza isisekelo sokuqonda into ethile. | Le ncwadi ihlinzeka ngohlaka lokuqonda kabanzi isifundo sezomlando. |
| frontier | noun | the extreme limit of what is known about something in a particular field. | If this research project is successful, our frontiers of knowledge will be pushed back. | umngcele | noun | umkhawulo omkhulu kakhulu walokho okwaziwayo ngento ethile emkhakheni othile. | Uma le projekthi yocwaningo iba yimpumelelo, imingcele yethu yolwazi iyohlehliswa ibuyele emuva. |
| fuel | verb | to increase something, such as speculation, anger, controversy, etc. in amount or intensity. | His resignation will fuel speculation that the whole company was involved in the theft of the money. | sabalalisa | verb | ukukhulisa into ethile, efana nokuqagela, ukucasuka, ukuba yinto engaqondakali, njll. ngobuningi noma ngobubanzi. | Ukushiya kwakhe umsebenzi kuzosabalalisa ukuqagela okubi kokuthi inkampani yonke ibibambe iqhaza kulokhu kwebiwa kwemali. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| fulfil | verb | to achieve a required or necessary official standard of something. | She has fulfilled all the requirements for the programme and will graduate in September. | fezekisa | verb | ukuthola izinga elithile lento ethile elidingekayo elisemthethweni. | Usezifezekisile zonke izidingo zohlelo akade elufundela kanti sikhuluma nje uzobe esethweswa iziqu ngoMandulo. |
| function | verb | to do the work or to fulfil the purpose that you or a particular thing is supposed to do or fulfil. | The building's water supply has been reconnected and it is functioning as normal. | sebenza | verb | ukwenza umsebenzi noma ukugcwalisa noma ukufezekisa inhloso wena noma into ethile okufanele ukuthi iyenze noma iyifezekise. | Amanzi akulesi sakhiwo asephinde axhunywa futhi kanti asebenza kahle njengenjwayelo. |
| function | noun | what something is used for. | Internet banks can perform the functions of traditional banks at half the price. | umsebenzi | noun | into ethile lokho okusuke kusetshenziselwa khona. | Amabhange asebenza nge-inthanethi angenza umsebenzi owenziwa amabhange ajwayelekile ngenani lentengo elinguhhafu. |
| function | noun | a thing of which the amount or nature is produced by, depends on or varies according to another thing. | Job advancement is a function of expertise, merit and experience. | umsebenzi | noun | yinto ethile okuthi inani layo elikhiqiziwe lincike kwezinye izinto eziningi noma yehlukile ngokuhambisana nenye into ethile. | Ukuthuthuka ngokomsebenzi kanye nokwenyuka kwezimendlela wumsebenzi wobuchule, wokuhlakanipha kanye namava. |
| function as | verb | to be something or work as something. | Pretoria functions as the administrative capital of South Africa. | kusebenza njengento ethile | verb | ukuba yinto ethile noma ukusebenza njengento ethile. | IPitoli lisebenza njengekomkhulu lalapho kwenziwa khona imisebenzi yezwe eNingizimu Afrika. |
| fundamental | adj | absolutely necessary and important as a part of something, to the point that the second thing could not exist or succeed without it. | A clean supply of water is fundamental to the health of a nation. | okuyisisekelo | adj | okudingeka kakhulu futhi okubalulekile njengengxenye yento ethile, kuze kufinyelele ezingeni lokuthi into ethile yesibili angeke ize ibe khona noma iphumelele ngaphandle kwayo. | Amanzi ahlanzekile ayisisekelo kwimpilo yesizwe. |
| fundamental | adj | forming the necessary basis of something. | The concept of justice is fundamental to his theory. | okuyisizinda | adj | okwenza isisekelo esidingekayo sento ethile. | Umunxa wobulungiswa yiwona oyisizinda sethiyori yakhe. |
| fuse | verb | to join two or more things, physically or chemically, so that they become one thing. | He fused the two electrical wires together so that electricity flowed. | hlanganisa | verb | ukuhlanganisa izinto ezimbili noma ezingaphezulu, kungenzeka uzihlanganisa ngezandla bukhoma noma ngokusebenzisa amakhemikhali, ukuze zikwazi ukuba yinto eyodwa. | Wahlanganisa izintambo zikagesi ndawonye ukuze ugesi ukwazi ukuhamba kahle. |
| fuse | verb | to join together different ideas, qualities or things, especially so that you can form a pleasing combination or whole. | He fused the best elements of both philosophies to create a new ethical system. | dibanisa | verb | ukuhlanganisa ndawonye imiqondo eyahlukene, amazingabunjalo noma izinto, ikakhulukazi ukuze zikwazi ukuba yinhlanganisela ethokozisayo noma zibe yinto ephelele. | Wadibanisa izinto ezihamba phambili kakhulu kwimiqondo yomibili ukwakha isimo somqondo owodwa esisebenzayo. |
| gender | noun | the properties distinguishing male and female roles. | Employers may not discriminate against employees based on gender. | ubulili | noun | izinto ezithile ezehlukanisa izindima zomuntu wesilisa noma zomuntu wesifazane. | Abaqashi abakwazi ukuthi bangacwasa abasebenzi ngenxa yobulili babo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| generate | verb | to create or bring into existence, such as ideas, profits and power. | The new lecturer generated an exciting class discussion. | gaya | verb | ukudala noma ukusungula into ethile ukuze ibe khona, into engafana nemiqondo, izinzuzo kanye namandla. | Uthisha omusha uye wagaya ingxoxo eyinkulumompikiswano ethokozisayo ekilasini. |
| germ | noun | the beginning or early stages of something, such as an idea, from which that thing may develop into a more important thing. | The germ of his theory, developed much later, can already be seen in his first book. | umsuka | noun | isiqalo noma isigaba sokuqala sento ethile, efana nomqondo, nokuyilapho leyo nto ingabe isisuselwa khona ibe yinto ebaluleke kakhulu. | Umsuka wale thiyori yakhe, wasunguleka ngokuhamba kwesikhathi, kanti ivele le thiyori yakhe isiyabonakala kwincwadi yakhe yokuqala. |
| globe | noun | an object with a spherical shape; the universe. | The trees were clipped into globes. | umhlaba | noun | yinto ethile emise okomkhathi; izwe lonke. | Izihlahla zabe sezigundwa zamisa okwemihlaba ethile. |
| goal | noun | that which a plan is intended to achieve, which will usually require effort and time. | Any goal could be achieved if people didn't allow themselves to get side-tracked. | inhloso | noun | kuba yilokho icebo elisuke lenzelwe ukuthi lizuzwe ngakho, imvamisa kusuke kudinga umzamo kanye nesikhathi. | Noma ngabe iyiphi inhloso ingafezeka yinqobo nje uma abantu bengakuvumeli ukuthi babuyiselwe eceleni. |
| grade | verb | to award a mark or a position on a scale to indicate intensity, amount or quality. | The lecturer graded the assignments. | maka | verb | ukunika iphuzu noma isikhundla ngokwesikalo ukubonisa amandla, inani noma izingabunjalo. | Uthisha wabe esemaka ama-asayinimenti abafundi. |
| grade | noun | the level or quality of a particular product or material. | The coal mined in that area is usually of the highest grade. | izinga | noun | izinga noma ikhwalithi yeleveli ethile. | Amalahle ambiwa kuleya ndawo avame ukuba sezingeni eliphezulu kakhulu. |
| grade | verb | to put things or people into categories according to their qualities or abilities. | The artifacts discovered during the excavation were graded according to size, colour, shape, etc. | kala | verb | ukubeka izinto noma abantu ngokwemikhakha yabo ngokulandela amazingabunjalo azo noma ngokwamandla azo okukwazi ukwenza okuthile. | Lezi zinto ezingamagugu ezatholakala ngesikhathi kumbiwe kuleya ndawo zabe sezikalwa ngokosayizi bazo, ngokwemibala, ngokokuma, njll. |
| grant | noun | amount of money given to complete a project. | He was awarded a research grant to help him complete his Master's dissertation. | umfundaze | noun | inani lemali lokuqedela iprojekthi ethile. | UXolani wanikwa umfundaze ukuze asizakale aqedele i-dissertation yakhe yeziqu ze-Masters. |
| grant | verb | to allow someone to have something, such as permission to do something. | The students were granted permission to use the parking lot for their fund-raising concert. | nika | verb | ukuvumela omunye umuntu ukuthi abe nento ethile, efana nemvume yokwenza okuthile. | Abafundi banikwa imvume yokuthi basebenzise indawo yokupaka izimoto ukwenza idili lomculo wabo lapho babenzela ukuthola izimali zeprojekthi yabo. |
| grant | verb | to accept or admit that someone's opinion, belief or idea is true, even if it is unpleasant or will not necessarily make a difference to your own beliefs or ideas. | It is granted that he was a good researcher, but his teaching abilities left much to be desired. | vuma | verb | ukwamukela ukuthi umbono womuntu uliqiniso, ngisho noma ngabe kuyinto engemukelekile noma ungeke ngempela ukwazi ukwenze umehluko kwizinkolelo zakho noma kwimiqondo yakho. | Siyavuma ukuthi yena wayengumcwaningi ohamba phambili impela, kodwa ikhono lakhe lokufundisa kuze kube yimanje sisalingabaza kakhulu impela nje. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| gravity | noun | the extreme seriousness or importance of an event or situation. | The Prime Minister of Pakistan emphasised the gravity of the civil unrest in India. | ububi | noun | ukubaluleka okukhulu kakhulu kwesimo esithile. | UNdunankulu wasePakistan ugcizelele ububi besimo sombhedukazwe ezweni laseNdiya. |
| gravity | noun | the extremely serious way in which someone speaks or behaves. | The Vice Chancellor's speeches have always been characterised by gravity. | ubuqotho | noun | indlela enobuqotho kakhulu umuntu akhuluma ngayo noma aziphatha ngayo. | Izinkulumo zonke Zenhloko Yenyunivesi zihlala njalo zinobuqotho. |
| guarantee | verb | to give a commitment that something will be done or will happen. | The insurance company guarantees complete satisfaction with their service. | qinisekisa | verb | ukunika ukuzibophezela ukuthi into iyokwenziwa noma iyokwenzeka. | Inkampani yomshuwalense iqinisekisa ukweneliseka okuphelele ngomsebenzi wayo ewenzayo. |
| guarantee | verb | to make sure that something will behave, happen or work in a particular way. | Roosevelt is saying that if a nation can guarantee some basic amount of economic security as a means to promote freedom, it should consider doing so. | qinisekisa | verb | ukuqinisekisa ukuthi into ethile iyokwenzeka noma iyosebenza ngendlela ethile. | URoosevelt uthi uma isizwe singakwazi ukuthi siqinisekise ukuphepha okuthile komnotho njengendlela yokukhuthaza inkululeko, nakanjani, isizwe kumele sikwenze lokho. |
| guarantee | noun | a formal promise, usually in writing, that something will happen or will be done, or that something is of a particular standard or quality. | Some banks offer a guarantee on their credit cards against the risk of money loss through fraud. | isiqiniseko | noun | isethembiso esisemthethweni, imvamisa ngokubhalwe phansi, sokuthi into ethile izokwenzeka, noma ukuthi into ethile ingeyezinga noma ingeyezingabunjalo elithile. | Amanye amabhange ayaye anikezele ngesiqinisekiso sokuthi ayoyikhokha imali yamakilayente yawo uma kwenzeka elahlekelwa yizimali ngenxa yokukhwabanisa. |
| guidance | noun | help or advice which is given to somebody. | During the first term of their first year students require guidance and sympathy far more than instruction. | ukwelulekwa | noun | usizo noma iseluleko esinikwe umuntu othile. | Ngesikhathi setemu yokuqala yokufunda kwabo, abafundi abenza unyaka wokuqala badinga ukwelulekwa kanye nokuzwelwa ngokungaphezu kwamandla. |
| hierarchy | noun | a series of groups at different levels of importance within a system. | The company has a fairly flat hierarchy: A CEO, managers and other employees. | ukuma | noun | uchungechunge lwamaqembu emazingeni ehlukene okubaluleka ngaphakathi kohlelo oluthile. | Le nkampani inokuma okuyisicaba, akekho omkhulu kunomunye: Kufike kube yi-CEO, izimenenja kanye nabanye abasebenzi. |
| hierarchy | noun | a system which organises ideas and beliefs into a type of system or structure. | The hierarchies of concepts in biology are best portrayed by means of diagrams and concept maps. | ukuma | noun | uhlelo oluhlela imiqondo kanye nezinkolelo kube wuhlelo noma uhlaka oluthile. | Ukuma kwamatemu esifundo se-biology achazwa kangcono ngemidwebo kanye namabalazwe. |
| highlight | verb | to make more visible or prominent. | The session chair highlighted the main points of the paper. | balula | verb | ukwenza into ibonakale kakhulu noma igqame. | Usihlalo wesithangami wabalula amaphuzu abalulekile ayibhalwe kulelo phepha. |
| homogeneous | adj | formed of people or parts that are the same or similar. | Pretoria has a strong, homogeneous Greek community made up of people who share a common culture, religion and language. | okufanayo | adj | okwenziwe ngabantu noma yizingxenye ezefanayo noma eziyinto eyodwa. | IPitoli linabantu besizwe samaGriki abafanayo kanti bawumphakathi owabelana ngesiko, ukholo kanye nolimi olufanayo. |
| hostile | adj | strongly rejecting or opposing something such as an idea, plan, etc. | He believed that anybody who did not smile when he spoke were hostile to his suggestions. | okunobutha | adj | okuphika kakhulu noma okuphikisana nento ethile okungaba umqondo othile, uhlelo, njll. | Wayekholelwa ukuthi noma ngabe ngubani owayengamamatheki uma yena ekhuluma yingoba wayenobutha nento ayesuke eyisho. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| hypothesis | noun | an idea based on known facts which is suggested as a possible explanation for or proof of a condition or situation, but which has not yet been demonstrated to be true. | The medical research team has put forward a new hypothesis on how the virus works. | umcabango onamaqiniso | noun | lona umqondo osuselwe kumaqiniso aziwayo nocatshangelwa ukuthi uyincazelo yesimo esithile, kodwa osuke ungakabonakali ukuthi uliqiniso. | Ithimba lezokwelapha selibeke umcabango onamqiniso omusha mayelana nokuthi ngabe igciwane leli lisebenza kanjani. |
| hypothesise | verb | to make a statement to explain or predict certain facts or observations. | It is hypothesized that people who are positive enjoy better health than those with a negative outlook on life. | cabanga ngokuyiqiniso | verb | ukwenza isitatimende ukuchaza noma ukuqagela amaqiniso athile noma lokho okubonwayo okuthile. | Kucatshangwa ngokuyiqiniso ukuthi abantu abahlale bejabule bathokozela impilo engcono ukwedlula labo abahlala beswabile benyukubele bengathokozile empilweni. |
| identical | adj | being the exact same. | In those days Sperm Whales were  thought to be identical to  the Greenland or Right Whale in England. | okufanayo | adj | okubukeka kufana kungekho mehluko. | Lawa mawele angeke uwehlukanise ngisho usuthanda ngoba ayefana. |
| identification | noun | the process of recognising something and saying what it is. | The identification of semi-precious stones rest partially on the observation of colour by the human eye. | ukuhlonza | noun | uhlelo lokubona into ethile kanye nokusho ukuthi into ethile iyini. | Ukuhlonzwa kwegolide phakathi kwalawo matshe kulele ekutheni ekukwazini kweso ukubona ukuthi yikuphi okucwebezela kakhulu ukwedlula okunye. |
| identify | verb | to give the name and/or characteristics of. | New tests have been devised to identify people with schizophrenia. | hlonza | verb | ukunika igama kanye/noma izici ezithile. | Ukuhlolwa okusha kuye kwenziwa ukuze kukwazeke ukuthi kuhlonzwe abantu abanomdumakhanda. |
| ideology | noun | a system of related ideas, usually of a political or economic system. | The myth of romance is based on the ideology of patriarchy whereby the man is the protector and pursuer of the woman. | umqondo | noun | indlela yemicabango ehlobene, ngokuvamile kuba ngeyepolitiki noma ngeyomnotho. | Insumansumane yokuthandana igxile emqondweni wokuthi indoda yiyona ephethe futhi yiyona evikela owesifazane kanti futhi yiyona okumele imeshele, hhayi ukuthi kube ngowesifazane oweshela indoda. |
| ignorance | noun | the lack of knowledge or education. | Her insensitive gender attitudes were born out of ignorance. | ukungazi | noun | ukungabi nalo ulwazi noma imfundo. | Ukungazweli kwakhe kwizindaba ezithinta abesimame kwakubangelwa ukungazi kwakhe nje. |
| illuminate | verb | to clarify, to make clear or to explain carefully. | The lecturer illuminated the mathematical problem. | cacisa | verb | chachisa, ukwenza into ibe sobala noma ukuyichaza ngokucophelela. | Uthisha wayicacisa inkinga yesibalo esasinayo. |
| illustrate | verb | to explain a general type, class or group by giving specific examples. | Students were required to provide examples in further support of the argument. | chaza | verb | ukuchaza ngendlela eyejwayelekile ngokunikeza izibonelo eziqondene nalokho. | Abafundi kwakudingeka ukuthi banikeze izibonelo ukweseka imibono yabo. |
| image | noun | the general impression that a person, an organisation or a product gives to the public. | An important part of the success of a business is its image. | isithombe | noun | umqondo ovamile umuntu, inhlangano noma umkhiqizo oba naso nosinika umphakathi. | Ingxenye ebalulekile ngempumelelo yebhizinisi isithombe salo ibhizinisi uqobo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| image | noun | a mental representation of someone or something. | When reading an academic text a student should build up a mental image of the meaning. | isithombe | noun | isithombe somqondo somuntu othile noma sento ethile. | Uma umfundi efunda umbhalo oyincwadi kufanele azakhele isithombe somqondo salokho okuqondwe ngombhalo lowo. |
| immigrate | verb | to come into a new country and change residency. | The South African family immigrated to Australia. | thuthela kwelinye izwe | verb | ukufika ezweni elisha bese ufika ushintsha ube ngowakhona unomphelo. | Umndeni othile waseNingizimu Afrika wathuthela ezweni lase-Australia. |
| impact | noun | the effect or influence that something has on something else. | The injury may have a considerable impact on his performance in rugby this season. | umthelela | noun | ukuba namandla kwento ethile kwenye into. | Ukulimala lokhu kuzoba nomthelela omkhulu ekudlaleni kwakhe kwibhola lombhoxo kule sizini. |
| impact | verb | to have an effect upon. | If clean energy is free and abundant the impact on the planet will be profound. | yiba nomthelela | verb | ukuba namandla ekwenzekeni kwento ethile. | Uma amandla ahlanzekile etholakala mahhala futhi etholakala noma yikanjani nje lokho kungaba nomthelela omkhulu kakhulu emhlabeni wonkana. |
| implement | verb | to apply in a way which is consistent with the purpose or design; to put in practice. | The government implemented the new equality laws. | yenza kusebenze | verb | ukusebenzisa ngendlela ehambisanayo nenhloso noma nomklamo; ukwenza. | Uhulumeni waqala wasebenzisa umthetho omusha wokulingana. |
| implicate | verb | to suggest that something is the cause of something bad; to suggest that somebody is involved in something bad, such as a crime. | Police claims implicated him in the robbery. | ninda | verb | ukusho ukuthi into ethile iyimbangela yento ethile ebhedayo, ukusho ukuthi umuntu othile ongene entweni ebhedayo, efana nobugebengu kanje. | Izitatimende zamaphoyisa ziyamninda kodwa naye kuleli cala lokubanjwa kwenkunzi. |
| implicit | adj | said or written in a way which is not directly expressed. | Hegel made explicit the concrete universal that was implicit in Kant. | okugigiyelayo | adj | okushiwo noma okubhalwa ngendlela engaphumeli obala. | UHegel wagigiyela ngamazwi akhe ebhekise ezigebengwini ezazigqekeza imizi kuleya ndawo. |
| imply | verb | to express or state indirectly. | His silence seemed to imply that he agreed with the decision. | isho | verb | ukusho into ngokungaqondile. | Ukuthula kwakhe kwakubukeka sengathi kusho ukuthi uyavumelana nesinqumo. |
| imply | verb | to suggest something as a logical result of something else. | The omission of science or art does not necessarily imply that either science or art was unknown | isho | verb | ukusho into njengomphumela wento ethile. | Ukungashiwo kwesayensi nobuciko akusho khona ukuthi isayensi nobuciko kwakungaziwa. |
| import | noun | an item or items brought into a country from another country. | The imports are transported from Durban to Johannesburg. | impahla yangaphandle | noun | into ethile noma izinto ezithile ezingena ezweni zisuka kwelinye izwe. | Izimpahla zangaphandle zifika zingene kuleli lizwe bese ziyathuthwa eThekwini zisiwe eGoli. |
| import | noun | the process of bringing goods into a country from another country. | Import of drugs is illegal. | ukungeniswa kwezimpahla | noun | uhlelo lokuletha izimpahla ezweni zivela kwelinye izwe. | Ukungeniswa kwezimpahla ezifana nezidakamizwa kuleli akukho emthethweni. |
| import | verb | to bring goods, services or ideas into a country from another country. | South Africa imports oil from America. | ukulanda | verb | ukuletha izimpahla, izinsizakalo noma imiqondo ukufake ezweni lakho kube kuvela kwelinye izwe. | INingizimu Afrika ilanda uwoyela eMelika. |
| impose | verb | to force to behave in a certain way. | He tries to impose his opinions on the students. | phoqa | verb | ukwenza umuntu ukuthi aziphathe ngendlela ethile. | Uyazama ukuphoqa imibono yakhe kubafundi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| impress | verb | to make someone understand the importance of something. | The lecturer impressed the consequences of plagiarism on the students. | tshelisisa | verb | ukwenza umuntu ukuthi aqonde ukubaluleka kwento ethile. | Uthisha wasenyunivesi watshelisisa abafundi ngemiphumela yokusebenzisa imisebenzi yabanye abantu bangasho ukuthi bayithathe kuphi. |
| impulse | noun | instinctive drive or urge. | He repressed the impulse to tell the whole story. | ilukuluku | noun | umuzwa ongaphakathi. | Walicindezela ilukuluku ayenalo lokuthi avele ayikhulume yonke indaba njengoba injalo. |
| incentive | noun | something that encourages a person to do something. | If no salary increases are effected there is little incentive to work harder. | isikhuthazo | noun | into ethile ekhuthaza umuntu ukuthi enze into ethile. | Uma amaholo engenyuswa, kuyacaca-ke ukuthi ayikho into engaba yisikhuthazo sokuthi sisebenze kanzima. |
| incessant | adj | continual, not stopping. | The incessant and intense noise from loud music can cause permanent hearing loss. | okubeleselayo | adj | okuqhubekayo, okungami. | Lo msindo obeleselayo nomningi kangaka ungagcina umuntu usumvale izindlebe thaqa. |
| incidence | noun | the number of times something – usually unpleasant – happens. | There has been a high incidence of crime on campus. | isigameko | noun | inani lezikhathi into ethile evame ukwenzeka ngazo – imvamisa kube yinto engajabulisi neze. | Kube nezigameko eziningi zobugebengu ekhempasini. |
| inclined | verb | to have a physical or mental tendency towards something. | He is inclined to dismiss all counter arguments as fallacies. | fanele | verb | ukuba namandla ngokomzimba noma ngokomqondo okuthi ungenza okuthile. | Kufanele ukuba vele uzovele akuchithe konke lokho nje athi kungamampunge. |
| income | noun | financial gain over a given period of time. | Last year his total income amounted to R170 000. | iholo | noun | izimali ezitholwe ngumuntu ngemuva kwesikhathi esithile. | Ngonyaka odlule iholo lakhe lifinyelele ku-R170 000. |
| incorporate | verb | to put together with or merge with something that already exists. | As from last year all bonuses have been incorporated into employees' monthly salaries. | faka | verb | ukubeka ndawonye noma ukuhlanganisa noma ukudibanisa nento evele ikhona. | Kusukela ngonyaka odlule, wonke amabhonasi aye afakwa kumaholo azinyanga zonke abasebenzi. |
| incur | verb | to have to pay or repay costs as a result of your own action. | the college incurred high costs to build and equip two new computer laboratories. | ngena esikweletini | verb | ukufanele ukuthi ukhokhe izindleko ngenxa yezenzo zakho. | Ikholeji yangena ezikweletini ezinkulu ngenkathi lakha amalabholethri amabili amakhompyutha futhi liwafakela nezinto zokusebenza. |
| index | verb | to make a list of names or topics in alphabetical order. | The author indexed his book to make it easier to find information. | yenza inkomba | verb | ukwenza uhla lwamagama noma lwezihloko ezihlelwe ngokwama-alfabhethi. | Umbhali wabe esenza inkomba encwadini yakhe nokwakuzokwenza ukuthi kube lula ukuthola ulwazi. |
| index | noun | a list of names or topics in alphabetical order. | I searched for the term 'euthanasia' in the alphabetical index at the back of the book. | inkomba | noun | uhla lwamagama noma lwezihloko okubekwe ngokuhleleka kwama-alfabhethi ngemuva kwencwadi. | Ngabe sengifuna itemu elithi 'injadu' kwinkomba ehlelwe ngokwama-alfabhethi ngemuva kwencwadi. |
| indicate | verb | to focus attention on a place, direction, person or thing. | The teacher indicated the position of the cathedral on the map. | bonisa | verb | ukugxilisa ukunaka kwakho kwindawo, kwinto ethile noma kumuntu othile. | Uthisha wasikhombisa indawo yesonto kwibalazwe. |
| indicate | verb | to state something indirectly, to mention or suggest something. | He indicated that he was happy with the decision. | veza | verb | ukusho into ngokungaqondile, ukubeka into ethile. | Waveza ukuthi yena wayethokozile ngesinqumo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| indigenous | adj | originating or occurring naturally in a specific place. | The baobab tree is indigenous to South Africa. | umnsinsi | adj | okusunguleke kuleyo ndawo ngokwemvelo. | Isihlahla somgqwabagqwaba siwumnsinsi walapha eNingizimu Afrika. |
| individual | adj | regarded separately rather than as part of a group. | Individual interviews were held with the respondents to ensure that their responses are not biased by the opinions of their peers. | kuqondene nomuntu ngamunye | adj | okuthathwa njengokwehlukile kungesiyona ingxenye yeqembu elihlangene. | Kwaba nesikhathi sokubuza imibuzo kubantu ngabanye ukuqinisekisa ukuthi izimpendulo zabo azichemile futhi abazithathele kwimibono yontanga yabo. |
| individual | adj | unique characteristic of someone or something. | The writer has an individual style of writing. | ngayedwana | adj | yisici esithile esehlukile somuntu othile noma sento ethile. | Lo mbhali unendlela yakhe yedwa nje yokubhala. |
| individual | noun | a single person. | They called on individuals to donate money to child and women abuse. | umuntu ngamunye | noun | umuntu siqu sakhe. | Kwabe sekucelwa umuntu ngamunye ukuthi anikele ngemali ukuze kuliwe nesihlava sokuhlukunyezwa kwabantwana nabesifazane. |
| induce | verb | cause to act or happen. | The drug was found to induce anxiety. | yenza | verb | heha noma yenza ukuthi into ethile yenzeke. | Leso sidakamizwa kwatholakala ukuthi senza ukuthi umuntu abe nexhala. |
| inevitable | adj | which cannot be avoided or prevented. | Ageing and death are inevitable in human beings. | okungavimbeki | adj | lokho okungeke kwagwemeka. | Ukuguga nokufa yizinto ezimbili umuntu angeke akwazi ukuzivimba kuye. |
| infer | verb | to conclude by reasoning. | From these facts one can infer that the company is making a profit. | ukuqonda | verb | ukufinyelela esiphethweni ngokucabangela. | Uma ulandelela lawa maqiniso kulula ukuthi umuntu angaqonda ukuthi inkampani iyayenza inzuzo. |
| inferior | adj | lower in value, quality, position or importance. | Some people think that government schools are inferior to private schools. | okuphansi ngezinga | adj | ukuba phansi ngokwenani, ngokwekhwalithi, ngokwesikhundla noma ngokokubaluleka. | Abanye abantu bacabanga ukuthi izikole zikahulumeni ziphansi ngokwezinga ukunezikole zangasese. |
| inflate | verb | to make something appear more impressive than it really is; to exaggerate the importance of something. | The press inflated security issues. | yenza ihaba | verb | ukwenza into ibukeke sengathi yinhle ekubeni kungenjalo; ukuba nehaba mayelana nokubaluleka kwento ethile. | Abemithombo yezindaba yibona kanye abenza izindaba zokuphepha zibe yihaba. |
| influence | verb | to have an effect upon. | She studied the influence of drug abuse on academic achievement. | umthelela | verb | ukuba namandla entweni ethile. | Wafunda kabanzi ngomthelela wezidakamizwa ekwenzeni kahle esikoleni. |
| inform | verb | to provide facts that have not been known to a person before. | She informed the police about the robbery. | tshela | verb | ukunikezela ngamaqiniso abengaziwa yilowo muntu ngaphambi kwalokho. | Uyena owatshela amaphoyisa mayelana nokubanjwa kwenkunzi. |
| inform | verb | to have an important influence on something. | The research showed how indigenous knowledge systems informed theory-building in the field. | yazisa | verb | ukuba namandla okukwazi ukwenza into ethile ukuthi ijike noma ijikeke. | Ucwaningo lwabonisa ukuthi izinhlelo zolwazi lwakuqala zabamba liphi iqhaza ukwazisa ukwakhiwa kwethiyori kulo mkhakha. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| infrastructure | noun | the basic components of a system or organisation. | More money is needed to save the crumbling electricity infrastructure in South Africa. | ingqalasizinda | noun | izingxenye ezinqala zento ethile. | Kudingeka imali ukuze kongiwe ingqalasizinda kagesi ebukeka ifadabala lapha eNingizimu Afrika. |
| inherent | adj | existing as an essential constituent or characteristic. | An inherent part of the characteristics of an intervention for developing academic research writing is the set of design principles. | okusemqoka kakhulu | adj | okukhona ngenxa yokuthi kuyingxenye esemqoka. | Ingxenye esemqoka kakhulu yezici zokungenelela ekuthuthukiseni ucwaningo emkhakheni wezifundiswa yisethi yemigomo yemiklamo. |
| inhibit | verb | to prevent something from happening or cause it to happen more slowly. | Rapid inflation inhibits economic growth. | nqinda | verb | ukuvimbela into ethile ukuthi yenzeke noma uyenze ukuthi yenzeke kancane. | Ukwenyuka kakhulu kwamanani ezimpahla nokudla kunqinda ukukhula komnotho. |
| initial | adj | occurring at the beginning. | The initial stages of the disease are asymptomatic. | okokuqala | adj | okwenzeka ekuqaleni. | Izigaba zokuqala zesifo ziyizimpawu nje. |
| initiate | verb | to set in motion, start an event or prepare the way for. | She proposes to initiate discussions on planning the event. | qala | verb | ukwenza into ethile ukuthi yenzeke, qala umcimbi noma lungiselela indlela yawo. | Uhlongoza ukuqala izingxoxo mayelana nokuhlela lo mcimbi . |
| innate | adj | forming a natural part of something. | All humans have an innate moral compass. | kwangaphakathi | adj | ukuba yingxenye yento ethile. | Bonke abantu banento nje engaphakathi kubo ekwazi ukubatshela ukuthi bakwazi ukwehlukanisa okulungile nokungalungile. |
| innovate | verb | to bring something new to an environment. | The company’s success lies in its ability to innovate. | qala into entsha | verb | ukuletha into entsha kwimvelo. | Impumelelo yale nkampani ilele ekukwazini kwayo ukuqhamuka nezinto ezintsha. |
| innovation | noun | a newly introduced idea. | The technological innovations of our time make life easier. | yinto entsha eqaliwe | noun | umqondo omusha osanda kwethulwa. | Ubuchwepheshe obusha bezikhathi zethu benza ukuthi sikwazi ukwenza impilo ibe lula. |
| insert | verb | to put into or introduce into something. | The student need to insert references in his essay. | faka | verb | ukwethula into ethile. | Umfundi kudingeka ukuthi afake izincwadi ezisetshenzisiwe kwi-eseyi yakhe. |
| insight | noun | clear or deep perception of a situation. | The approach yielded valuable insights into the problem. | umbono | noun | umqondo ocacile noma ojulile mayelana nento ethile. | Leyo ndlela yakwazi ukuvela nemibono ephusile kwinkinga eyayikhona. |
| inspect | verb | to look over or look into carefully. | They require that the structure is inspected after construction by the design engineer as a final check point. | hlola | verb | ukubheka into ethile ngokucophelela kanye nangokuqaphela. | Badinga ukuthi uhlaka luhlolwe ngemuva kokwakhiwa kwalo ngunjiniyela wokwakha njengesinyathelo sokugcina. |
| instance | noun | a particular example or case. | In a number of instances the quality of the recording was too poor for transcription. | isimo | noun | isibonelo esithile. | Ezimweni eziningi izinga lokuqoshwa lalilibi kakhulu ukuthi sasingakwazi ukulalela sikubhale phansi lokho. |
| instinct | noun | a natural tendency or ability to behave or react in a certain way. | Animals' instinct is to run away when faced with danger. | umuzwa | noun | isenzo esizenzakalela sona noma amandla okuziphatha ngendlela ethile. | Imizwa yezilwane othi kufanele zihlale zigijima ngaso sonke isikhathi uma zibhekene nenkinga. |
| institute | verb | to start a new process, or put in place a new policy or system. | The university has instituted new policies to increase students' safety on campus. | qalisa | verb | ukuqala uhlelo olusha, noma ukubeka inqubomgomo entsha. | Inyunivesi isiqalise izinqubomgomo ezintsha ukwandisa ukuphepha kwabafundi ekhempasini. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| institute | noun | a society or organisation for a special purpose. | My sister works for the African Art Institute. | isikhungo | noun | umphakathi noma inhlangano eyakhelwe inhloso ethile. | Udadewethu usebenzela isikhungo i-African Art Institute. |
| instruct | verb | to impart skills or knowledge. | He instructed me in driving a car. | yala | verb | ukwedlulisa amakhono noma ulwazi. | Wangiyala ukuba ngishayele imoto. |
| instruct | verb | to inform formally. | Participants were instructed to circle the correct answer in each case. | nika umyalelo | verb | ukutshela ngokusemthethweni. | Ababambiqhaza banikwa umyalelo wokuthi bakokelezele impendulo eshaya khona kumbuzo ngamunye. |
| instruction | noun | detailed information about how to do something. | The instructions in the user manual of the sound system were completely incomprehensible. | umyalelo | noun | ulwazi olunemininingwane eminingi mayelana nokuthi yenziwa kanjani into ethile. | Imiyalelo kwibhukwana lokusebenza komsakazo omkhulu yayingezwakali ngisho nokuthi ifuna ukuthini. |
| instruction | noun | the act of teaching somebody something. | It has been demonstrated that learners benefit from some formal instruction. | isiqondiso | noun | isenzo sokufundisa umuntu into ethile. | Kuye kwaboniswa ukuthi abafundi bayazuza kwisiqondiso esisemthethweni. |
| integral | adj | existing as an essential part or characteristic. | In 1029 this marchland was finally incorporated with Bohemia, and so became an integral part of the German empire | ingxenye | adj | ukuba khona kwento njengesici noma ingxenye ebalulekile. | Ngonyaka ka 1029 leli lizwe lagcina seliwele ezandleni zeBohemia, lase liqala liba yingxenye ebalulekile yamazwe angaphansi kweJalimane. |
| integrate | verb | to make into a whole or make part of a whole. | Community engagement at the University is completely integrated with research on the one hand, and teaching and learning on the other. | hlanganisa | verb | ukwenza kube yinto ehlangene noma ukwenza kube yimbumba. | Ukuxoxisana nomphakathi eNyunivesi kuwuhlelo oluhlanganisa ngokuphelele ucwaningo ngakolunye uhlangothi kanye nokufunda nokufundisa ngakolunye. |
| integrity | noun | the quality of being honest and possessing strong moral principles. | What we need is a leader with high moral and professional integrity. | ubuqotho | noun | isimo sokwethembeka kanye nokuba namava aqinile okwehlukanisa okubi nokuhle. | Thina esikudingayo lapha umholi okwaziyo ukwehlukanisa okubi nokuhle futhi onobuqotho ngomsebenzi wakhe. |
| integrity | noun | the state of being whole and not divided. | Without the dramatic music, the play loses its integrity. | ubumqoka | noun | isimo sokupheleliswa futhi kungehlukaniswa. | Uma kungathiwa kukhishwa lo mculo omnandi kangaka kulo mdlalo, lo mdlalo usungalahlekelwa ubumqoka bawo. |
| intellect | noun | the power or capacity of the mind to reason or think logically. | The intellect is not the most important aspect of a person's personality. | ubuhlakani | noun | amandla noma ukukwazi komqondo ukubeka izizathu noma ukucabanga ngokuqondile. | Ubuhlakani akusiyona into eyakha kakhulu umuntu ngokwakhe. |
| intelligent | adj | having a good ability to think and understand. | She is intelligent, and always has the entire picture in perspective. | okuhlakaniphileyo | adj | ukukwazi ukuba namandla akahle okucabanga kanye nokuqonda. | Lowo uhlakaniphile, futhi uhlala ngaso sonke isikhathi enesithombe esibanzi emqondweni wakhe. |
| intend | verb | to have a plan or purpose in mind. | I intend to finish my research proposal by the end of the month. | hlosa | verb | ukuba nohlelo noma nenhloso emqondweni. | Ngihlose ukuqeda ngesiqalo socwaningo lwami ekupheleni kwayo lenyanga. |
| intense | adj | extremely sharp or focused. | The victims of the bombing experienced intense emotions, such as fear, anger and despair. | okuqinile | adj | okuhlaba ngokwedlulele noma okubheke phambili. | Izisulu zokushiswa ngebhomu zaba nemizwa eqinile, efana nowokwesaba, owokucasuka kanye nowokuphelelwa yithemba. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| intention | noun | what you plan to do; your aim. | He announced his intention to apply for the position of head of department. | injongo | noun | lokho ohlela ukukwenza; inhloso yakho. | Wamemezela injongo yakhe yokufaka isicelo sokuba yinhloko yomnyango. |
| interact | verb | to do something together or with others. | Psychologists study the way in which humans interact with one another. | xhumana | verb | ukwenza into ndawonye kanye nabanye. | Odokotela bengqondo batadisha indlela abantu abaxhumana ngayo bebodwana. |
| interact | verb | to act in close relation with each other. | Human lungs interact with the circulatory system to filter oxygen into the blood. | bambisana | verb | ukwenza into ngokusondelana kakhulu. | Amaphaphu omuntu abambisana nohlelo lokwedlulisa igazi ukusefa i-oksijini ikwazi ukungena egazini. |
| interlude | noun | a period of time between two events. | She has resumed her career as a writer after a four-year interlude. | ikhefu | noun | isikhathi esithile phakathi kwezigameko ezimbili. | Usewuqalile umsebenzi wakhe njengombhali ngemuva kwekhefu leminyaka emine. |
| intermediate | adj | around the middle of a scale that represents time, places or things. | The learners study English at intermediate level. | phakathi nendawo | adj | maphakathi nesikalo esimele isikhathi, izindawo noma izinto. | Abafundi baze baqale ukufunda isiNgisi uma sebesezingeni lemfundo eliphakathi nendawo. |
| internal | adj | located on the inside or inward. | The patient died as a result of internal bleeding. | ngaphakathi | adj | okutholakala ngaphakathi. | Isiguli savele sashona ngenxa yokophela ngaphakathi. |
| interpret | verb | to make sense of; assign a meaning to. | The learner could not interpret the difficult question. | tolika | verb | ukwenza umqondo ngento ethile; ukunikeza umqondo kwinto ethile. | Umfundi wehluleka ukutolika umbuzo olukhuni. |
| interpret | verb | to translate spoken language immediately into a different language. | The interpreter had to interpret for the accused who did not understand English. | tolika | verb | ukuhumusha ulimi olukhulunywaywo uluse kolunye ulimi olwehlukile. | Utolika enkantolo kwadingeka ukuthi atolikele ummangalelwa owayengakwazi ukukhuluma isiNgisi. |
| interrelate | verb | to connect or be connected to something so that there is a mutual influence. | Draught and famine are interrelated. | hlobana | verb | ukuxhumanisa noma ukuxhunyaniswa nento ethile ukuze zikwazi lezo zinto ukuthi zibe nomthelela kuzona zozimbili. | Isomiso kanye nendlala kuhlobene. |
| interval | noun | an interlude, a period of time between two events, a pause in activity. | The students returned to university after an interval of four weeks. | ikhefu | noun | isikhathi esiphakathi kwezigameko ezimbi, ukuma kulokho obekwenziwa. | Abafundi babuyela enyunivesi ngemuva kwekhefu lamasonto amane. |
| intervene | verb | to get involved in order to change or stop an action. | Governments do not often interfere in religious affairs. | ngenelela | verb | ukubamba iqhaza ngokungena phakathi ukuze ushintshe noma umise lokho okwenzekayo. | Ohulumeni isikhathi esiningi abavamile ukungenelela kwizindaba zezenkolo. |
| interview | noun | a formal meeting between two people to discuss important matters. | During the interview with the minister the journalist focused on government's long-term policy on education. | ukubuzwa imibuzo | noun | umhlangano osemthethweni phakathi kwabantu ababili ukuthi bezokhuluma ngezindaba ezibalulekile. | Ngesikhathi sokubuza imibuzo kuNgqongqoshe, intatheli yagxila kakhulu kwinqubomgomo kahulumeni yesikhathi esid kwezemfundo. |
| interview | verb | to conduct an interview with someone. | He was interviewed on radio about his discovery. | buzwa imibuzo | verb | ukubuza imibuzo ngodaba oluthile kumuntu othile. | Wabuzwa imibuzo emsakazweni mayelana nalokho ayekuvundulule. |
| intrinsic | adj | belonging to the real nature of something. | One of the intrinsic qualities of glass is brilliancy. | okwangaphakathi | adj | okungokwemvelo yangempela yento ethile. | Enye yamakhwalithi angaphakathi engilazi ubuhlakani. |
| intuition | noun | understanding a situation without conscious thought. | Her intuition was telling her that it was a dangerous situation. | ukushiywa yigazi | noun | ukuqonda isimo esithile ngaphandle kokuthi uze ube nomcabango othile ngaso. | Ukushiywa yigazi kwakhe kwakumtshela khona ukuthi kwakuyisimo esiyingozi lesi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| inverse | adj | having an opposite or contrary effect. | Multiplication and division are inverse operations. | okuphikisanayo | adj | ukuthi kube nomphumela wokushayisana. | Ukuphindaphinda kanye nokwehlukanisa ukusebenza kwezibalo okuphikisanayo. |
| investigate | verb | to discover and examine something in order to find out the truth about it. | The research group investigated the influence of temperature on the curing time of concrete. | phenya | verb | ukuthola kanye nokuhlola into ethile ukuze ukwazi ukuthola iqiniso ngayo. | Iqembu locwaningo labe seliphenya amandla amazinga okushisa ekuqineni kukakhonkolo. |
| invoke | verb | to use a rule or law as a reason for doing something. | The politician invoked historical events to support his argument. | vukuza | verb | ukusebenzisa umthetho njengesizathu sokwenza okuthile. | Usopolitiki wavukuza izigameko zomlando ukweseka inkulumo yakhe. |
| involve | verb | to include or contain someone or something as a necessary part or consequence of a situation. | Being a university student involves hard work and commitment. | faka | verb | ukufaka umuntu othile noma into ethil njengento edingekayo noma njengomphumela wesimo esithile. | Ukuba ngumfundi wasenyunivesi kufaka phakathi umsebenzi onzima kakhulu kanye nokuzibophezela. |
| isolate | verb | to place or set apart. | The doctors isolated the person who had the infectious disease so that the infection would not spread. | beka kodwa | verb | ukwehlukanisa. | Odokotela bamkhipha bambeka yedwa umuntu owayenesifo esithathelanayo ukuze isifo leso singabhebhethekeli nakwabanye abantu. |
| issue | noun | an important topic that people discuss or think about. | The issue of poverty in the country need to be addressed. | indaba | noun | Isihloko esibalulekile abantu abakhuluma ngaso noma abacabanga ngaso. | Indaba yobuphofu ezweni lonkana yinto okudingeka ukuthi kukhulunywe ngayo. |
| issue | noun | one of a series of magazines. | The article on irrigation in the Western Cape appears in the most recent issue of the journal. | ushicilelo | noun | olunye lochungechunge lwamaphephabhuku. | Umbhalo okhuluma ngokunisela eNtshonalanga Kapa uvela kushicilelo lwakamuva lwejenali. |
| journal | noun | a periodical or magazine which deals with a specific subject or profession. | I receive four issues of the *SA Journal of Chemistry* per annum. | ijenali | noun | ibhukwana elisaphephabhuku eliphuma ngezikhathi ezithile kuphela elikhuluma ngesihloko esithile noma ngomsebenzi othile. | Mina ngithola imiqingo emine yejenali i-*SA Journal of Chemistry* ngonyaka. |
| journal | noun | a written daily record of news, events, activities, etc. | She kept a journal to record her personal research observations. | ijenali | noun | Irekhodi lansuku zonke elibhalwe phansi mayelana nezindaba, izigameko, imisebenzi ethile, njll. | Wagcina ijenali ukuze akwazi ukurekhoda yonke into ayeyibona ngokocwaningo lwakhe. |
| judicial | adj | relating to the legal system, a court of law, judges, etc. or to their decisions or judgments. | We instigated a judicial enquiry into the mismanagement of funds by the directors of the company. | okuqondene nomthetho | adj | okuhlobene nohlelo lomthetho, nenkantolo yomthetho, namajaji, njll. noma okuhlobene nezinqumo zawo. | Sabe sesiqala uphenyo lwezomthetho mayelana nokungasetshenziswa ngendlela kwezimali ngabaqondisi benkampani. |
| justify | verb | show to be right by providing proof. | She justified her methodological choices by discussing potential advantages for the study. | vikela | verb | ukubonisa ukuthi kufanele ngokuveza ubufakazi. | Wavikela izindlela zakhe zokwenza ucwaningo ngokuthi akhulume ngobuhle bocwaningo. |
| label | noun | a brief description given for purposes of identification. | The label on the bottle indicated how many tablets she should take. | ilebula | noun | incazelo ethile emfushane enikwa ngezinhloso zokuhlonza. | Kodwa ilebula esebhodleleni yayibonisa ukuthi amaphilisi amangaki okudingeka ukuthi awaphuze njee. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| label | verb | to give a name to or brief description of someone or something. | She carefully labelled each jar of chemicals in the laboratory. | nika ilebula | verb | ukunika igama noma incazelo emfushane yomuntu noma yento ethile. | Wafaka ilebula ngokucophelela kujeke ngamunye wamakhemikhali elabholethri. |
| launch | verb | to start something such as an official military or important public activity. | The centre launched its new research project in January. | yethula | verb | ukuqala into ethile ngokushesha okungaba yinto efana nesikhungo samasosha esisemthethweni noma umsebenzi obalulekile emphakathini. | Isikhungo sethula iprojekthi yaso yophenyo ngenyanga kaMasingana. |
| layer | noun | single thickness of some substance that lies over a surface or between surfaces. | They had to remove the old layer of paint before painting the cupboard blue. | uqweqwe | noun | ukuqina okukodwa kwento elele ngaphezu kwento ethile noma phakathi kwezinto ezithile. | Kwadingeka ukuthi basuse uqweqwe oludala lukapende ngaphambi kokuba bapende ikhadibhodi libe luhlaza okwesibhakabhaka. |
| layer | noun | one of the levels in an organisation, set of ideas, system, etc. | There are many layers of meaning in his paintings. | isilinganiso | noun | elinye lamaleveli enhlanganweni, isethi yemiqondo, yohlelo, njll. | Kunezilinganiso eziningi zalokho okushiwo yimidwebo yakhe. |
| lecture | verb | to give a long talk to a group of people about a particular subject, especially in order to teach people at a university. | The professor lectured the students on genetic manipulation. | fundisa | verb | ukunikeza inkulumo ende kwiqoqo labantu mayelana nesihloko esithile, ikakhulukazi ukuze ufundise abantu enyunivesi. | Usolwazi wabe esefundisa abafundi ngokwakheka kofuzo kumuntu. |
| lecture | noun | a long talk which gives information about a particular subject to an audience, usually at university. | The professor gave a lecture on isiZulu literature. | isifundo | noun | ingxoxo ende enika ulwazi mayelana nesihloko esithile kubantu abalalele, imvamisa kuba senyunivesi. | Usolwazi uye wasinika isifundo ngemibhalo yobuciko ngesiZulu. |
| legal | adj | established by or founded upon law or official rules. | The legal age limit for drinking alcohol is 18. | okusemthethweni | adj | okutholakale ngenxa yomthetho noma ngenxa yemithetho esemthethweni. | Iminyaka esemthethweni yokuthi umuntu usengaqala aphuze utshwala eyi-18. |
| legal | adj | connected with the law. | It is important to get legal advice before you marry. | okomthetho | adj | okuxhumene nomthetho. | Kubalulekile ukuthola ukwelulekwa ngezomthetho ngaphambi kokuba ushade. |
| legislation | noun | a law or set of laws passed by parliament. | Legislation was introduced on the labelling of genetically manipulated food. | umthetho | noun | umthetho omile noma isethi yemithetho eshaywe yiphalamende. | Kwethulwa umthetho omayelana nokufakwa kwamalebula kulokho kudla okwenziwe ngokuthi kusetshenziswe izakhi ezithile. |
| legitimate | adj | something that is correct and acceptable according to the law. | Selling liquor from your home is not a legitimate business. | okufanele | adj | into eyenzeka ngendlela okuyiyo futhi neyemukelekile ngokomthetho. | Ukuthengisa utshwala ekhaya lakho akusilona ibhizinisi elifanele. |
| limit | noun | the greatest or smallest amount that is allowed. | He pushed his body to its physical limits during the marathon. | umkhawulo | noun | inani elikhulu kakhulu noma elincane kakhulu elivunyelwe. | Wawuphusha waze wafika kumkhawulo umzimba wakhe ngesikhathi kunomjaho. |
| limitation | noun | a limit on what something can do or how good they can be. | The company has placed a limitation on the time we have for completing the project. | umkhawulo | noun | isikhathi esikaliwe kulokho umuntu angakwazi ukukwenza. | Inkampani isibeke umkhawulo ngesikhathi okumele sisetshenziswe ekuphothuleni le projekthi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| list | verb | make a list of things in a particular order. | List the ten most important causes of poverty. | bala | verb | ukwenza uhlu lwezinto ngohlelo oluthile. | Bala izimbangela zobuphofu eziyishumi ezejwayeleke kakhulu. |
| literal | adj | being the basic or usual meaning of a word. | He used the word in its literal sense. | okunjalo | adj | ukuba yisiqu noma umqondo osobala okanye ojwayelekile. | Yena leli gama wavele walisebenzisa njengoba linjalo. |
| literate | adj | able to read and write. | He is literate in English and Sepedi. | ofundile | adj | ukukwazi ukufunda kanye nokubhala. | Uyakwazi ukufunda nokubhala isiNgisi nesiZulu. |
| locate | verb | to determine the place of by searching or examining. | The mechanic located the fault in the engine of the car. | thola | verb | ukuvundulula indawo ngokuyisesha noma ngokuyihlola. | Umakhenikha wabe eselithola iphutha kwinjini yemoto. |
| locate | verb | to position in a particular place. | Factories should ideally be located close to energy sources. | tholakala | verb | ukubeka endaweni ethile. | Amafekthri eqinisweni kumele atholakale eduzane nemithombo yamandla kagesi. |
| logic | noun | sensible reasons for doing something. | The logic behind the idea is almost impossible to see unless you have read the first three chapters. | isizathu | noun | izizathu ezizwakalayo zokwenza okuthile. | Isizathu esenza ukuthi aqhamuke nalo mqondo cishe siyisizathu okungelula ukusifezekisa ngaphandle-ke uma uye wafunda izahluko ezintathu zokuqala. |
| logic | noun | the study or science of carefully thinking about or explaining the reasons for something, using formal methods. | Computer science students are required to study logic in order to improve their reasoning skills for advanced programming. | ukukwazi ukucabanga | noun | isifundo noma isayensi yokucabanga ngokucophelela ngezizathu zento ethile, usebenzisa izindlela ezisemthethweni. | Abafundi abenza izifundo ze-computer science kudingeka ukuthi benze izifundo zokukwazi ukucabanga ukuze bakwazi ukwenza ngcono amakhono abo okubheka ukusebenza kwekhompyutha. |
| logical | adj | able to follow the rules of logic on which ideas are based. | The report is presented in a simple and logical way. | okunomqondo | adj | ukukwazi ukuvumela imithetho yokusebenza komqondo. | Lo mbiko wethulwe ngendlela elula nenomqondo. |
| magnitude | noun | relative importance, size or extent; greatness of size or importance. | No one realised the magnitude of the environmental problem. | ububanzi | noun | okubalulekile uma kuqhathaniswa nokunye ngobukhulu noma ngokunwebeka; ngokosayizi noma ngokubaluleka. | Akukho namunye owaqaphela ububanzi benkinga yezemvelo. |
| maintain | verb | to keep in a certain state, position or activity. | She has found it difficult to maintain a healthy balance between studying and partying. | gcina | verb | ukugcina into ethile isisemweni esithile noma ikwindawo ethile. | Wakuthola kunzima kakhulu ukuqhubeka nokukwazi ukugcina impilo ephilile phakathi kokufunda nokuzijuxuza. |
| maintain | verb | to state strongly that something is true. | He still maintains that he is innocent. | phikelela | verb | ukusho ngokunamandla ukuthi into ethile iliqiniso. | Namanje usaphikelela nokuthi yena akanacala. |
| major | adj | large number or size or amount. | Unemployment is a major problem in South Africa. | okukhulu | adj | okukhulu ngobungako noma ngokwenani. | Ukungaqashwa kwabantu yinkinga enkulu lapha eNingizimu Afrika. |
| major | noun | to specialise in a specific subject at a college, technikon or university. | Business Management was one of her majors. | isifundo sokugogoda | noun | ukufunda ugxile kwisifundo esithile ekolishi, e--technikon noma enyunivesi. | Isifundo iBusiness Management kwakungesinye sezifundo agogode kuso. |
| manifest | verb | to show or demonstrate clearly. | Tetanus is one of the diseases that clearly manifests itself in the nervous system. | veza | verb | ukukhombisa noma ukubonisa ngokucacile. | Umhlathingqi ngesinye sezifo esiveza kahle kakhulu kwizinzwa. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| manipulate | verb | to influence or control in a shrewd or devious manner. | The voters are manipulated by party propaganda. | lawula | verb | ukuba nomthelela ngendlla ehlakaniphile. | Abavoti balawulwa yinkoleloze yeqembu lepolitiki. |
| manipulate | verb | to control or handle something skilfully. | The crane driver is an expert at manipulating the huge construction crane. | lawula | verb | ukuphatha into ngendlela ebonisa ikhono. | Umshayeli wenqola ethutha izinto unguchwepheshe ekulawuleni inqola enkulu esetshenziswa ezizindeni lapho kwakhiwa khona. |
| manual | adj | mainly using the hands and/or physical strength. | His job in the construction industry involves mostly manual labour. | okwezandla | adj | okusebenzisa izandla kakhulu kanye/noma amandla. | Umsebenzi wakhe embonini yokwakha ufaka phakathi ikakhulukazi umsebenzi wezandla. |
| manual | noun | a book or leaflet that tells you how to do something. | A clear and concise manual forms part and parcel of a good engineering design. | ibhukwana | noun | incwadi noma ipheshana elikutshela ukuthi yenziwa kanjani into ethile. | Ibhukwana elicacile liyingxenye yomklamo omuhle wezobunjiniyela. |
| margin | noun | the boundary line or area immediately inside the boundary. | Lecturers normally write their feedback in the margins of the written or printed page. | indawo esekupheleni | noun | umugqa ongumngcele noma indawo eseduzane ngaphakathi komngcele. | Othisha basenyunivesi isikhathi esiningi babhala ukuphawula kwabo kwindawo esekupheleni kwamakhasi abhalwe ngesandla noma aphrintiwe. |
| margin | noun | a group that is not included in the main group. | Life is tough for those who live on the margins of society, such as prostitutes and beggars. | abaphila kude | noun | iqembu elingafakiwe kwiqembu elikhulu. | Impilo inzima kulabo abaphila bodwana kude nomphakathi abafana nomahosha kanye nalabo abaphila ngokucela. |
| margin for error | noun | bound or limit. | Paramedics have little margin of error. | umkhawulo wephutha | noun | yilapho kuphelela khona into ethile. | Abasebenzi bezimo eziphuthumayo banomkhawulo omncane wokuthi bangenza amaphutha. |
| material | noun | information or ideas used in books, films, etc. | The film director used historical material to make her film more realistic. | impahla | noun | ulwazi noma imiqondo esetshenziswe encwadini, kwifilimu, njll. | Umqondisi wefilimu wasebenzisa impahla yomlando ukwenza ifilimu yakhe ibukeke iyinto yangempela. |
| material | adj | connected with physical objects or conditions in the physical world. | The artist skilfully utilised the material qualities of the canvas and the paint. | impahla | adj | okuxhumene nezinto ezibambekayo neziphathekayo zakulo mhlaba. | Umdwebi wasebenzisa ngobuchwepheshe ubuningi bempahla ye-canvas kanye nopende. |
| matrix | noun | a substance, situation or environment in which something originates, develops or is contained. | The matrix of all life on earth is said to be the ocean. | umongo | noun | yinto eyjile, isimo noma imvelo lapho into isuka khona, ithuthuka khona noma ihleli khona. | Umongo wayo yonke impilo kuthiwa wulwandle. |
| matrix | noun | An arrangement of data in columns and rows. | The data is displayed in a matrix, and then discussed verbally. | okungamakholomu kanye nemigqa | noun | ukuhleleka kwedata ibe ngamakholomu kanye nemigqa. | Idata iboniswa ihlelwe yaba amakholomu nemigqa, bese kukhulunywa ngayo ngimlomo. |
| mature | adj | relatively advanced physically, mentally and emotionally. | While the mature male whitetail butterfly has a chalky white abdomen, the female is generally brown with white spots down each side. | osekukhulile | adj | osekuhambile ngokwesimo somzimba, ngokomqondo kanye nangokomoya. | Njengoba uvemvane lwesilisa oselukhulile olunomsila omhlophe lunesisu esimhlophe kube sengathi ushoki, olwesifazane lona luvame ukuthi lube nsundu bese luba namabala amhlophe ohlangothini ngalunye. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| mature | verb | to advance physically, mentally or emotionally. | The framework designed in the eighties gradually matured. | vuthwa | verb | ukukhula ngokomzimba, ngokomqondo noma ngokomoya. | Uhlaka olwakhiwa ngeminyaka yama-80 seluvuthiwe kakhulu manje. |
| maximum | adj | the largest amount possible, allowed or required. | Maximum body length is measured for each specimen. | ubukhulu | adj | inani eliphezulu lemali evumelekile noma edingekayo. | Ubukhulu obuphelele bomzimba buyakalwa kwisampula ngalinye. |
| maximum | noun | the largest amount possible, allowed or required. | The university enrols a maximum of 16000 new first-year students per year. | ubuningi | noun | inani eliphezulu elivumelekile noma elidingekayo. | Inunivesi yemukela abafundi abasha abazokwenza unyaka wokuqala ubuningi babo obungaye bufinyelele kwizi-16000 unyaka ngamunye. |
| meaningful | adj | having a purpose or meaning. | The lecturer encourages meaningful contributions during lessons. | okuzwakalayo | adj | ukuba nenhloso noma nomqondo othile. | Uthisha wasenyunivesi ukhuthaza ukubamba iqhaza okuzwakalayo komfundi ngamunye uma kuqhubeka izifundo. |
| mechanism | noun | device consisting of a piece of machinery. | He replaced the camera's shutter mechanism which was broken. | umshini | noun | yinto ethile enengxenye ethile esamshini. | Wawukhipha umshini wekhamera yakhe owawusuphukile. |
| mediate | verb | to act between parties  to reconcile differences. | She attempted to mediate between her two colleagues to end the argument. | lamula | verb | ukwenza okuthile phakathi kwezinhlaka ezithile ukuze uxazulule ukwehlukana kwemibono. | Wazama ukulamula phakathi kozwabo ababili kwaze kwaba sekugcineni kwempikiswano. |
| mediate | verb | to make it possible for something to happen. | The two lawyers are attempting to mediate a settlement between the plaintiff and defendant. | xhumanisa | verb | ukwenza ukuthi into ethile ingenzeki. | Laba bammeli ababili bazama ukuxhumanisa isixazulu phakathi kommangali kanye nommangalelwa. |
| medium | noun | a way of communicating information. | Television is the best medium to communicate important information to a wide audience. | ukuxhumana | noun | indlela yokwedlulisa ulwazi. | Umabonakude yindlela engcono yokuxhumana ukwedlulisa ulwazi olubalulekile kubantu abaningi. |
| mental | adj | involving the mind or an intellectual process. | Difficult mathematical calculations require intense mental effort. | okomqondo | adj | okubandakanya umqondo noma uhlelo lokuhlakanipha. | Izindlela zokubala ezinzima kakhulu zidinga umzamo omkhulu womqondo. |
| method | noun | a way of doing something, especially a systematic way. | We used different statistical methods of analysis. | indlela | noun | Indlela yokwenza into ethile ikakhulukazi ngendlela enobuchule obuthile. | Sasebenzisa izindlela zokubala ezahlukene zokuhlaziya. |
| methodology | noun | a set of methods and principles to perform a particular activity. | The research methodology provides a general approach a researcher uses to conduct a research study. | indlela | noun | isethi yezindlela kanye nemigomo yokwenza umsebenzi othile. | Indlela yokuphenya ihlinzeka ngendlela evamile umcwaningi ayisebenzisayo ukwenza ucwaningo. |
| migrate | verb | to move from one country or region to another and settle there. | Many of the labourers on the mines have migrated from rural areas to mining areas to find work. | fuduka | verb | ukusuka kwelinye izwe uye kwelinye izwe bese ufika uyahlala uyazinza lapho. | Abantu abaningi abasebenza ezimayini bafudukile besuka ezindaweni zasemakhaya baya ezindaweni lapho kunezimayini khona ukuyothola umsebenzi. |
| minimal | adj | the least possible; very small in size. | The hail caused minimal damage to the car. | okuncanyana | adj | okuncane kakhulu; okuncane kakhulu ngokosayizi. | Isichotho sidale umonakalo omncane nje emotweni. |
| minimum | noun | the smallest possible quantity. | A minimum of R50 will be charged for the class notes. | okungengaphansi | noun | inani elincae kakhulu lento ongakwazi ukuthi uyibale. | Uyokhokhiswa imalie engengaphansi kukaR50 ngamanothi asekilasini. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| minimum | adj | the least possible amount. | The minimum amount to top-up a cell phone account is R50. | okuphansi | adj | inani elincane kakhulu. | Inani eliphansi ongakhokhiswa lona ngokufaka i-airtime kwiselula yakho uR50. |
| minor | adj | inferior in number or size or amount. | Only minor editorial changes were necessary to prepare the article for publication. | okuncane | adj | okuphansi ngokwenombolo noma ngokosayizi noma ngokwenani. | Kwakuyizinguquko ezincane nje zokuhlelwa ezazidingeka ngaphambi kokuba umbhalo ushicilelwe. |
| mode | noun | how something is done or how it happens. | Writing and speech are the primary modes of communication studied by linguists, whereas pictures and 3D-objects are the primary modes for artists. | indlela | noun | indlela into ethile eyenzeka ngayo. | Ukubhala kanye nenkulumo yizindlela eziyisisekelo zokuxhumana abafunda ngazo kabanzi labo abenza izilimi, bese kuthi abadwebi bona bafunde kabanzi ngezithombe kanye nemifanekiso engo-3D. |
| modification | noun | the act of processing or changing something to improve it or make it more suitable. | Research on the modification of all types of games can be a valuable contribution to the game-based learning environment. | ukulungiswa | noun | isenzo sokulungisa noma sokushintsha into ethile ukuze ibe ngcono futhi uyenze ikwazi ukuthi ifaneleke. | Ucwaningo ngokulungiswa kwazo zonke izinhlobo zemidlalo kungaba yiqhaza elikhulu kakhulu kwisimo sokufunda esigxile kwimidlalo. |
| modify | verb | to cause to change; make different; adapt. | She modified the recipe by using water instead of milk. | lungisa | verb | ukwenza ukuthi kube noshintsho; ukwenza ushintsho; guqula. | Wayilungisa iresiphi yakhe ngokuthi asebenzise amanzi esikhundleni sobisi. |
| momentum | noun | the ability to keep developing or moving forward at the same pace. | Water and Sanitation Forums have gained momentum as communities realise the importance of their effectiveness as platforms to articulate their grievances on service delivery. | umgqigqo | noun | amandla okukwazi ukuqhubeka nokuthuthuka noma nokuya phambili ngesigqi esifanayo. | Izigungu Zamanzi kanye Nenhlanzeko ziye zathola umgqingqo njengoba umphakathi usuqala ubona manje ukubaluleka kokusebenza kwazo njengezizinda zokuveza izikhalazo zawo maqondana nokulethwa kwentuthuko. |
| monitor | verb | to check or keep an eye on something to see how it develops. | The teacher monitored his reading and saw great improvement in speed and understanding as the year progressed. | bheka | verb | ukuhlola noma ukuphonsa ihlo ukubona into ukuthi ithuthuka kanjani. | Uthisha uye wakubheka ukufunda kwalo mfundi esakhula wabona ukuthi uza kahle impela njengoba unyaka wawuqhubeka. |
| motivate | verb | to be the reason why something behaves in a certain way; to influence somebody to do something. | The promotion motivated him to work harder. | gqugquzela | verb | Ukuba yisizathu sokuthi into ethile iziphathe ngendlela ethile; ukuba namandla okujika omunye umuntu ukuthi enze okuthile. | Ukukhushulelwa esikhundleni esiphezulu kwamkhuthaza ukuthi asebenze kanzinyana. |
| motivate (South African usage only) | verb | to produce a justification or reason for something. | Students are often required to motivate yes/no answers by giving explanations. | yesekela (elesiNgisi lisetshenziswa eNingizimu Afrika kuphela) | verb | ukukhiqiza into eyisekekelo noma eyisizathu sento ethile. | Abafundi isikhathi esiningi kuyaye kudingeke ukuthi beseke izimpendulo zabo ezithi yebo/cha ngokuthi banikeze izincazelo. |
| motivation | noun | a reason for doing a particular activity or behaving in a certain way. | People with strong intrinsic motivation usually succeed in what they do. | ugqozi | noun | isizathu sokwenza umsebenzi othil noma sokuziphatha ngendlela ethile. | Abantu abanomuzwa wogqozi ngaphakathi kubo imvamisa bayaphumelela kulokho abakwenzayo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| motivation (South African usage only) | noun | reason or justification for doing something. | Before the board could accept his scheme, he had to produce a convincing motivation in writing. | isisekelo (elesiNgisi lisetshenziswa eNingizimu Afrika kuphela) | noun | isizathu noma umbandela wokwenza into ethile. | Ngaphambi kokuba ibhodi yamukele isikimu sakhe, kwadingeka ukuthi akhiqize umbhalo obhalwe phansi oyisesekelo esihehayo asibhekise kulo. |
| motive | noun | the reason for doing something, usually something negative. | Investigators were unable to establish a motive for the crime. | isisusa | noun | isizathu sokwenza into ethile, imvamisa kusuke kuyinto embi. | Abaseshi bazama behluleka ukuthola isisusa salobo bugebengu. |
| mutual | adj | common to or shared by two or more parties. | Teachers usually aim to build a relationship of mutual respect and understanding between themselves and  their learners. | okufanayo | adj | okufanayo nokunye noma okwabelwana ngakho phakathi kokubili noma kwizinhlaka ezingaphezulu. | Othisha isikhathi esiningi bavamise ukuthi bahlose ukwakha ubudlelwano bokuhloniphana kanye nokuqondana phakathi kwabo njengothisha kanye nabafundi babo. |
| myth | noun | an ancient story or tale usually explaining the origin of natural phenomena. | Creation myths are found in many cultures around the world. | insumansumane | noun | indaba yakudala emandulo noma indaba evame ukuchaza ukusunguleka noma ukwenzeka kwento ethile. | Izinsumansumane mayelana nokudaleka kwabantu zitholakala kumasiko amaningi emhlabeni jikelele. |
| myth | noun | something fictional, untrue or unproven. | It is a myth that trolls live under bridges. | amanga | noun | yinto esuselwe ekhanda, engesilona iqiniso noma engenabo ubufakazi. | Kungamanga nje ukuthi omantindane bahlala ngaphansi kwamabhuloho. |
| negate | verb | to stop something from having an effect. | Alcohol often negates the effects of the medicine. | yilwa | verb | ukuvimba into ethile ukuthi ingabe isakwazi ukusebenza. | Utshwala isikhathi esiningi bulwa nokusebenza komuthi egazini. |
| negate | verb | to state that something does not exist or is not true. | Fatherhood can apparently be negated until seven days after birth then reality kicks in. | phika | verb | ukusho ukuthi into ethile ayikho noma ayisilona iqiniso. | Ukuba wubaba womntwana othile ungakwazi ukukuphika kuze kuba izinsuku eziyisikhombisa ngemuva kokuzalwa komntwana bese umqondo uyaqala uyabuya. |
| network | noun | a group of people or institutions which work together and are connected to one another. | The extended network of the family is thought to be the foundation of a successful society. | inethiwekhi | noun | iqembu labantu noma lezikhungo ezisebenzisana ndawonye futhi ezixhumene zonkana. | Inethiwekhi eyengeziwe yomndeni kucatshangelwa ukuthi iyisisekelo somphakathi ophumelelayo. |
| neutral | adj | not taking sides in a disagreement. | I prefer to remain neutral on this matter. | okuphakathi nendawo | adj | ukungathathi uhlangothi oluthile kwimpikiswano ethile. | Ngiqoma ukuba phakathi nendawo kulolu daba. |
| neutral | adj | using words which do not express any strong opinion. | All business communication should use neutral language. | okungalumeli | adj | ukusebenzisa amagama angavezi noma yimuphi umbono onamandla. | Konke ukuxhumana ngokwebhizinisi kufanele ukuthi kusebenzise ulimi olungalumeli. |
| nevertheless | adverb | despite this fact. | It was a predictable, nevertheless entertaining, film. | naphezu kwalokho | adverb | yize kunjalo. | Yona le filimu ibingahehi kakhulu, naphezu kwalokho-ke kodwa ibithokozisa kakhulu. |
| niche | noun | a job or activity that is perfectly suited to someone. | She found her niche in the banking world as an equities trader. | isikhundla | noun | umsebenzi noma umsebenzi ofanele umuntu othile. | Lowo wathola isikhundla esimfanele emkhakheni wezokubhenka njengoba aqashwa njengomthengisi wama-equities. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| nominate | verb | to suggest formally that somebody should be chosen for an important role, prize, etc. | He nominated his friend as class representative. | qoka | verb | ukusho ngokusemthethweni ukuthi umuntu othile akaqokelwe indima ebalulekile, umklomelo obalulekile, njll. | Waqoka umngani wakhe ukuthi kube nguyena ozomela ikilasi. |
| nonetheless | adverb | despite this fact. | A student's level of academic literacy is not the only factor that influences student performance; it is nonetheless one of the critical contributing factors that determines academic success. | naphezu kwalokho | adverb | yize kunjalo. | Izinga lokwazi ukufunda akusiyona kuphela into eba nomthelela kwindlela umfundi aphumelela ngayo; naphezu kwalokho-ke kodwa lena ingenye yezindlela ezenza ukuthi kube nempumelelo ezifundweni. |
| norm | noun | a standard or model or pattern regarded as typical of or accepted within a specific group. | Women who stay at home and live off their husbands' incomes are no longer the norm in the USA. | imvama | noun | izinga noma imodeli noma iphethini ethathwa ngokuthi ifanele ukuthi ibe njalo noma ifanelwe ukuthi yamukelwe ngaphakathi eqenjini elithile. | Abesifazane abahlala emakhaya bese bephila ngezimali zamadoda abo abaseyona nokho imvama eMelika. |
| normal | adj | the usual or average standard, level or type. | Anger is a healthy, normal emotion when expressed appropriately. | okwejwayelekile | adj | izinga elejwayelekile noma elilingene. | Ukucasuka umuzwa onempilo, ojwayelekile kodwa uma uvezwe ngendlela efanele. |
| noteworthy | noun | deserving of receiving attention. | Two applications are noteworthy to consider for the position. | ukukhunjulwa | noun | okudinga ukuthi kunakwe. | Izicelo ezimbili zidinga ukuthi zikhunjulwe uma sekubhekwa isicelo. |
| notion | noun | an idea, belief or opinion about something, which is often not very clear or precise. | As early as 1725 John Clarke examined the notion of Moral Good and Evil in a book entitled the 'Religion of Nature Delineated'. | umqondo | noun | umcabango, inkolelo noma umcabango mayelana nento ethile, isikhathi esiningi okusuke kuyinto engacacile noma inganembi ncamashi. | Kwakudalo ngonyaka ka 1725 uJohn Clarke wazama ukuhlola umqondo Wokulunga Nobuhle kanye Nobubi kwincwadi yakhe enesihloko esithi 'Religion of Nature Delineated'. |
| notwithstanding | prep | without being affected by | Notwithstanding the evidence, the man will not be charged with murder. | naphezu kokuba | prep | ngaphandle kokuthintwa yilokhu. | Naphezu kokuba ubufakazi bukhona, kodwa le ndoda angeke ithweswe icala lokubulala. |
| novel | adj | new, interesting, strange and unlike anything that has been seen, done or created before. | She had the novel idea of running a street theatre on a regular basis in the central business district of the city. | okusha | adj | okungakaze kwenzeke phambilini, okuthokozisayo, okungejwayelekile futhi okungafani nenye into eke yabonakala, yenziwa noma yakhiwa phambilini. | Wayenomqondo omusha nje wokuthi abe nendawo yokudlala imidlalo yeshashalazi kwindawo eyisiyingi sedolobha lapho yonke into yenzeka khona. |
| novel | noun | a lengthy narrative in prose. | The writer's novels are studied in English departments all over the country. | inoveli | noun | umbhalo omude oxoxa indaba eyisehlakalo esisodwa. | Amanoveli alo mbhali afundwa yiminyango yesiNgisi ezweni lonkana. |
| nuclear | adj | constituting or like a nucleus. | An increase in nuclear charge results in a greater attraction between the electron and the nucleus. | okunenuzi | adj | yinto ethile enenuzi noma efana nenuzi. | Ukukhula kwezinto ezinenuzi kwenza ukuthi kube nokunamathela okukhulu phakathi kwama-elekthroni kanye ne-nucleus. |
| nuclear | adj | using, producing or resulting from energy derived from splitting an atom. | The country is looking into using nuclear energy more extensively in the near future. | okwenuzi | adj | okusebenzisa, okukhiqiza noma okunamandla avela ekuhlakazekeni kwe-othomu. | Leli zwe lifuna ukusebenzisa kakhulu amandla enuzi kakhulu kulesi sikhathi esizayo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| objective | noun | the goal intended to be attained. | Her objective was to obtain six distinctions for Grade 12. | injongo | noun | inhloso okuhloswe ukuba itholakale. | Injongo yakhe kwakuwukuthi aphumelele ngamalengiso kwizifundo eziyisithupha kwiBanga 12. |
| objective | adj | not influenced by personal feelings or opinions. | The teacher tries to be an objective marker of assignments in order to be fair to the learners. | okungavuni | adj | okungathathwa wudomo lwemizwa yangaphakathi noma imibono ekhona ngaphakathi kuye. | Uthisha bandla yena uyazama ukungavuni muntu uma emaka imisebenzi yesikole ukuze kungabibikho abafundi abazwela kakhulu ukwedlula abanye. |
| objective | adj | existing outside the mind. | According to constructivists there is no objective reality. | okungaphandle kwengqondo | adj | yinto ethile ephila ngaphandle kwengqondo yomuntu. | Ngokusho kwalabo abangahambisani nalo mqondo bathi ayikho nje into okuthiwa ingaphandle kwengqondo kwangempela. |
| oblige | verb | to force or require someone to do something, usually by law or agreement. | A researcher is obliged to allow participants the freedom to withdraw their responses any time during the research. | cindezela | verb | ukuphoqa noma ukudinga umuntu ukuthi enze into ethile, isikhathi esiningi ngoba ephoqwa umthetho noma isivumelwano ukuba enze njalo. | Umcwaningi ucindezelekile (uphoqekile) ukuthi anike ababambiqhaza ocwaningweni inkululeko yokuthi bazihoxise izimpendulo zabo noma ngabe yingasiphi isikhathi ngesikhathi sokuqhubeka kocwaningo. |
| observe | verb | to see or notice. | During the lesson the lecturer observed that many students had not downloaded the notes. | buka | verb | ukubona noma ukuqaphela. | Ngesikhathi kuqhubeka isifundo uthisha wayebuka ukuthi abafundi abaningi babengawenzanga amanothi esifundo leso. |
| observe | verb | to make a remark. | "'It looks like it is going to rain,' she observed." | ukuphawula | verb | ukubeka umbono. | "'Uyazi kodwa kubukeka sengathi lizokuna,' kuphawula yena." |
| observe | verb | to obey rules, laws, etc. | During the entire process the design protocol has to be observed. | gcina umthetho | verb | Ukuhlonipha iziqondiso ezibekiwe, imithetho, njll. | Ngaso sonke isikhathi njengoba kuzobe kuqhubeka uhlelo nje kuzomele ukuthi kugcinwe umthetho ngendlela efanele. |
| obsolete | adj | no longer needed or in use. | I was told my old computer was obsolete and I can't get replacement parts. | okungasasetshenziswa | adj | okungasadingeki noma okungasasetshenziswa. | Ngatshelwa ukuthi ikhompyutha yami endala yayingasasetshenziswa futhi manje angizitholi nezingxenye zokuyilungisa. |
| obtain | verb | to get or come into possession of. | He obtained permission to miss school for a day so that he could attend the funeral. | nikwa | verb | ukuthola into ethile noma ukuba nento ethile esandleni kuwena. | Wanikwa imvume yokuthi angabibikho esikoleni usuku olulodwa ukuze akwazi ukuya emngcwabeni. |
| obvious | adj | easily perceived by the senses or grasped by the mind. | He missed the obvious fact that someone tampered with the sample. | okucace bha | adj | okubonakala kalula ngokwezinzwa noma okubambeka kalula ngokomqondo. | Wehluleke ukubona iqiniso elicace bha lokuthi kukhona umuntu oye wenza okuthile okungalungile kwisampula. |
| occupy | verb | to fill or use a space. | The city of London occupies a space of 2.9 square kilometres. | thatha indawo | verb | ukugcwalisa noma ukusebenzisa indawo. | Idolobha laseLandani lithatha indawo engu-2.9 wamakhilomitha ayizikwele. |
| occupy | verb | to enter and take control of a place. | The squatters occupied the land illegally. | ngena endaweni | verb | ukungena noma ukuthatha indawo ibe ngaphansi kwakho. | Abantu abangondingasithebeni bavele bangena endaweni bathatha umhlaba ngokungemthetho. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| occupy | verb | to have an official position. | The head of the English Department has occupied several important positions before her appointment in the current post. | bamba izintambo | verb | ukuba nesikhundla esisemthethweni. | Inhlo Yomnyango wesiNgisi isibambe izintambo zokuphatha kwizikhundla ezimbalwa ezibalulekile ngaphambi kokuba iqokelwe lesi sikhundla esiqhoqhobele njengamanje. |
| occur | verb | to be found to exist. | The disease occurs primarily in adults. | tholakala | verb | ukuba khona. | Lesi sifo sitholakala kakhulu kubantu abadala. |
| occur | verb | to happen, take place or come about. | The theft of the three computers occurred yesterday morning. | enzeka | verb | ukuvela kwento ethile, ukuthi into ethile ibe khona. | Ukwebiwa kwamakhompyutha amathathu kwenzeke izolo ekuseni. |
| odd | adj | an indefinite quantity; slightly more than the round number mentioned. | It happened in a small town in Minnesota about fifty-odd years ago | cishe | adj | ukuhlawumbisela; okungaphezulu kancane kunenombolo eshiwo. | Lokho kwenzeka edolobheni elincane eMinnesota eminyakeni ecishe ibe ngamashumi amahlanu kanje. |
| odd | adj | unusual or peculiar. | During the observation one baby behaved in an odd way. We later established that he had middle ear infection. | okwehlukile | adj | okungajwayelekile noma okungavamile. | Ngesikhathi sokubheka ukuthi kwenzakalani, omunye umntwana uvele waziphatha ngendlela eyehlukile nje kwabanye. Kwathi ngokuhamba kwesikhathi sathola ukuthi lo mntwana wayenesilonda endlebeni. |
| offset | verb | to use one cost, payment or situation in order to cancel or reduce the effect of another. | Authorities use non-violent methods to offset violent methods. | ukuthengana | verb | ukusebenzisa ezinye izindleko, noma inkokhelo noma isimo ukuze ukhansele noma unciphise amandla esinye isimo. | Abasemagunyeni basebenzisa izindlela ezingenalo udlame ukuthenga izindlela ezinodlame. |
| ongoing | adj | currently happening. | The design and development of new learning material is an ongoing process. | okuqhubekayo | adj | okwenzekayo njengamanje. | Umklamo kanye nokuthuthuka kwezinto ezintsha zokufunda wuhlule oluqhubekayo. |
| opinion | noun | someone's feelings or thoughts about something, rather than a fact. | In my opinion, the author of the monograph conducted insufficient research to come to any definite conclusions. | umbono | noun | imizwa noma imicabango yomunye umuntu mayelana nento ethile, hhayi eyiqiniso. | Ngokombono wami, umbhali walo mbhalo wenza ucwaningo olungenele ukuthi wayesengakwazi ukufinyelela kulesi siphetho afinyelela kuso. |
| option | noun | one of a number of things from which only one can be chosen. | Online course delivery has become a viable option. | into ekhethwayo noma ethandwayo | noun | enye yezinto eziningi lapho khona umuntu engakwazi ukukhetha okukodwa. | Ukufunda nge-inthanethi sekuyiyona nto ekhathwa ngabaningi manje. |
| orientate | verb | to make oneself familiar with a new situation. | Economic systems are orientated towards production of commodities. | lungiselela | verb | ukwenza ukuthi ukwazi ukujwayela isimo esisha. | Izindlela zezomnotho zilungiselelwe ukukhiqizwa kwezimpahla ezintsha. |
| orientate | verb | to direct the interest of someone to something. | Students at technical colleges are orientated towards practical subjects. | qondisa | verb | ukuqondisa uthando lomuntu ukuthi agcine ethande into ethile. | Abafundi emakolishi amakhono bayaye baqondiswe ukuthi benze izifundo zezandla. |
| outcome | noun | something that results. | The outcome of the negotiations were disappointing. | umphumela | noun | into enesiphetho esithile. | Umphumela wezingxoxo usidumaze kakhulu. |
| output | noun | production of a certain amount. | The output of the firm has increased during the past year as a result of a greater demand. | umsebenzi owenziwe | noun | ukukhiqizwa kwenani elithile. | Umsebenzi owenziwe yifemu ukhule kakhulu kulo nyaka odlule ngenxa yokufuneka kakhulu kwawo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| overall | adj | including everything. | The learners showed an overall improvement in their reading, writing and spelling abilities. | jikelele | adj | okufaka yonke into phakathi. | Abafundi babonisa ukwenza ngcono nje jikelele eamkhonweni abo okufunda, okubhala kanye nawezipelingi. |
| overlap | noun | a shared idea, responsibility, activity, etc. | There is a considerable overlap between the syllabi for mathematics and physics. | ukuxhumana | noun | umqondo okwabelwana ngawo, umthwalo, umsebenzi, njll. | Kunokuxhumana okukhulu phakathi kwesilabhasi yesifundo sezibalo kanye neyesifundo se-physics. |
| overlap | verb | to extend over and cover a part of something in space or time. | This year the July school and university holidays overlap by two weeks. | ukwedlulana | verb | ukweluleka kweqele ngale bese kuthatha ingxenye yokuthile endaweni noma esikhathini. | Kulo nyaka isikole sangoNtulikazi kanye namaholide asenyunivesi kwedlulana ngamasonto amabili. |
| panel | noun | sheet that forms a distinct section of something. | The office is visible through the door's glass panel. | iphaneli | noun | isivimbo esiba yinto eyehlukanisayo nevimba okuthile. | Ihhovisi liyabonakala nje uma uzolibuka ngephaneli yengilazi yomnyango. |
| panel | noun | a group of knowledgeable people who give advice or their opinion about an issue. | The panel comprised of academic staff and senior students. | iphaneli | noun | iqembu labantu abanolwazi oluthile nabanika iseluleko noma umbono wabo mayelana nodaba oluthile. | Iphaneli ibiyakhiwe othisha basenyunivesi kanye nabafundi asebenze iminyaka ephezulu ezifundweni zabo. |
| paradigm | noun | a standard or typical example. | Cape Town stands as the paradigm of a vibrant tourist destination in South Africa. | isibonelo | noun | yinto esezingeni elithile noma efanele ukuba yisibonelo. | IKapa izimele yodwa njengesibonelo sendawo enhle engavakashelw ngabavakashi eNingizimu Afrika. |
| paradigm | noun | a set of ideas explaining how a subject should be understood. | Recent research challenges the current philosophical paradigm. | umongo | noun | isethi yemicabango echaza ukuthi isihloko leso kufanele ukuthi siqondwe kanjani. | Ucwaningo lwakamuva luphosela inselelo umongo wenjulabuchopho yamanje. |
| parallel | adj | similar to or happening at the same time as. | This new computer has functions parallel to those of a tablet. | okufanayo | adj | okuyinto efanayo noma eyenzeka ngesikhathi esisodwa. | Le khompyutha entsha iyenza imisebenzi efanayo neye-tablet. |
| parenthesis | noun | an extra explanation or idea – a word, phrase or sentence – which is inserted into a passage and is marked off with brackets, dashes, commas, etc. | He included the example as a parenthesis to his main argument. | incazelo ekubakaki | noun | incazelo eyengeziwe noma umqondo owengeziwe – igama, umusho omfushane noma umusho – nofakwa ephaseji bese umakwa ngabakaki, ngodeshi noma ngamakhoma, njll. | Wafaka isibonelo sencazelo ekubakaki kwinkulumo yakhe enkulu. |
| participate | verb | to be actively involved, share or take part in an activity. | The students are encouraged to participate in class discussions so that they learn constructively. | bamba iqhaza | verb | ukusebenza ngokukhuthala noma ukwabelana okany ukuphonsa itshe esivivaneni uma kwenziwa umsebenzi othile. | Abafundi bayakhuthazwa ukuthi babambe iqhaza kwizingxoxo zasekilasini ukuze bakwazi ukufunda ngokwakhayo. |
| particular | adj | indicating a specific person or thing. | Students must pay particular attention to spelling when writing an essay. | okuthile | adj | okubonisa umuntu noma into ethile. | Abafundi kufanele ukuthi babe nokunaka okuthile uma bebhala i-eseyi. |
| partisan | noun | a strong and enthusiastic supporter of a person, group or cause, who does not always think clearly about the matter. | The partisans chained themselves to trees to save the forest. | umlweliwezwe | noun | umeseki onomdlandla kanye nogqozi ngento ethile, kanti imvamisa lo meseki uyaye angacabangi kahle ngaleyo nto athi uyayeseka. | Abalwelibezwe bazikhuleka ngamaketango ezihlahleni bethi lena yindlela yokuhlenga ihlathi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| passive | adj | accepting a situation and not trying to change it. | The children were portrayed as passive recipients of culture. | okuvumayo | adj | ukwamukela isimo njengoba sinjalo ungazami ukusishintsha. | Abantwana babekwa njengabantu abavumayo ukwamukela isiko. |
| passive | noun | connected with the form of the verb used when the sentence starts with the object instead of with the subject. | "The ball was kicked by the boy" is an example of a sentence in the passive voice. | impambosi yokwenziwa | noun | okuxhumene nendlela yesenzo esetshenziswa lapho umusho uqala ngomenziwa esikhundleni sokuqala ngomenzi. | "Ibhola lakhahlelwa umfana" isibonelo somusho oyimpambosi yokwenziwa. |
| pendulum | noun | something that changes regularly from one position to an opposite one. | The pendulum of public opinion regarding abortion has swung from pro-life to pro-choice. | iphendulamu | noun | into evame ukushintsha njalo nje isuka kwenye indawo iya kwenye indawo ephikisana naleyo. | Iphendulamu yomphakathi mayelana nokuhushulwa kwezisu isishintshile, njengoba kuqala bebethi nje ukukhipha isisu ukubulala kodwa manje sebethi umuntu okhulelwe unelungelo lokwenza into ayifunayo ngesisu esikuye. |
| perceive | verb | to become aware of through the senses. | This study focuses on the way students perceive artistically created medical images for learning purposes. | ukubona; ukuqonda | verb | ukuba nolwazi ngokusebenzisa izinzwa. | Lolu cwaningo lubheka indlela abafundi ababona/abaqonda ngayo izithombe zokwelapha ezidwetshiwe ngokwezinhloso zokufunda. |
| period | noun | a particular length of time. | He was absent for a period of three months. | isikhathi | noun | ubude obuthile besikhathi. | Lowo wake akangabibikho isikhathi esiyizinyanga ezintathu. |
| period | noun | a length of time in the history of a country or person. | The post-war period was characterised by strict economic measures. | isikhathi | noun | ubude besikhathi esithile emlandweni wezwe noma womuntu. | Isikhathi sangemuva kwempi saba nezimo zezomnotho ezaziphoqa ukuthi wonke umuntu azibophe ngesifociya. |
| perpetual | adj | when a feeling, state or quality never changes or never ends. | Perpetual sadness is a characteristic of depressed people. | okunganqamuki | adj | lapho umuzwa, isimo noma ikhwalithi ingashintshi noma ingapheli. | Ubuhlungu obunganqamuki yisici esihlasela abantu abanesifo sengcindezi. |
| perpetual | adj | when an act, situation or state is repeated over and over again, in a way that is annoying. | His perpetual lateness in the morning is irritating staff members. | okuqhubeka njalo | adj | lapho uma isenzo, isimo siphindeka njalonjalo, ngendlela ecikayo noma ecasulayo. | Lokhu kuqhubeka njalo kwakhe nokufika ngemuva kwesikhathi ngaso sonke isikhathi ekuseni kucasula abanye abasebenzi. |
| persist | verb | to continue to do something despite difficulties or opposition. | He persisted in his endeavours to get assisted euthanasia legalised. | phokophela | verb | ukuqhubeka nokwenza into ethile yize kunobunzima noma kunento ephikisayo. | Wayelokhu ephokophele ezifisweni zakhe zokuthi kwenziwe kube semthethweni ukuqedelwa komuntu uma esegule kakhulu. |
| persist | verb | to continue to exist. | Rumours of corruption persisted for many months although the department denied the charges. | qhubeka | verb | ukulokhu into iqhubeka nokuba khona noma nokuphila. | Amahlebezi enkohlakalo ayelokhu eqhubeke njalo izinyanga eziningi yize umnyango wawuziphika lezi zinsolo. |
| perspective | noun | a way of regarding situations or topics. | Her perspective on the death penalty was coloured by her religious conviction. | umbono | noun | indlela yokubhekana nezimo noma nezihloko. | Umbono wakhe ngesigwebo sentambo wawususelwe kwizinkolelo zakhe zezenkolo. |
| perspective | noun | to judge the importance of an issue correctly in relation to everything else. | Watching the TV news every day helps me keep my own problems in perspective. | into ehlala iqondile | noun | Ukwahlulela ukubaluleka kodaba ngendlela efanele maqondana nayo yonke enye into. | Ukubuka izindaba kumabonakude nsuku zonke kuyangisiza ukuthi nami ezami izinkinga zihlale ziqondile. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| persuade | verb | to talk somebody into doing something and give him/her good reasons for doing so. | The English teacher want to persuade the students to read different genres. | ncenga; nxenxa | verb | ukukhuluma nomuntu ukuthi enze okuthile bese umnika nezizathu ezinhle nezifanele ukuthi akwenze lokho. | Uthisha wesiNgisi ufuna ukuncenga abafundi ukuthi bafunde iminxa ehlukene. |
| pertinent | adj | relevant or directly concerned with something. | A good student asks pertinent questions. | okushaya khona | adj | okunganhlanhlathi noma okuqondene ngqo nento ethile. | Umfundi omuhle obuza imibuzo eshaya khona. |
| pervade | verb | to spread gradually throughout every part of something. | The smell of pizza pervaded the kitchen. | sabalala | verb | ukusabalala kancane kancane kuyona yonke ingxenye yayo yonke into. | Iphunga elimnandi lepizza lasabalala lagcwala ikhishi lonke. |
| phase | noun | any distinct time period in a sequence of events. | Her teenager is going through a rebellious phase. | isigaba | noun | noma yisiphi isikhathi sokulandelana kwezigameko. | Umntwana wakhe womfana usesigabeni esibi sokuba umdlwembe nje |
| phase | verb | to plan or do something gradually in an orderly way. | Computer literacy classes are being phased into the curriculum. | faka | verb | ukuhlela noma ukwenza into ethile kancane kancane ngendlela ehlelekile. | Amakilasi okufunda ukusebenzisa ikhompyutha ayafakwa kancane kwikharikhulamu. |
| phenomenon (plural: phenomena) | noun | any state or process known through the senses. | Meteorologists are interested in natural phenomena such as floods and droughts. | isenzeko esiyisimanga | noun | kungaba yinoma yisiphi isimo noma uhlelo olwaziwa ngezinzwa. | Izangoma zezulu zinempokophelelo yokufunda kabanzi ngezenzeko zemvelo eziyisimanga ezifana nezikhukhula kanye nesomiso. |
| philosophy | noun | a belief or system of beliefs resulting from the search for knowledge. | His degree is in philosophy. | injulalwazi | noun | inkolelo noma uhlelo lwezinkolelo oluvela ngenxa yocwaningo lusuke lwenziwe kufunwa ulwazi. | Uneziqu kwinjulalwazi. |
| physical | adj | involving the body as distinguished from the mind or spirit. | He prefers physical challenges, like running marathons, to studying. | okomzimba | adj | okufaka umzimba njengokwehlukile kwingqondo noma emoyeni. | Yena uthanda ukwenza izinto ezinyakazisa umzimba ezifana nokugijima imijaho emide, hhayi ukutadisha. |
| pivotal | adj | very important, usually because other things depend on it. | The film's special effects have played a pivotal role in attracting large audiences. | okumqoka | adj | okubaluleke kakhulu, imvamisa ngenxa yokuthi ezinye izinto zincike kukho. | Izindlela le filimu eqoshwe ngazo zidlale indima esemqoka kakhulu ekuheheni ababukeli. |
| plagiarise | verb | to copy another person's ideas, words, etc. and pretend that they are your own. | Students who commit plagiarism will not be given any credit for plagiarised work. | yeba imibhalo | verb | ukukopisha imiqondo, amagama omunye umuntu, njll. bese wenza sengathi kungokwakho kuphuma emqondweni wakho. | Abafundi abeba imibhalo okungesiyona eyabo bayenze eyabo angeke baze banikwe amaphuzu ngombhalo owebiwe. |
| plot | noun | the plan or story of a book or film. | Did you follow the plot of the movie or are you just as confused as I am? | ingqikithi | noun | uhlelo noma umongo wendaba encwadini noma kwifilimu. | Ngabe uyilandele ingqikithi yalesi sithombe sebhayisikobho noma mhlawumbe nawe udideke njengami nje? |
| pole | noun | two opinions or qualities that are the opposite of each other. | The positions put forward by the two academics fall at opposite poles of the debate | ipali | noun | imibono emibili ephikisanayo. | Kodwa lezi zinto ezibekwe yilezi zifundiswa zombili ziphikisana kakhulu nje nenkulumompendulwano esinayo |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| policy | noun | a plan of action adopted by an individual or social group. | The new language policy entrenches multilingualism. | inqubomgomo | noun | uhlelo lwalokho okumele ukuba makwenziwe oluphasiswe wumuntu siqu sakhe noma yiqembu lenhlalo elihlangene. | Le nqubomgomo entsha yolimi yenza ukuthi zibe zininingi izilimi ezisetshenziswayo. |
| portion | noun | part of a larger object. | A portion of the profits will be given to the old age home. | ingxenye | noun | okuncane okususwe entweni enkulu. | Ingxenye ethile yenzalo iyobe isinikwa ikhaya labadala. |
| portion | verb | to divide something into smaller parts. | She portioned out the sweets between the three children. | hlukanisa | verb | ukwenza into ukuthi ibe yizingcezu ezincane. | Wehlukanisa amaswidi phakathi kwezingane ezintathu. |
| portray | verb | to describe or show somebody in a particular way. | She portrayed herself as a victim of child abuse. | chaza | verb | ukuchaza noma ukubonisa umuntu ngendlela ethile. | Wazichaza njengesisulu sokuhlukunyezwa kwabantwana. |
| pose | verb | to create or state a problem which has to be dealt with in a certain way. | Shift work and working long hours pose great problems for employees and employers. | dala | verb | ukwenza noma ukusho inkinga okufanele ukuba kubhekwane nayo ngendlela ethile. | Ukusebenza amashifuthi kanye nokusebenza amahora amade engeziwe kwenza izinkinga ezinkulu kubaqashi nakubasebenzi. |
| pose | verb | to ask a question. | This chapter discusses the research questions posed. | buza | verb | ukubuza umbuzo. | Lesi sahluka sikhuluma ngemibuzo yocwaningo ebuziwe. |
| posit | verb | to suggest that something is true so that it can be used as the basis for an argument. | He posits that learning is motivated by the engagement of the imagination and opportunities to make meaning and communicate with others. | beka | verb | ukusho ukuthi into ethile iyiqiniso ukuze isetshenziswe njengesizinda senkulumongxoxo. | Ubeka ngokuthi ukufunda kugqugquzelwa ukucabanga ngokuthila kanye namathuba okuveza okuthile kanye nokuxhumana nabanye. |
| positive | adj | good or useful. | There are positive signs that she will recover. | okuhle | adj | okuza kahle noma okusebenzayo. | Kunezimpawu ezinhle zokuthi yena uzosinda. |
| positive | adj | indicating support or agreement. | The new curriculum has received positive response from academic departments. | okuvumayo | adj | okubonisa ukweseka noma ukuvumelana. | Le kharikhulamu entsha ithole izimpendulo ezivumayo ezivela eminyangweni yokufunda. |
| positive | adj | sure or certain of something. | He was positive that he had paid the electricity bill. | okunesiqiniseko | adj | ukungabi nongabazane ngento ethile. | Wayenesiqiniseko sokuthi nakanjani wayesikhokhele isikweletu sikagesi. |
| possible | adj | that can be done or achieved. | It is now possible to digitise visual images, text, sound and even touch, and disseminate information encoded in these modes via computers. | okungenzeka | adj | lokho okungenziwa noma okungazuzwa. | Njengamanje kuyinto esingenzeka ukuthi kuthathwe izithombe ezibukwayo, imibhalo, umsindo ngisho nokuthinta imbala ukuthi kuhlelwe ngohlelo lwedijithali bese kusatshalaliswa kungulwazi oludijithali kusetshenziswa amakhompyutha. |
| postulate | verb | to suggest that something is true so that it can be used as the basis for an argument. | Researchers postulate that a big comet lulled the dinosaurs. | ukusho into ethile | verb | ukubeka umbono ukuthi into ethile iyiqiniso ukuthi ingasetshenziswa impela nje njengesizinda somqondo othile. | Abacwaningi uma besho bathi kwaba yinkanyezi enkulu enomsila eyalalisa intulo enkulu. |
| potential | adj | that can be developed into something. | The increase of malaria is a potential threat to Sub-Saharan Africa. | okungase kwenzeke | adj | okusuke kungathuthukiswa kube yinto ethile. | Ukwenyuka kumalaleveva kuyinto engase ibeke engcupheni impela imazansi nezwekazi lase-Afrika. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| potential | noun | the possibility of something developing in a certain way. | When he killed his pet, it became clear that had a potential for violence. | okusemathubeni okwenzeka | noun | amathuba okuthi into ethile yenzeke ngenye indlela. | Wathi uma ebulala ikati lakhe, kwavele kwacaca nje ukuthi umuntu osemathubeni okuthi angaba nodlame. |
| practice | noun | way of doing something. | The old doctor wants his daughter to take over his practice when he retires. | umsebenzi | noun | indlela yokwenza okuthile. | Udokotela osekhulile ufisa ukuthi kube yindodakazi yakhe ezoqhubeka nomsebenzi wokuba wudokotela uma yena esethathe umhlalaphansi. |
| practise | verb | to do something regularly as part of your normal behaviour. | The strongest religions practised in the Caribbean today include Christianity and African religious survivals. | buyekeza | verb | ukwenza into njalo nje njengengxenye yokuziphatha okwejwayelekile. | Izinkonzo ezinamandla ezibuyekezwa kwiCaribbean namhlanje zifaka phakathi eyobuKrestu kanye nezinkolo zase-Afrika. |
| practitioner | noun | someone who works in a learned profession, such as medicine or law. | She was treated by a medical practitioner. | umsebenzi | noun | umuntu mumbe osebenza umsebenzi osezingeni eliphezulu nelikhokhelwayo, njengokusebenza emkhakheni wezokwelapha noma wezomthetho. | Welashwa ngumsebenzi wezempilo. |
| pragmatic | adj | sensible and practical rather than theoretical or idealistic. | A pragmatic approach to problem-solving is an American philosophical tradition centred on the linking of practice and theory. | okubuswa umqondo othile | adj | okunomqondo futhi okuqondile hhayi okucatshangelwayo. | Indlela ebuswa wumqondo othile yokusombulula izinkinga yisiko laseMelika elixhuma ukwenza kanye nethiyori. |
| precede | verb | be earlier in time than. | The main research project was preceded by a pilot study. | landelwa | verb | ukufika ngaphambi kwesikhathi ukunokunye. | Uphenyo olukhulu lwalandelwa ucwaningo lokuhlola. |
| precedence | noun | the condition of being considered more important than somebody or something else, and therefore should be dealt with first. | A tax law meaning takes precedence over other internal law meanings. | okuhamba phambili | noun | isimo sokuthathwa njengokubaluleke kakhulu ukwedlula omunye umuntu noma enye into nokusho ukuthi kusuke kufanele ukuthi kubhekwane nakho kuqala. | Umqondo womthetho wentela ungohamba phambili ukwedlula eminye imithetho yangaphakathi. |
| precipitate | verb | to cause something to happen too soon or very suddenly. | He precipitated the staffing crisis by resigning from his job. | phulukundlelisa | verb | ukwenza into ethile ukuthi yenzeke ngokushesha okukhulu noma ngokuphazima kweso. | Waphulukundlelisa izinkinga zabasebenzi ngokuthi avele ashiye phansi umsebenzi wakhe. |
| precipitate | adj | done too soon or carelessly. | Your decision to drop the mathematics module was precipitate - you will regret it later. | okunokutatazela | adj | okwenziwe ngokushesha okukhulu noma ngokunganaki | Isinqumo sakho sokuthi uyishiye phansi imojule yezibalo saba wukutatazela impela nje – futhi uzozisola ngalesi sinqumo ngelinye ilanga. |
| precise | adj | exact, accurate or clearly delimited. | Definitions of subject-field concepts need to be precise. | ncamashi | adj | okunembayo noma okuqonde kahle ukuthi kuyaphi. | Izincazelo zamagama athile aqondene nesifundo esithile kufanele ukuthi zishaye khona ncamashi. |
| predict | verb | to tell in advance. | Good reading habits in adolescents are predicted by early exposure to print materials. | qagela | verb | ukusho into ingakenzeki. | Imikhuba emihle yokufunda kubantu abasha iqagelwa kusesekuseni ngokuthi basheshe bathole izinto ezibhalwe phansi okumele bazifunde. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| predominant | adj | having superior power and influence. | Death is the predominant theme of the poem. | okukhulu | adj | okunamandla angaphezulu kanye nomthelela omkhulu. | Ukufa sengathi yiyona ngqikithi enkulu kule nkondlo. |
| prejudice | noun | an unreasonable dislike of somebody or something, especially when it is based on race, religion, gender, etc. | Laws against racial prejudice must be strictly enforced. | ingcindezi | noun | ukungamthandisisi nje omunye umuntu ikakhulukazi uma lokho kwenziwa ukuthi kususelwa kuhlanga oluthile, kwinkolo ethile, kubulili obuthile, njll. | Imithetho emelene nengcindezi ebhekiswe kwabezinhlanga ezithile kufanele isebenze idlale indima yayo kuleli. |
| preliminary | adj | preceding or in preparation for something more important. | The athlete did well in the preliminary races, but lost the main race. | isendlalelo | adj | okwenzeka ngaphambilini noma ukulungiselela into enkulu kakhulu ezayo. | Umgjimi lowo wenza kahle kakhulu kwimijaho eyisendlalelo, kodwa wehlulwa emjahweni omkhulu. |
| preliminary | noun | an event which happens before something more important and which often prepares for the later event. | You may not sit for the exam unless you have taken part in the preliminaries. | into eyenzeka ngaphambilini | noun | lesi yisigameko esenzeka ngaphambi kokuba into ethile ebaluleke kakhulu yenzeke kanti futhi imvamisa isuke ilungiselela yona kanye leyo nto ephambili ezokwenzeka ngokuhamba kwesikhathi. | Angeke uvunyelwe ukuba uzobhala izivivinyo zakho uma ungazange ubambe iqhaza kwimicikilisho yangaphambilini yokulungiselela ukubhala. |
| premise | noun | an idea which forms the basis of an argument. | Our law system is based on the premise that you are innocent until proven guilty. | umqondo | noun | umqondo ovame ukuthi ube wumongo wenkulumompikiswano. | Uhlelo lomthetho wethu lususelwe emqondweni wokuthi awunacala yize usuboshiwe kuze kuba ufunyanwa yinkantolo unecala. |
| premise | verb | to make a statement that you accept as true and to use this idea to develop other ideas. | He premised his argument on the idea that all genders are equal. | beka ngokucacile | verb | ukwenza isitatimende osemukela njengesiyiqiniso kanye nokusebenzisa lo mqondo ukuthuthukisa eminye imiqondo. | Wakubeka ngokucacile kwinkulumompikiswano yakhe ukuthi bonke ubulili buyalingana. |
| preposition | noun | a word, usually before a noun, that shows the position or state of something (in, under, of, by, with). | The preposition “in” in “The book is in the library” shows location. | undaweni | noun | leli yigama isikhathi esiningi esiNgisini elivame ukuthi libe ngaphambi kwebizo, nelibonisa indawo noma isimo sento ethile (ku, ngaphansi, kwe, ne, nge). | Undaweni ongu “ise-” kumusho othi “Incwadi isemtapweni wolwazi” ukhombisa indawo lapho incwadi ikhona. |
| prestige | noun | the respect and importance earned by an organisation or person for things they have done. | Her career as a writer has brought her immeasurable prestige. | ukuphakanyelwa | noun | inhlonipho kanye nokubaluleka okutholwa yinhlangano noma ngumuntu ngezinto asuke ezenzile. | Umsebenzi wakhe njengombhali usumlethele ukuphakanyelwa okuyisimangaliso. |
| presume | verb | take to be the case or to be true. | I presume that you are still coming to the party. | thatha ngokuthi | verb | okuthatha njengokuba kunjalo noma okuthatha ngokuthi kuyiqiniso. | Ngithatha ukuthi useza-ke njalo emcimbini. |
| presume | verb | to suppose that something exists or is true although it is not yet proven. | Since she has already published two articles it is presumed that she is able to complete her PhD. | thatha ngokuthi | verb | ukucabangela ukuthi into ethile ikhona noma iyiqiniso yize bungekho ubufakazi obukhona obuchaza lokho. | Njengoba eseshicilele imibhalo emibili nje kucatshangelwa ukuthi usengakwazi ukufunda aqedele izifundo zakhe zeziqu ze-PhD. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| prevail | verb | to continue to exist although it may be difficult. | Belief in magic prevails in some parts of the country. | hamba phambili | verb | ukuqhubeka nokuphila yize kunzima kunjalo. | Inkolelo kwizinto zemilingo kuseyinto ehamba phambili kwezinye izingxenye zaleli lizwe. |
| prevail | verb | to exist at a particular time in a particular place. | Different conceptions of death and disease have prevailed during different periods of their history. | hlaluka | verb | ukuphila ngesikhathi esithile futhi endaweni ethile. | Kuye kwahluluka imiqondo eyahlukene mayelana nokufa kanye nezifo okwenzeke ezikhathini eziningi emalandweni yabo. |
| previous | adj | just preceding something else in time or order. | The previous chapter was about the human skeleton. | okwedlule | adj | okwenzeke ngaphambi kwesikhathi noma ngaphambi kohlelo oluthile. | Isahluko esedlule bese sikhuluma ngomzimba womuntu. |
| primary | adj | of first in rank or importance or value. | A primary cause of infant mortality is lack of clean water. | okunqala | adj | okokuqala kwizinga lokubaluleka noma ngokwenani. | Isizathu esinqala sokufa kwabantwana abazelwe ukungabibikho kwamanzi ahlanzekile. |
| prime | adj | most important; most basic. | Smoking is the prime cause of lung cancer. | okukhulu | adj | okubaluleke ukukwedlula konke; okuyisizinda esiyisisekelo. | Ukubhema yimbangela enkulu yomdlavuza wamaphaphu. |
| principal | adj | most important; main. | The principal component of natural gas is methane. | okukhulu | adj | okubaluleke kakhulu; okuyinhloko. | Isikhathi esikhulu kwigesi yemvelo yi-methane. |
| principle | noun | a law, rule or theory on which something is based. | Gravity is one of the basic principles of physics. | umgomo | noun | umthetho, noma ithiyori into ethile esuselwe kuyo. | Umgomo wokuthi into uma uyiphosa phezulu kufanele igcine ibuye phansi ngeminye yemigomo eyisisekelo se-physics. |
| principle | noun | in general, but not in detail. | In principle, we could soon enjoy holidays on the moon. | ngokuvamile | noun | lilonke nje. | Lilonke nje, maduzane nje sizobe sesithokozela amaholidi enyangeni. |
| prior | adj | earlier in time. | He had prior knowledge of the fraud. | ngaphambilini | adj | isikhathi sangaphambili. | Wayenalo ulwazi ngaphambilini lokukhwabanisa okwakuzokwenzeka. |
| priority | noun | the status determined on the basis of importance or urgency. | Writing support remains a low priority at some universities. | okubekwa phambili | noun | isimo esahlulelwa ngokubaluleka kwaso noma ngokuphuthuma kwaso. | Ukweseka ukubhala ngenye yezinto ezingabekiwe phambili kakhulu kwamanye amanyunivesi. |
| probable | adj | likely to happen or to be true. | It is probable that different results will be obtained, since the soil conditions were different. | kusengenzeka | adj | okunamathuba okuthi kungenzeka noma kungaba yiqiniso. | Kusengenzeka ukuthi kutholakala imiphumela eyahlukene engefani, ngoba izimo zomhlabathi nazo kanjalo azefani. |
| proceed | verb | to move ahead. | You have obtained four out of five at this level, and may proceed to the next level of the program. | qhubeka | verb | ukuqonda phambili. | Kulesi sigaba uthole amaphuzu amane kwamahlanu obungawathola, kanti lokho kusho ukuthi usungaqhubekela esigabeni esilandelayo salolu hlelo. |
| process | noun | a series of actions that are taken to achieve a particular result. | Writing as a process involve planning, writing, revising and editing. | uhlelo | noun | uchungechunge lwezinto ezenziwayo ukuze kufezekiswe umphumela othile. | Ukubhala nje kukodwa njengohlelo kufaka phakathi ukuhlela, ukubhala, ukubuyekeza kanye nobheka amaphutha. |
| process | verb | to put information into a computer in order to use it. | Statistics South Africa process a large amount of data annually. | dlulisa | verb | ukufaka ulwazi oluthile kwikhompyutha ukuze ulusebenzise. | I-Statistics South Africa yedlulisa ulwazi lwedatha oluningi kakhulu minyaka yonke. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| procure | verb | to get; to obtain. | You need to procure the services of a lawyer to handle the dispute. | qasha | verb | ukuthola. | Kuzodingeka ukuthi uqashe ummeli kube nguyena ozobheka lolu daba lwakho. |
| professional | noun | connected to a job for which special training is necessary. | It is not difficult to see that the carpentry was done by a professional. | umuntu onokuqeqeshwa okuthile | noun | okuxhumene nomsebenzi othile lapho kudingeka khona ukuqeqeshwa okuthile okuyisipesheli. | Akukho nzima ukubona ukuthi lezi zitulo zazakhiwa ngumbazi oqeqeshiwe. |
| professional | adj | suitable for somebody working in a particular profession. | The company is looking to recruit young professional people. | oqeqeshiwe | adj | okuqondene nomuntu osebenza umsebenzi othile. | Inkampani ifuna ukuqasha abantu abasha abanokuqeqeshwa okuthile. |
| progress | noun | the process of going forward or developing. | During the study's progress certain limitations and obstacles became evident. | ukuqhubeka | noun | uhlelo lokuqhubeka kuyiwe phambili. | Njengoba ucwaningo lwaluqhubeka nje, kunezimo ezithile eziyimikhawulo kanye nezingqinamba ezaqala zacaca bha. |
| prohibit | verb | to forbid. | Smoking is prohibited in most restaurants. | ukungavumeli | verb | ukunqaba. | Ukubhema akuvunyelwe ezindaweni zokudlela eziningi. |
| project | verb | a planned undertaking or an expectation that something will happen. | The business projected that its profits would increase by 20% in the next year. | veza | verb | ukuzibophezela okuthile okuhleliwe noma ukulindela ukuthi into ethile ingahle yenzeke. | Ibhizinisi liye laveza ukuthi izinzuzo zalo zizokhula ngo-20% kulo nyaka ozayo. |
| project | noun | an important and carefully planned piece of work. | He has three projects to complete for Accounting 101. | iprojekthi | noun | umsebenzi obalulekil nohlelwe kahle kunesikhathi. | Lowo unamaprojekthi amathathu okufanele awenze awaqede ezifundweni zakhe ze-Accounting 101. |
| promote | verb | to contribute to the progress or growth of. | He used his influence to promote Liberal views in his native country. | khuthaza | verb | ukubamba iqhaza kwinqubekelaphambili nome ekukhuleni kwento ethile. | Wasebenzisa amandla akhe anawo ukukhuthaza imibono yakhe engancengi ezweni lapho adabuka khona. |
| promote | verb | to move to a higher rank or position. | She was promoted to head of department. | khushulwa | verb | ukwenyukela esikhundleni esingaphezulu. | Wakhushulelwa esikhundleni sokuthi abe ngumphathi walowo mnyango. |
| proof | noun | information that shows that something is true. | The documents are proof that he committed fraud. | ubufakazi | noun | ulwazi olubonisa ukuthi into ethile iliqiniso. | Lawa madokhumenti awubufakazi bokuthi wenza icala lokukhwabanisa |
| propagate | verb | to spread a belief or piece of information. | The missionaries propagated their religion in Africa. | fundisa | verb | ukusabalalisa inkolelo ethile noma ulwazi oluthile. | Abefundisi bafundisa ngenkolo yabo e-Afrika. |
| propensity | noun | a tendency to behave in a certain way. | Children who grow up in dysfunctional homes may have a propensity to violence. | ukuthanda | noun | ukuthanda ukuziphatha ngendlela ethile. | Abantwana abakhulela emakhaya angasebenzi kahle kungenzeka bathande ukuba nodlame uma sebekhulile. |
| proportion | noun | part of a whole. | A small proportion of the earth's volcanoes are active. | isimo sendawo | noun | ingxenye yokugcwele. | Indawo ethile nje encane yomlilo wequbula esasebenza namanje. |
| proportion | noun | the correct/incorrect relationship of one thing to another in size, amount or number. | Your mark will improve in proportion to the amount of effort you put in. | ngobungako | noun | ubudlelwano obufanele/obungafanele benye into kwenye into ngokosayizi,ngokwenani noma ngokwenombolo. | Amaphuzu akho ozowathola azothi ukukhuphuka kuye ngomzamo nawe ozobe uwufakile lapho. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| prospect | noun | the possibility of future success. | There is no immediate prospect to increase research productivity. | ithuba | noun | ithuba lokuthi kusengaba nempumelelo ngomuso. | Alikho ithuba elikhona njengamanje lokuthi kungakhushulwa umkhiqizo wophenyo. |
| protocol | noun | the accepted ways of doing things under certain formal circumstances. | According to his research protocol he is using a mixed methods approach. | iphrothokholi | noun | indlela eyamukelekile yokwenza izinto ngaphansi kwezimo ezisemthethweni. | Ngokusho kwephrothokholi yocwaningo lwakhe usebenzisa indlela yezindlela ezixubile. |
| prove | verb | to provide evidence that something is true. | He proved that sucrose is not more detrimental than fructose in diabetic patients. | bonisa | verb | ukunikeza ubufakazi bokuthi into ethile iyiqiniso. | Wabonisa ukuthi uhlobo lukashukela okuthiwa yi-sucrose alusiyona ingozi ukwedlula lolu okuthiwa yi-fructose kwiziguli ezinesifo sikashukela. |
| publication | noun | the act of issuing printed materials. | A good publication record can give an applicant a definite advantage over co-applicants. | ushicilelo | noun | isenzo sokukhipha izinto eziphrintiwe | Irekhodi elihle lokushicilelwe linganika lowo ofaka isicelo ubuhle ukwedlula abanye afaka nabo isicelo. |
| publication | noun | the act of making something known to the public. | Government have a new publication on the actual crime statistics for the country. | ushicilelo | noun | isenzo sokwenza into ukuthi yaziwe ngumphakathi. | Uhulumeni unoshicilelo olusha lwezinombolo ezibonisa izenzo zangempela zobugebengu kuleli lizwe. |
| publish | verb | to prepare and issue for public distribution or sale. | She found someone to publish her poems. | shicilela | verb | ukulungiseela kanye nokukhiphela emphakathini into ethile ukuthi isatshalaliswe noma ithengiswe. | Leyo ntombi yagcina imtholile umuntu owayezoshicilela izinkondlo zayo. |
| purchase | noun | something obtained by paying money for it. | The laptop was a necessary purchase. | okuthengwayo | noun | Yinto ethile etholakala ngokuyikhokhela imali. | Ikhompyutha eyi-laptop yinto ethengwayo eyayifanele. |
| purchase | verb | to get something by paying money for it. | Since the firm has been noted on the stock market employees may purchase shares in it. | thenga | verb | ukuthola into ethile ngokuthi uyikhokhele imali. | Kusukela ifemu selokhu ibhalisiwe kwindawo ethengisa amasheya, nabasbenzi bayo sebengakwazi manje ukuzithengela amasheya kuyona. |
| purport | verb | to assume to be the case. | The letter purports to be an original document. | ukuzishaya sengathi | verb | ukucabangela ukuthi kungenzeka ukuba kunjalo. | Le ncwadi izishaya sengathi iyidokhumenti engungqo. |
| pursue | verb | to try to achieve something over a period of time. | The government pursued a policy of equality. | landelela | verb | ukuzama ukuthola into ethile ngemuva kwesikhathi esithile. | Uhulumeni walandelela inqubomgomo yokulingana. |
| qualify | verb | to add something to a previous statement to make the meaning clearer. | He felt compelled to qualify his answer. | sekela | verb | ukwengeza okuthile kwisitatimende saphambilini ukuze wenze umqondo waso ucace. | Wazizwa ephoqelekile ukuthi ayesekele impendulo yakhe. |
| qualitative | adj | connected with measuring the quality of something or understanding something, rather than with how much or many there are. | Open-ended questions were used to collect qualitative data. | okuyikhwalithi | adj | okuqondene nokukala ikhwalithi yento ethile noma yokuqonda into ethile, hhayi ukuthi ingakanani noma iningi kangakanani. | Imibuzo enezimpendulo ezivulelekile yayisetshenziselwa ukuqoqa ulwazi oluyikhwalithi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| quotation | noun | words from another person, which somebody uses in their own writing or speech, with an indication of the source. | When you want to use quotations in a text that you are writing, the sources of such quotations should be properly acknowledged. | amazwi acashuniwe | noun | amagama avela komunye umuntu, asetshenziswa ngomunye umuntu embhalwe wakhe noma enkulumweni yakhe, kodwa bese ekhombisa ukuthi lawo magama avela kumuphi umthombo. | Uma ufuna ukusebenzisa amazwi acashuniwe embhalweni owubhalayo, imithombo lapho usuke uthathe khona lawo mazwi acashuniwe kusuke kumele uyisho ngendlela efanele. |
| quote | verb | to use what somebody else has said or written in your writing or speech. | He quoted from a reputable source to give his own writing more credibility. | caphuna | verb | ukusebenzisa lokho okuye kwashiwo noma kwabhalwa omunye umuntu embhalweni wakho noma enkulumweni yakiho. | Waye wacaphuna amagama athile emthonjeni othembekile ukuze enze umbhalo wakhe ukholakale kakhulu. |
| radical | adj | new and different; likely to have a strong effect. | He had a radical change of mind. | okunamandla | adj | okusha futhi okwehlukile; okusengenzeka ukuthi kube nomthelela onamandla. | Wavele nje waba nokushintsha komqondo okunamandla. |
| radical | adj | in favour of drastic political change. | During those days his progressive views were regarded to be radical. | okubeleselayo | adj | okweseka izinguquko ngokubeleselayo kwezepolitiki. | Ngalezo zikhathi imibono yakhe enenqubekela phambili yayithathwa ngokuthi ingebeleselayo. |
| radical | noun | someone who holds radical views. | Religious radicals stormed into the cathedral and overturned the sculptures of saints. | isikhwishikhwishi | noun | umuntu onemibono ebelesela ngokunamandla. | Izikhwishikhwishi zezenkolo zavele zatheleka esontweni nje zafika zaphendula zonke izichuse zabezenkolo khona lapho. |
| random | adj | selecting in a way that gives all possible choices an equal chance. | He used a random sample of 1500 housewives to determine their opinions on waste separation in the home. | ngokungaqondile | adj | ukukhetha ngendlela enikeza bonke abantu ukuthi bakhethe ngendlela elinganayo. | Wasebenzisa isampula elingaqondile lomama abahlala ekhaya abayi-1500 ukuthola imibono yabo mayelana nokwehlukaniswa kwemfucuza ekhaya. |
| random | adj | without an order or plan. | When the fluid was heated, molecules start moving randomly. | ngokungahleliwe | adj | okungenalo uhlelo olumile. | Kwathi lapho uketshezi seluqala selushisa, amamolekhule avele aqale anyakaza futhi ahamba ngokungahleliwe. |
| random | adj | in a way that all possible choices have an equal chance of being considered. | The findings are based on a random sample survey of 1450 registered voters in South Africa conducted from June, 23 to 30, 2015. | ngokungahleliwe | adj | ngendlela ebonisa ukuthi zonke izinqumo ebezingenziwa zinethuba elifanayo lokuthi zingabhekwa kulokho okwenziwayo. | Le miphumela yalolu cwaningo isuselwe kwisampula ebelingahleliwe locwaningo olwenziwe kubavoti ababhalisile baseNingizimu Afrika abayi-1450 nokuwucwaningo olwenziwe kusukela mhla zingama-23 kuya kumhla zingama-30 kuJuni 2015. |
| range | noun | a variety of objects of a specific class or type. | The software package has a range of applications in quantity surveying. | inxanxathela | noun | izinto eziningi ezithile eziyikilasi noma uhlobo oluthile. | Amaphakeji ezinto zokusebenza ngekhompyutha anezinto eziningi eziyizinxanxathela zokusebenza kwizinto ezikhuluma nge-quantity surveying. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| range | noun | the limits within which something varies. | The age range of the participants is between 18 and 21. | ubungako | noun | imikhawulo into ethile esuke ingehluka khona. | Ubungako beminyaka yobudala yababambiqhaza iphakathi kweminyaka eyi-18 kanye nengama-21. |
| range | verb | to vary between two specific limits. | Prices range between R500 and R700. | yehlukana | verb | ukwehlukana phakathi kwemikhawulo ethile emibili eqondile. | Amanani ehlukene phakathi kuka-R500 kanye no-R700. |
| range | verb | to cover a number of topics. | His interests range from mechanics to fishing. | sukela | verb | ukubheka inqwaba yezihloko. | Izinto azithandayo kusukela kwezobukhenikha ukuya kwezokudoba. |
| ratio | noun | relationship between two things which represents by how much the one is larger than the other. | The student/teacher ratio at the university is 22 to 1. | ubungako | noun | ubudlelwano phakathi kwezinto ezimbili nobumele ukuthi enye inkulu kangakani kunenye. | Ubungako phakathi kwabafundi nothisha enyunivesi bumi ku: 22 ku 1. |
| rational | adj | based on or using reason. | Faced with the increased tax, many business owners will make the rational decision to spend their profits rather than reinvest. | okunengqondo | adj | okususelwe kwisizathu esithile. | Ngenxa yokuthi abanikazi bamabhizinisi abaningi bebebhekene nengwadla yentela ephezulu, bagcine sebethathe isinqumo esinengqondo sokuthi imali eyinzuzo abayitholayo bayisebenzise ukusenoma bayitshale futhi. |
| react | verb | to show a response to something. | When the rich believe the poor will revolt, they react by trying to impose draconian restrictions . | ukwenza okuthile ngemuva kwesehlo esithile | verb | Ukubonisa impendulo kwinto noma entweni ethile. | Uma abantu abacebile bekholwa ukuthi abantu abeswele bazovuka umbhejazane, bavele bezame ukwethula imithetho eqine kakhulu . |
| realise | verb | to become aware of a particular situation or a fact. | In his publications of twenty years later he realized that he had made an over generalisation. | bona | verb | ukwazi isimo esithile noma iqiniso elithile. | Kwimibhalo yakhe ngokuhamba kwesikhathi ngemuva kweminyaka engamashumi amabili wabona ukuthi wenza isitatimende esibopha ngabhande linye. |
| reason | verb | to judge a situation, based on evidence provided in a logical way. | They reasoned that increased consumption had the potential to improve the economy. | ahlulela | verb | ukujaja isimo, ukususela ebufakazini obuhlinzekwe ngendlela ephusile. | Bahlulela ngokuthi ukusebenzisa kakhulu izinto ezifana nalezo kunamandla okuthi kungawukhulisa umnotho. |
| reason | noun | explanation or reason for something that has happened. | There are good reasons for learning a second language. | isizathu | noun | incazelo noma isizathu sento ethile eyenzekile. | Kunezizathu ezinhle zokuthi umuntu afunde ulimi lwesibili azokwazi ukulukhuluma. |
| reason | noun | the ability of the mind to form opinions and understand arguments. | Human reason has the power to change society. | ingqondo | noun | amandla omqondo ukukwazi ukuzenzela imibono kanye nokuqonda izinkulumompikiswano. | Ingqondo yomuntu inamandla okushintsha umphakathi. |
| recommend | verb | to tell somebody that something will be suitable for a particular purpose. | A friend recommended this hotel. | ncoma | verb | ukutshela omunye umuntu ukuthi into ethile izofaneleka kwisizathu esithile. | Umngani oye wancoma leli hhotela. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| recount | verb | to tell an experience in the order that the events took place. | The opening chapters of the book recount the glories of the monarch and the loyalty of his people. | zeka | verb | ukusho into ethile ngokulandelana ngendlela izinto ezenzeka ngayo. | Izahluko zokuvula kule ncwadi zezeka ngobuhle besakhiwo sobukhosi kanye nokwethembeka kwenkosi kubantu bayo. |
| recount | noun | a chronological account of an event or a series of events. | In his autobiography he gives a recount of the circumstances that lead to his deportation. | umzekelo | noun | ukulandelana kwezigameko noma kwesehlo esithile noma kochungechunge lwezehlo. | Kwincwadi yakhe ayibhalile emayelana nempilo yakhe unikeza ngomzekelo wezigameko ezaholela ekutheni abuyiselwe kwelakubo. |
| recover | verb | to return to the normal state after some difficulty. | He is still recovering from a stroke. | lulama | verb | ukubuyela esimweni esejwayelekile ngemuva kwesikhathi esinzinyana. | Namanje usalulama kwisifo sohlangothi ebesimlalise phansi. |
| recover | verb | to get back the same amount of money that you originally spent or that somebody owed you. | The retailer has to charge more to recover the costs of the renovation. | buyisela | verb | ukuthola inani elifanayo lemali oye walisebenzisa phambilini ekuqaleni noma umuntu othile akukweleta lona. | Isitolo kumele siwabize imali eyengeziwe amakhasimende aso ukuze sikwazi ukubuyisela izimali ezisetshenziselwe ukusilungisa. |
| recur | adj | to happen again. | Guilt and pride are recurring themes in his work. | okuphindekayo | adj | ukwenzeka futhi. | Uma ufundisisa kahle umsebenzi wakhe uzobona ukuthi ukuzisola kanye nokugqaja yizona zingqikithi ezidamane ziphindeka. |
| refer | verb | to send something to somebody with more authority or knowledge. | The case has been referred to the High Court. | dlulisa/dlulisela | verb | ukuthumela into ethile kumuntu othile onamandla noma onolwazi olungaphezu kwalolo wena onalo. | Icala seledluliselwe Enkantolo Ephakeme. |
| refer | verb | to acknowledge a source. | The written sources that he refers to in his thesis are somewhat dated. | khomba | verb | ukwazisa umthombo othile osetshenzisiwe. | Imithombo ebhalwe phansi ayikhombayo embhalweni wakhe wokuthola iziqu kubukeka sengathi isithanda ukuba mdala kodwa. |
| refer | verb | to consult another section of the same source or another source to find information | I would like to refer you to page 88. | thumela | verb | ukubheka esinye isigaba somthombo ofanayo ukuthi uthole ulwazi | Ngizothanda ukukuthumela kwikhasi lama-88. |
| reference | noun | a thing you say or write that mentions a person or a source. | The list of references was cross-checked with the sources cited in the body of the dissertation. | ireferensi | noun | into oyishoyo noma oyibhalayo esho umuntu noma umthombo othile. | Uhlu lwamareferensi lwahlolwa ngokubheka izincwadi ezisetshenzisiwe ngaphakathi emabhalweni womqingo. |
| refine | verb | to make something, such as a theory, better by making changes to it. | The database is refined to remember previous searches and to combine those with new searches. | coyisisa | verb | ukwenza into ethile, efana nomqondo othile ibe ngcono ngokwenza izinguquko kuyo. | Inqolobane yemibhalo iyaye bese iyacoyisiswa ukuze kukhunjulwe ukuphenya okuye kwenziwa kuyo phambilini bese kuhlanganiswa lokho kuphenya nokuphenya okusha. |
| reflect | verb | to think carefully and deeply about something. | The introductory chapter critically reflects on the pros and cons of the neoliberal university. | bukisisa | verb | ukucabanga ngokucophelela kanye nangokujula mayelana nento ethile. | Isahluko esiyisethulo sibukisisa kabanzi ubuhle nobubi benyunivesi engumaziphathe lapho yonke into imahhala khona. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| reflect | verb | to express expectations, perceptions and feelings about an experience. | In their essays students had to reflect on their experiences gained during a visit to a frail care centre. | bonisa | verb | ukubeka lokho okulindelekile, imibono kany nemizwa mayelana nalokho umuntu adlule kukho. | Kuma-eseyi abo abafundi kwakufanele ukuthi babonise lokho abakuzuzile ngenkathi bevakashele esikhungweni sokunakekelwa kwalabo ababuthaka ngokwempilo. |
| reform | noun | a change made to a system in order to make it better. | The economic reforms meant that more jobs were available. | uguquko | noun | ushintsho olwenzeka kwinto ethile ukuze yenziwe ibe ngcono. | Izinguquko kwezomnotho zazisho ukuthi kuzoba namathuba emisebenzi amaningi. |
| reform | verb | to make something better. | South Africa reformed its educational system again to focus not only on outcomes, but also on process. | shintsha | verb | ukwenza into ibe ngcono. | INingizimu Afrika yaphinda yalushintsha uhlelo lwayo lwemfundo ukuze lungagxili nje kuphela ekubhekeni imiphumela, kodwa ibheke nohlelo ngokunjalo. |
| refute | verb | to prove that a theory or statement is wrong. | Over the years many scholars have tried to refute some of Einstein's theories. | phikisa | verb | ukuveza ubufakazi bokuthi ithiyori noma umqondo othile uyabhimba awushayi khona. | Kule minyaka eminingi edlule izifundiswa eziningi sezizame kaninginingi ukuphikisa amathiyori ka-Einstein. |
| regime | noun | a government, especially one that has not been fairly elected. | They predict that the new regime's reign will be short-lived. | umbuso | noun | uhulumeni, ikakhulukazi lowo osuke ungakhethiwe ngendlela yentando yeningi. | Baqagule ukuthi lo mbuso omusha ongenile angeke uqede sikhathi esingakanani uphethe izintambo. |
| region | noun | large area of land, usually with no exact limits. | Coastal regions typically have moderate rainfall. | isifunda | noun | indawo enkulu nje ewumhlaba, imvamisa iyaye ingabi nawo umkhawulo wokuthi igcina kuphi. | Izifunda ezigudle ugu zivamile ukuthi zibe namathuba amahle emvula. |
| regulate | verb | to control something by means of rules. | Professional organisations have codes of conduct that regulate the activities of its members. | lawula | verb | ukuphatha into ethile ngokusebenzisa imithetho. | Izinhlangano ezisemthethweni zinezindlela zokuziphatha ezilawula konke okwenziwa amalungu azo. |
| regulate | verb | to control the rate of a machine or process. | The bypass valve regulates flow of hydraulic fluid. | lawula | verb | ukuvimbela kanye nokwenza ukuthi izinga lomshini noma lohlelo kuhambe ngesivinini esithile. | Le valvu ilawula ukuphuma koketshezi. |
| reinforce | verb | to make a group, idea or feeling stronger and to support with rewards. | Edutainment programmes on television are used to reinforce social and educational values while also entertaining the viewer. | khuthaza | verb | ukwenza iqembu, umqondo noma umuzwa ube namandla kakhulu futhi lesekwe nangemiklomelo. | Izinhlelo zezemfundo ezithokozisayo kumabonakude zisetshenziselwa ukukhuthaza amagugu enhlalo kanye nemfundo kodwa futhi zibe zijabulisa ababukeli ngesikhathi esifanayo. |
| reject | verb | refuse to accept, acknowledge or believe an idea. | He rejects the theory of evolution. | chitha | verb | ukunqaba ukwamukela, ukuphika, ukwazisa noma ukukholwa umqondo othile. | Uyayichitha le ndaba yokuthi abantu babuye baqala phansi bazalwe kabusha. |
| reject | noun | a thing or person that is seen as being substandard. | The plate is a reject because it has a crack. | umchithwa | noun | yinto noma umuntu obukeka njengophansi kunabanye ngokwezinga. | Leli puleti laba umchithwa ngenxa yokuthi linokuqhekeka. |
| relate | verb | to show a relationship or connection between two or more things. | These terms relate to the modes of nutrition. | hlobana | verb | ukubonisa ubudlelwano noma ukuxhumana phakathi kwezinto ezimbili noma ngaphezulu. | Lawa matemu ahlobene nezinhlobo zokudla. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| relate | verb | to tell the story of. | She proceeded to relate the information he had conveyed. | zeka | verb | ukuxoxa indaba. | Wavele waqhubeka nje uThobekile wazeka indaba ngolwazi naye ayalutholile. |
| relax | verb | to rest while you are doing something enjoyable. | Stress can be managed by making time to relax. | phumula | verb | ukuphumula ngesikhathi wenza into oyithokozelayo. | Ingcindezi ingaluwulwa ngokuthi uzinike isikhathi sokuphumula. |
| relax | verb | to become less anxious. | People with high stress levels can teach themselves to relax, among others through breathing exercises. | beka umzimba phansi | verb | ukungabi nexhala kakhulu. | Abantu abanamazinga aphezulu engcindezi bangakwazi ukuzifundisa ukubeka umzimba phansi ngokuthi baphefumule ngenkathi bezivocavoca. |
| relax | verb | to make less strict, e.g. rules. | The Department of Home affairs relaxed visa restrictions. | dedela | verb | ukwenza ukuthi kungaqini kakhulu, isib. imithetho. | UMnyango Wezasekhaya uye wathi ukudedela kancane nje imithetho eqondene nokuthengwa kwamavisa. |
| release | verb | to grant freedom to; to make information known to the public. | The government released the new crime statistics. | khipha | verb | ukunika inkululeko entweni ethile; ukwenza ulwazi ukuthi lwaziwe ngumphakathi. | Uhulumeni uye wakhipha imicikilisho yezinombolo emisha ngobugebengu. |
| relevant | adj | having a bearing on or a connection with something. | It is important to have the relevant experience when applying for a job. | okufanele | adj | ukuba nento ethile noma ukuxhumana okuthile nento ethile. | kubalulekile ukuthi ube nesipiliyoni esifanele uma ufaka isicelo somsebenzi. |
| reliable | adj | likely to be correct or true; trustworthy. | The journalist got the information from a reliable source. | okuthembekile | adj | okungenzeka kube liqiniso; okungethenjwa. | Intatheli yathola ulwazi kumthombo othembekile. |
| reliable | adj | when research is reliable it means that it can be replicated. | He demonstrated that the research was reliable by indicating how it was repeated with another group of respondents. | okungethenjwa | adj | uma ucwaningo lungethenjwa kusho ukuthi lungaphindwa futhi. | Wabonisa ukuthi ucwaningo lwalwethembekile ngokubonisa ukuthi lwaphindwa futhi nelinye iqembu lalabo abaphendula imibuzo. |
| reluctance | noun | a certain degree of unwillingness. | The reluctance of the university to intervene led to an extended legal process. | ukungathandi | noun | izinga elithile lokungavumelani nento ethile. | Ukungathandi ukungenelela kwenyunivesi kwaholela ekutheni kube nenkinga yezomthetho eyadonsa isikhathi eside. |
| reluctant | verb | not wanting to do something. | The research unit was reluctant to move due to the absence of natural light in the new offices. | ngokungathandi | verb | ukungafuni ukwenza okuthile. | Uphiko olubhekene nokwenza ucwaningo lwalungathandi kahle ukuthutha ngoba akukho ukukhanya kwemvelo kumahhovisi amasha. |
| rely | verb | to need or depend on something. | The disabled completely rely on their monthly disability grant. | ncika | verb | ukudinga noma ukuncika kwinto ethile. | Abantu abakhubazekile bancike ngokuphelele kwimpesheni yabo yokuguga yazinyanga zonke. |
| rely | verb | to have confidence or faith in something. | She relied heavily on the comments of her supervisor. | yethembela | verb | ukuba nokwethembela noma ukuba nokholo kwinto ethile. | Wethembela kakhulu ekuphawuleni komphathi wakhe. |
| remove | verb | to take something away. | It is important to remove impurities before mixing the two substances. | susa | verb | ukuthatha into uyisuse. | Kubalulekile ukususa izinto ezingalungile ngaphambi kokuba uxube lezi zinto zombili. |
| render | verb | to cause something to be a certain way. | New technology renders older technology obsolete. | enza | verb | ukuba yimbangela ukuthi into ethile ibe ngendlela ethile. | Ubuchwepheshe obusha benza ukuthi ubuchwepheshe obudala buvele bungabe busasebenza. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| render | verb | to give something to somebody. | She rendered her services to the shelter free of charge. | nikela | verb | ukunika into ethile kumuntu. | Wanikela ngamandla akhe mahhala kwisikhungo leso. |
| render | verb | to show something in a certain way in a work of art. | The horse is poorly rendered in the painting. | veza | verb | ukubonisa noma ukukhombisa into ngendlela ethile. | Ihhashi livezwe kabi kodwa kumdwebo wakhe. |
| replicate | verb | to produce the same thing again. | His research replicates previous work done by his colleagues. | veza ngokufanayo | verb | ukukhiqiza into efanayo futhi. | Ucwaningo lwakhe luveza ngokufanayo umsebenzi waphambilini owenziwe ozakwabo. |
| reproduce | verb | to copy. | The publisher gave him permission to reproduce the book. | ukukhiqiza futhi | verb | ukukophisha. | Umshicileli wamnika imvume ukuthi usengaphinde ayikhiqize futhi incwadi. |
| repudiate | verb | to refuse to accept something. | He repudiated the opinions held by churches other than his own. | phikisa | verb | ukwenqaba ukwamukela into ethile. | Wayiphikisa imibono eminingi amasonto anayo kodwa akazange awuphikise owesonto lakhe. |
| require | verb | to have need of. | Five patients required surgery. | dinga | verb | ukuba nesimo sokufuneka. | Iziguli ezinhlanu ebezidinga ukuhlinzwa. |
| require | verb | to make something necessary. | Accounting 101 is required for a BCom degree. | dingeka | verb | ukwenza into ukuthi ibaluleke. | Isifundo esiyi-Accounting 101 siyadingeka uma wenza iziqu ze-BCom. |
| research | verb | to conduct a careful study to discover new facts. | I am researching the life cycle of the blue whale. | cwaninga | verb | ukwenza isifundo esiwukuphenya ukuze uthole amaqiniso amasha. | Ngicwaninga ngempilo kashaka oluhlaza okwesibhakabhaka. |
| research | noun | a careful study to discover new facts. | All lecturers must do research, as well as teach. | ucwaningo | noun | ukufunda okucophelelayo ukuthi uthole amaqiniso amasha. | Bonke othisha basemanyunivesi kufanele benze ucwaningo, baphinde futhi bafundise. |
| reservoir | noun | a large supply or collection of something. | The Internet is a reservoir of information. | idamu | noun | ukunikezwa into ethile enkulu noma eyiqoqo elibuthelwe ndawonye. | I-Inthanethi iyidamu lolwazi. |
| reside | verb | to live in. | It has become a trend for adult children to reside with their parents until they are into their thirties. | hlala | verb | ukuzinza. | Sekuwumkhuba osuthanda ukwanda manje ukuthi abantwana asebekhulile bahlale nabazali babo kuze kuba baba neminyaka yobudala esemashumini amathathu. |
| resident | adj | living or working in a place. | Residents have been asked to keep calm and not to take the law into their own hands. | umhlali | adj | ohlala noma osebenza endweni ethile. | Abahlali baceliwe ukuthi bazithibe futhi bangathatheli umthetho ezandleni zabo. |
| resident | noun | someone who lives or works in a place. | He is a resident of Cameroon. | umhlali | noun | lona umuntu ohlala noma osebenza endaweni ethile. | Lowo ungumhlali wasezweni laseCameroon. |
| residue | noun | what is left behind after the main part has been taken away. | The residue or 'cake' left after expression of the oil is apparently nutritious and can be used for feeding animals. | insalela | noun | yilokho okusele ngemuva kokuba ingxenye enkulu isithathiwe. | Insalela noma 'ikhekhe' elisale ngemuva kokucwengwa kwamafutha linomsoco omkhulu kanti lingasetshenziselwa ukondla izilwane. |
| residue | noun | the part of the money or property that has remained after all the debts have been paid. | The residue of the estate was divided among the heirs. | imali engakuwe | noun | ingxenye yemali noma yempahla esalayo ngemuva kokuba sekukhokhwe izikweletu. | Imali eyasala kwabiwa ifa lomufi yabe isinikezwa izindlalifa. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| resource | noun | supply of something that a country, an organisation, etc. possesses and can use. | It should be realised that natural resources used in generating electricity, such as coal and water, are not infinite. | umthombo | noun | yinto yokuhlinzeka ethile izwe, inhlangano, njll. esuke inakho ukuthi ingakwazi ukukusebenzisa. | Kumele kukhunjulwe ukuthi imithombo yemvelo esetshenziswa ekuphehleni ugesi, efana namalahle kanye namanzi azizinkulu kangako. |
| resource | noun | something that can be used to help achieve an aim. | Students may access printed material and online resources for the assignment. | inqolobane | noun | into ethile esuke ingasetshenziswa ukuze kufezekiswe inhloso ethile. | Abafundi bangakwazi ukuthola imiqingo ebhaliwe kanye nezinqolobane ezitholakala kwi-inthanethi uma sebenza umsebenzi wabo. |
| respond | verb | to react to something, usually in writing | The lecturer responded to the queries of the students via e-mail. | phendula | verb | ukuveza umbono wakho ngento ethile esuke ishiwo, ngokuvamile ngokubhalwe phansi. | Uthisha enyunivesi wabe esephendula imibuzo evela kubafundi nge-imeyili. |
| respond | verb | to improve as a result of a particular treatment. | The cancer patient responded well to radiation. | zwela | verb | ukuba ngcono ngenxa yokwelashwa okuthila. | Isiguli somdlavuza sizwela kahle ekwelashweni kwawo ngokushiswa. |
| response | noun | reaction to something. | I am awaiting a response from the ethics committee regarding my research proposal. | impendulo | noun | ukuphendula kwinto ethile. | Njengamanje ngisalindele impendulo evela kwikomidi lenkambiso mayelana nesihlongozo salokho engihlela ukwenza ngakho ucwaningo. |
| restore | verb | to bring back a situation that existed before. | Investor confidence seems to have been restored after the institution of the new government. | buyisa | verb | ukubuyisela emuva isimo esike sabakhona ngaphambilini. | Ukuba nethemba kubatshalizimali kubukeka sekubuyile kusukela kungene uhulumeni omusha embusweni. |
| restrain | verb | to hold somebody back. | They had to restrain the patient after his mental breakdown. | bamba | verb | ukubuyisela umuntu emuva ngokumdonsa. | Kwadingeka ukuthi basibambe isiguli ngemuva kokuba sivukwe umdumakhanda. |
| restrict | verb | to limit the size, amount or range of something. | Passengers are restricted to one litre of fortified liquor on overseas flights. | nqinda | verb | ukunqinda ubungako, inani noma ukwanda kwento ethile. | Abagibeli banqindiwe ukuthi umgibeli ngamunye kumabhanoyi ahambela phesheya kwezilwandle aphuze ilitha elilodwa lotshwala obuthile obushiwo. |
| restrict | verb | to limit yourself to a certain amount of something or a certain activity. | He restricted the amount of fat in his diet. | thiba | verb | ukuzibekela umkhawulo ukuthi ube yinani elithile noma umsebenzi othile ube sezingeni elithile. | Wathiba inanai lamafutha ekudleni kwakhe. |
| result | noun | something that has happened or is produced because of something else. | The technique produced similar results to those that have been used previously. | umphumela | noun | into ethile eyenzekile noma ekhiqiziwe ngenxa yenye into. | Icebo likhiqize imiphumela efanayo kulawo ake asetshenziswa phambilini. |
| retain | verb | to keep a substance that has been taken in. | Compost helps to retain moisture in the soil. | godla | verb | ukugcina umongo osufakwe ngaphakathi. | Umquba uyasiza ukugodla ukuvunda enhlabathini ukuze kuhlale kukhona njalo. |
| retain | verb | to hold something back and not lose it. | The company used loyalty programmes to retain its customers. | bamba | verb | ukugcina into ethile ukuthi ingakulahlekeli. | Inkampani yasebenzisa uhlelo lwamaphoyinti okwethembeka kuyo ukuze ibambe amakhasimende ayo angayishiyi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| retain | verb | to pay someone beforehand for their services. | The chef was so popular that they decided to retain him for their party. | qala ngokukhokha | verb | ukukhokhela umuntu ngaphambi kokuba enze umsebenzi okufanele ukuba akwenzele wona. | Umpheki wayelishaya ngempela ibhodwe futhi edumile kangangokuthi bathatha isinqumo sokumkhokhela lungakafiki usuku lomcimbi wabo. |
| retard | verb | to slow a process. | A lack of nutritious food retards the growth of children in poor countries. | libazisa | verb | ukubambezela uhlelo. | Ukungabibikho kokudla okunomsoco kulibazisa ukukhula kwabantwana emazweni ampofu. |
| reveal | verb | to make known which was previously kept secret. | The most recent research has revealed that a high-protein diet can be detrimental to certain people. | veza | verb | ukwenza ukuthi into ebiyimfihlo phambilini yaziwe. | Ucwaningo lwakamuva lusanda kuveza ukuthi ukudla okucebe ngamaphrotheni amaningi aphezulu kungabalimaza abanye abantu. |
| reveal | verb | to let information become known. | After he had made the allegations he was forced to reveal his sources. | ukuveza | verb | ukwenza ulwazi ukuthi lwaziwe. | Kwathi ngemuva kokuba esenze lezo zinsolo kwaphoqeleka ukuba aveze imithombo yakhe. |
| revenue | noun | the entire amount of income before any deductions are made. | This month's revenue is down by 3% from last month. | imali | noun | yiyona yonke imali ngaphambi kokuba kubanjwe noma yiziphi izimali ezibanjwayo. | Imali yakule nyanga yehle ngo-3% kweyangenyanga edlule. |
| reverberate | verb | to have a widespread effect. | His death reverberated around the world. | ukuduma | verb | ukuzwakala emhlabeni jikelele. | Ukufa kwakhe kwaduma umhlaba wonke. |
| reverse | verb | to change completely so that it is the opposite of what it was before. | The telephone company has reversed the backlog, and all the applicants who apply for telephone lines are now helped within a month. | hlehlisa | verb | ukushintsha ngokuphelele ukuze isimo sibe esiphikisana nalokho ebesiyikho ngaphambilini. | Inkampani yezingcingo isikuhlehlise konke ukulinda indeyinde manje, sikhuluma nje laba abasuke befake izicelo zokufakelwa izingcingo sebesizwa kungakapheli ngisho nenyanga. |
| reverse | adj | opposite to the usual situation. | The choir left the hall in reverse order with the archdeacon leaving last. | nyovane | adj | ngokuphikisana nesimo esejwayelekile. | Ikhwaya laphuma ehholo selishaya kancane nyovane kwathi umbhishobhi omkhulu kwaba nguyena ophuma ekugcineni. |
| revise | verb | to change something in order to make it better or more suitable. | You can be awarded a pass mark if you substantively revise your essay. | buyekeza | verb | ukushintsha into ethile ukuze ukwazi ukuyenza ukuthi ibe ngcono noma ifaneleke kakhulu. | Ungakwazi ukuthi unikwe iphuzu elenza ukuthi uphumelele uma uzoyibuyekeza kakhulu i-eseyi yakho leyo. |
| revise | verb | to study work that you have already learnt. | He thoroughly revised his work for the supplementary examination. | funda futhi | verb | ukutadisha umsebenzi osuvele usuwenzile. | Waphinda wawufunda futhi kabanzi umsebenzi wakhe njengoba wayezobhala ukuchibiyela kokuhlolwa kwakhe nje. |
| revolt | verb | to reject authority, often violently. | The oppression of Antiochus caused the Jews under the leadership of the Maccabees to revolt. | ukuhlubuka | verb | ukuchitha labo abasemagunyeni, isikhathi esiningi lokho kwenziwa ngodlame. | Ukucindezelwa kuka-Antiochus kwaholela ekuhlubukeni kwamaJuda ngaphansi kobuholi bukaMaccabees. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| revolt | noun | a protest against authority. | Martin Luther posted his famous ninety-five theses on the church door at Wittenberg on 31 October 1517, which were the signal for widespread revolt against the church. | ukuvukela | noun | ukungahambisani nabaphethe. | UMartin Luther wabeka imiqingo yakhe edumile engamashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu emanyango wasesivalweni sasesontweni laseWittenberg ngomhla zingama-31 kuMfumfu 1517, kanti lokhu kwakuwuphawu lokuvukela isonto okwase kusabalele yonke indawo. |
| revolution | noun | a single complete turn. | In the 1990s a high-performance disk drive on your computer rotated at a speed of 90 revolutions per second. | ukushintsha | noun | ukushintsha okukodwa kodwa okushintsha ngokuphelele. | Ngeminyaka yawo 1990 kwakuthi uma kukhulunywa ngediski esebenza kakhulu kwikhompyutha yakho kukhulunywe ngeyayijika ngesivinini sika 90 wokushintsha kwisekhondi ngalinye. |
| revolution | noun | an important change in ways of thinking or doing that affects many people | The industrial revolution was started by technological innovations such as the printing press. | uguquko | noun | ushintsho olubalulekile kwizindlela zokucabanga noma zokwenza noluthinta abantu abaningi. | Ushintsho kwezokusebenza kwaqalwa ngenxa yokungena kwezobuchwepheshe ezifana nokuba khona kwendawo lapho kwase kuzophrintwa khona. |
| revolve | verb | to focus on one thing. | The discussion revolved around global warming. | gxila | verb | ukugxila entweni eyodwa. | Ingxoxo yagxila ekukhulumeni ngokushisa komhlaba wonke. |
| rhythm | noun | a repeated pattern of sounds or movements. | The doctor listened to the rhythm of his heart beat. | isigqi | noun | iphethini yemisindo noma yeminyakazo. | Udokotela walela isigqi sokushaya kwenhliziyo yakhe. |
| rhythm | noun | a regular pattern of changes. | People have always organised events to match the rhythm of the seasons. | isigqi | noun | iphethini eqondile yezinguquko. | Abantu bahlala njalo behlela izigameko ukuze zihambisane nesigqi sesikhathi. |
| rigid | adj | not bending or changing shape. | Bacterial cells have rigid cell walls around them. | okuqinile | adj | okungagobi noma okungashintshi umumo noma umfanekiso. | Amaseli amabhaktheriya anezindonga zamaseli eziqinile eziwazungezile. |
| rigid | adj | not willing or able to change. | Supervisors should never be too rigid in the advice to students; some flexibility should be allowed. | gongobala | adj | okungazimesele ukushintsha noma okungeke kukwazi ukushintsha. | Osuphavayza akufanele neze ukuthi bagongobale kakhulu ekwelulekeni abafundi; kufanele ukuthi bakwazi ukuvumela izimo ezithile. |
| rigour | noun | the fact of being careful and paying great attention to detail. | Research should be characterised by objectivity and rigour. | iqiniso | noun | iqiniso lokuqaphela kanye nokunaka kakhulu ngemininingwane eminingi. | Ucwaningo uma lwenziwa kufanele ukuthi lungavuni luhlangothi futhi lube yiqiniso. |
| rigour | noun | harsh and difficult conditions. | The rigours of the mathematics module caused many students to fail. | ubunzima | noun | izimo ezibucayi noma ezinzima. | ubunzima besifundo sezibalo benza ukuthi abafundi abaningi bangaphumeleli. |
| role | noun | the actions and activities assigned to a person or group. | Academic literacy lecturers alternate between the roles of teachers and pastors. | indima | noun | imisebenzi kanye nezinto ezenziwayo okunikezwe umuntu othile noma iqembu. | Othisha basenyunivesi abafundisa abafundi badlala indima yokuba ngothisha kany nendima yokuba ngabefundisi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| route | noun | an established line of travel or access. | The main shipping route to the Mediterranean is through the Suez Canal. | umgudu | noun | yindlela esisunguliwe yokuhamba noma yokufinyelela. | Umgudu omkhulu wokuhamba imikhumbi olwande iMediterranean unqmula emseleni iSuez Canal. |
| route | noun | a certain way of achieving something. | The fastest route to success is hard work. | umgudu | noun | yindlela ethile yokuzuza okuthile. | Umgudu oshesha kakhulu oya empumelelweni ukusebenza kanzima. |
| rudimentary | adj | dealing with simple and basic facts or ideas. | He had only a rudimentary understanding of medicine. | okuncane nokungatheni | adj | ukubhekana namaqiniso noma nemiqondo enqala esheshayo. | Wayenokuqonda okuncane nje nokungatheni ngokusebenza kwemithi. |
| rudimentary | adj | basic and undeveloped. | Prehistoric people used rudimentary tools. | okwasemandulo | adj | okuyisisekelo futhi okungathuthukisiwe. | Abantu bakudala babesebenzisa amathuluzi asemandulo. |
| sanction | noun | permission or approval for an action. | A Catholic cannot get divorced without the sanction of the Catholic church. | ilungelo | noun | imvume noma ukuphasiswa kwesenzo esithile. | Umuntu onguMkhatholika angeke akwazi ukwehlukanisa uma eshadile engalitholile ilungelo elivela ebandleni lamaKhatholika. |
| sanction | noun | a punishment to make people obey laws or customs. | The company threatened people who copied CDs with legal sanctions. | isijeziso | noun | unswinyo oluthile olungenza abantu ukuthi bahloniphe umthetho noma amasiko. | Inkampani iye yesabisa labo bantu abakopisha ama-CD ngesijeziso esisemthethweni. |
| satellite | noun | a natural body in space, which revolves around a larger body. | The moon is one of the earth’s satellites. | isathelayithi | noun | yinto ethile esemkhathini, nezungeza umzimba omkhulu osemkhathini. | Inyanga ingenye yamasathelayithi omhlaba. |
| satellite | noun | a country, town or organisation controlled by a larger one. | Many East European countries were Russian satellites. | izwe elilawulwa elinye | noun | izwe, idolobha noma inhlangano elawulwa ngenye enkulu kunayo. | Amazwe amaningi aseMpumalanga neYurophu ayelawulwa yizwe laseRashiya. |
| satellite | noun | a machine which has been sent into space and which revolves around a planet. | The weather satellite sent valuable information back to earth. | isathelayithi | noun | umshini othunyelwa phezulu emkhathini bese ulokhu uzungeza ujikeleza umhlaba. | Isathelaythi yesimo sezulu ithumele ulwazi olubalulekile lweza lapha phansi emhlabeni. |
| saturate | verb | to fill someone or something completely with something so that nothing more can be added. | The market is saturated with cell phone manufacturers. | cinana | verb | ukugcwalisa umuntu noma into ethil ngento ethile ukuze kungabibikho okunye ngaphezulu okwengezwayo. | Imakethe icinene manje ngoba igcwele abakhandi bamaselula. |
| scan | verb | to look quickly at something, e.g. a text, to find relevant information. | She scanned through the article to find information on the causes of global warming. | cinga | verb | ukubheka into ethile ngokushesha, isib. kungaba umbhalo, ukuze uthole ulwazi olushaya khona. | Wacinga nje embhalweni ukuze athole mayelana nezimbangela zesimo sokushisa komhlaba ezweni lonkana. |
| scan | verb | to produce an image of a document by making use of a hardware appliance which uses light or another means. | The terminologist scans relevant scientific articles to build a corpus of academic words. | skena | verb | ukukhiqiza isithombe sedokhumenti ngokusebenzisa into ethile esamshini osebenzisa ukukhanya noma ezinye izindlela. | Umuntu osebenza ngokwenza amatemu ufika askene imibhalo ethile ukuze akhe umqingo wamagama asetshenziswa ezikhungweni zemfundo ephakeme. |
| scenario | noun | an outline or synopsis of a play. | The screenplay writer has completed three scenarios for three films. | isiqeshana | noun | isifinyezo noma iqoqa lomdlalo. | Umbhali wamafilimu useziphothulile iziqephu ezintathu zamafilimu amathathu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| scenario | noun | the description of an event or series of events that may serve as an example. | The lecturer gave the students four different scenarios to which they had to apply the framework. | isithombe | noun | ukuchazwa kwento ethile noma kochungechunge lwezigameko okungenzeka zibe yisibonelo. | Uthisha wasenyunivesi wanika abafundi izithombe ezine nokwakufanele ukuthi bona basebenzele phezu kwazo. |
| schedule | noun | a list of times at which things are planned to occur. | They completed the rocket launcher ahead of schedule. | isikhathi | noun | uhla lwezikhathi okuhlelwa ukuthi izinto zenzeke ngaso. | Baphothula ukwethula kwerokhethi singakashayi nokushaya isikhathi leso. |
| schedule | verb | to include something in a schedule. | The airline scheduled extra flights over the holiday season. | shedula | verb | ukufaka into ethile kwisheduli. | Inkampani yezindiza yashedula ezinye izindiza ezengeziwe ngesikhathi samaholide kaKhisimusi. |
| schema | noun | an outline of a plan or a theory. | This schema serves as an expectation frame for the project. | isikema | noun | isendlalelo sohlelo noma sethiyori. | Lesi sikema sisebenza njengento yohlelo lweprojekthi. |
| scheme | noun | an elaborate and systematic plan of action. | Many people who work are members of a pension scheme. | isikimu | noun | uhlelo olubanzi noluyindlela ethile yokwenza okuthile. | Abantu abaningi abasebenzayo bangamalunga beskimu sempesheni. |
| scope | noun | an area in which something operates or has power or control. | The police expanded the scope of their investigation. | uhlelo | noun | indawo lapho into ethile isebenzela khona noma inamandla okuyilawula. | Amaphoyisa aseluvele lwenaba uhlelo lophenyo lwawo. |
| secrete | verb | to produce a liquid substance. | A skunk secretes a terrible smelling liquid. | khiqiza | verb | ukukhipha into ethile esaluketshezi. | Iqaqa likhiqiza iphunga elinuka kabi. |
| section | noun | one of several parts or pieces that fit with others. | Where is the cleaning products section in this supermarket? | indawo | noun | olunye ucezu kwizingcezu ezikhona ezikwazi ukungena zihambisane nezinye. | Ngabe ikuphi indawo lapho kuhlala khona imikhiqizo yokuhlanza indlu kulesi sitolo? |
| section | verb | to separate something into smaller parts. | They sectioned the book into 17 chapters. | ukwehlukanisa ngezigaba | verb | ukwehlukanisa into ethile ibe yizingcezu ezincane kakhulu. | Behlukanisa incwadi yaba izahluko eziyi-17. |
| sector | noun | a particular aspect of life or activity. | There is a general shortage of doctors in the public sector. | umkhakha | noun | uhlelo oluthile lwempilo noma lomsebenzi. | Kunokushoda kakhulu kodokotela emkhakheni womphakathi. |
| secure | adj | free from danger or risk. | He felt so secure in his job that he bought a new house. | okuphephile | adj | okungekho ngaphansi kwengozi noma kwengcuphe. | Wazibona ephephe kakhulu emsebenzini wakhe omusha kangangokuthi wabe esethemba umuzi omusha. |
| secure | verb | to obtain or achieve something. | That  division secured a major building contract. | ukuthola | verb | ukuthola noma ukuzuza okuthile. | Lowo mnyango phela yiwona owathola inkontileka yokwakha. |
| seek | verb | to try to do or find something. | He sought to improve his English. | funa | verb | ukuzama ukwenza noma ukuthola into ethile. | Ufuna ukuzama ukwenza ngcono isiNgisi sakhe. |
| segment | noun | a smaller part of something. | A segment of the painting was damaged. | ingxenyana | noun | ingxenye encane ethile. | Ingxenyana ethile yesithombe yalimala. |
| segment | verb | to divide something into smaller parts. | She segmented the orange so that each child could have a piece. | hlukanisa | verb | ukwehlukanisa into ibe yizingxenye ezincane. | Wehlukanisa iwolintshi ukuze ingane ngayinye ikwazi ukuthola ucezu. |
| select | verb | to choose someone or something carefully. | Twenty finalists were selected to compete in the next round. | khetha | verb | ukukhetha umuntu noma into ethile ngokucophelela. | Kwakhetha abangamashumi amabili ukuthi baqhudelane esigabeni esilandelayo. |
| select | adj | carefully chosen according to certain standards. | Dog breeders only use select dogs to maintain pedigreed bloodlines. | khetha | adj | okukhethwe ngokulandela izimiso ezithile. | Abafuyi bezinja basebenzisa kuphela izinja ezikhethekile ukuze bahlale benezinja zohlobo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| separate | verb | to divide into different parts or groups. | The tour guide separated the group into smaller groups. | hlukanisa | verb | ukwehlukanisa kube yizingxenye ezahlukene noma amaqembu ehlukene. | Umbonisa ngezindawo yehlukanisa iqembu laba ngabaqenjana amancane. |
| sequence | noun | a series of events, numbers or actions that follow in a particular order. | Number each paragraph in the margin in order to indicate the correct sequence for the paragraphs. | into elandelanayo | noun | uchungechunge lwezigameko, lwezinombolo noma lwezenzo okuvumela uhlelo oluthile. | Bhala inombolo kwipharagrafu ngayinye ekuqaleni komugqa ukuze ubonise ukulandelana okuhle kwamapharagrafu. |
| series | noun | a group of events or actions, especially happening one after another. | The earthquake was followed by a series of smaller aftershocks. | uchungechunge | noun | iqembu lezigameko noma lwezenzo ikakhulukazi kwenzeka ngemuva kwesinye. | Ukuzamazama komhlaba kwalandelwa uchungechunge lokundindiza komhlaba okuncane ngemuva kwalokho. |
| shift | verb | to move from one position, opinion or situation to another. | Public opinion has shifted: those who were in favour of the war are now opposing it. | gudluka | verb | ukunyakaza usuka kwenye indawo, umbono noma isimo uye kwesinye. | Umbono womphakathi uthe ukugudluka njengamanje: Labo ababekad befuna ukuthi kube nempi njengamanje sebephikisana nayo. |
| shift | noun | a move from one position, opinion or situation to another. | There has been a shift in voter opinion during the student elections. | ukuthinteka | noun | umnyakazo osuka kwenye indawo uya kwenye indawo noma uya kwenye indawo. | Sekube nokuthinteka embonweni wabavoti ngesikhathi sokhetho lwabafundi. |
| significant | adj | important in effect or meaning. | The increase in the petrol price will have a significant effect on food prices. | okukhulu | adj | okubalulekile kwinto okuyiyona noma kumqondo okuwushoyo. | Ukukhula kwamanani kaphethiloli kuzoba nomthelela omkhulu kumanani okudla. |
| signify | verb | to be a sign of something. | In that particular culture her long hair signifies her status as an unmarried woman. | mela okuthile | verb | ukuba wuphawu lwento ethile. | Kulelo siko langalapho izinwele zakhe ezinde zimele isikhundla sakhe njengomuntu wesifazane ongashadile. |
| similar | adj | like something else but not completely the same. | They had similar experiences as students, even though they studied at different universities. | okufanayo | adj | okufana nento ethile kodwa yize kungefani ncamashi. | Babe nezimo ezifanayo njengabafundi, yize bafunda kumanyuvesi ehlukene. |
| simulate | verb | reproduce someone's or something's behaviour or looks. | They used the model to simulate the effects of a hurricane on the area. | lingisa | verb | ukukhiqiza noma ukwenza into eyenziwe ngomunye umuntu noma ukubukeka njengoba omunye umuntu ebukekile. | Basebenzisa imodeli ukulingisa imithelela yenkanyamba endaweni. |
| simultaneous | adj | happening or existing at the same time. | The latest Star Wars movie had simultaneous premieres across the world. | kanyekanye | adj | okwenzeka noma okuphia ngesikhathi esifanayo. | Isithombe se-Star Wars sakamuva sibukiswa emabhoyisikobho kanyekanye emhlabeni wonke jikelele. |
| site | noun | a place where something important happened. | Hiroshima is still visited regularly by those wanting to see the site of the first atomic bomb attack. | isayithi | noun | indawo lapho into ebalulekile yenzeke khona. | IHiroshima isavakashelwa njalo yilabo abafisa ukubona isayithi yokuhlasela ngebhomu lokuqala le-othomu. |
| skeleton | noun | the framework of something. | She has not even completed the skeleton of her new novel, let alone filled in the details. | uhlaka | noun | ukuma kwento ethile. | Sikhuluma nje akakaqedi ngisho uhlaka lwenoveli yakhe entsha, angiyiphathi-ke eyokufaka imininingwane. |
| sketch | noun | a short description of something. | The abstract gives a brief sketch of the theoretical background. | isikeshi | noun | incazelo emfushane yento ethile. | Umqondo lo usinika isiketshi sethiyori yonkana. |
| sketch | verb | outline something briefly and roughly. | She made a sketch of her house. | isikeshi | verb | beka into ethile ngamafuphi nangokungahleleki kahle. | Wenza isikeshi sendlu yakhe. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| skim | verb | to read something quickly to find the main points. | Before I read the book, I skimmed through it looking at the main headings and illustrations. | engula | verb | ukufunda into ngokushesha ukuze uthole amaphuzu abalulekile; ukugijimisa amehlo. | Ngaphambi kokuba ngiyifunde incwadi, ngaqala ngathi ukuyengula ngibheka izihloko ezinkulu kanye nezithombe nemidwebo. |
| solve | verb | a way of dealing with a difficult situation or solving a problem. | The end of poverty will largely solve the problem of hunger. | sombulula | verb | indlela yokubhekana nesimo esinzima ukusombulula inkinga. | Ukuphela kobubha kuyofezekisa kakhulu inkinga yokulamba. |
| sophisticated | adj | showing or having a lot of experience of the world or of social situations. | The demand for delicacies has risen with the emergence of a sophisticated urban population. | ukuba nolwazi ngezinto eziningi | adj | ukubonisa ukuba nesipiliyoni esiningi ngomhlaba kanye nezinye izimo zenhlalo. | Isidingo zokuthi kube nezibiliboco siphakeme kakhulu njengoba sekunabantu abanolwazi ngezinto eziningi emadolobheni nje. |
| sophisticated | adj | complicated; cleverly designed. | Sophisticated software is needed to do this kind of work-flow simulation. | okunkimbinkimbi | adj | okumbaxa ngokuxakayo; okuklanywe ngobuhlakani. | I-software enkimbinkimbi iyadingeka ukwenza lolu hlobo lokulingisa ukuhamba kahle. |
| source | noun | the place from which something comes. | Oranges are a very good source of vitamin C. | umthombo | noun | indawo lapho into ethile iqhamuka khona. | Amawolintshi angumthombo omuhle kakhulu kaVithamini C. |
| source | noun | the cause of something. | A fractured femur was the source of the pain. | umthombo | noun | imbangela yento ethile. | Ithambo elephukile kwakuyiwona mthombo wobuhlungu. |
| source | noun | a person or document that provides information. | A good journalist never reveals his sources. | umthombo | noun | umuntu noma idokhumnti ehlinzeka ngolwazi oluthile. | Intatheli enhle ayilokothi idalule imithombo yayo. |
| spatial | adj | concerning something’s position, size or shape. | To be a good architect, you need to have fine spatial awareness. | okuthinta indawo | adj | okumayelana nendawo, nosayizi noma nokuma noma umfanekiso. | Ukuze ube umdweni wamapulani omuhle, kudingeka ukuthi wazi ngezinto ezithinta indawo. |
| specific | adj | distinguishing something particular or special or unique. | In order to report the case they need the specific time of the incident. | okunembayo | adj | Ukwehlukanisa into ethile ekhethekile noma eyisipesheli noma eyehlukile. | Ukuze bakwazi ukubika ngaleli cala badinga isikhathi esinembayo sokwenzeka kwesigameko. |
| specify | verb | to state a fact clearly or identify something clearly. | The rescue team needed the GPS coordinates to specify the exact location of the plane crash. | nemba | verb | ukusho into njengeqiniso icace bha noma ukuhlonza into ngokucacile. | Ithimba lokutakula lalidinga ama-GPS coordinates ukuze asho ngokunembayo ukuthi indiza yayiwele kuphi ncamashi. |
| spectrum | noun | a range of opinions or beliefs relating to the same subject. | People across the political spectrum voted in favour of supported sanctions against countries that are guilty of the gross violation of human rights. | umkhakha | noun | inqwaba yemicabango noma yezinkolelo mayelana nesihloko esifanayo. | Abantu kuyona yonke imikhakha yezepolitiki abavota beseka unswinyo olubhekiswe kumazwe atholakala enecela ngokuhlukumeza amalungelo abantu. |
| speculate | verb | to buy or sell goods or shares in the hope of making a profit. | He has speculated very successfully on the stock market in the past. | qagela | verb | ukuthenga noma ukuthengisa izimpahla noma amasheya ngethemba lokuthi uzokwenza inzuzo. | Lowo uqagele ngempumelelo kwimakethe yezezimali phambilini. |
| speculate | verb | to form an opinion without knowing all the facts. | One can only speculate as to whether these circumstances will influence future events. | qagela | verb | ukwenza umbono kodwa ube ungawazi wonke amaqiniso. | Into esingayenza nje ukuthi umuntu angaqagela ukuthi kusengenzeka ukuthi lezi zimo kungenzeka zibe nomthelela kwizigameko zangomuso. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| sphere | noun | the area influenced by a particular person or organisation. | The United States' sphere of influence stretches across the entire globe. | umkhathi | noun | indawo ekukwazi ukuthi umuntu noma inhlangano ethile ikwazi ukuyilawula. | Umkhathi wokuba nomthelela wezwe laseMelika uhamba unqamule njalo umhlaba wonke. |
| stable | adj | resistant to change of position or condition. | She has a very stable temper and hardly ever becomes upset. | ukuba nomoya ophansi | adj | ukugolozela ushintsho lwendawo noma lwesimo. | Unomoya ophansi kabi lowo futhi akajwayele nje ukucasuka. |
| starve | verb | to suffer because of a mental or spiritual need, or to crave something. | She was starved of stimulating conversation. | lamba | verb | ukuthikamezeka ngenxa yesidingo somqondo noma sangokomoya noma ukuhalela into ethile. | Walanjiswa nje wangayithola ingxoxo enyakazisa umqondo. |
| state | verb | to say something formally. | Please state your relationship to the defendant. | beka | verb | ukusho into ngokusemthethweni. | Sisacela ubeke ukuthi uhlobene kanjani nommangalelwa. |
| statement | noun | something that you say or write that gives information about something. | The company issued a formal statement concerning the allegations of fraud. | isitatimende | noun | yinto ethile oyishoyo noma oyibhalayo enika ulwazi mayelana nento ethile. | Inkampani yakhipha isitatimende esisemthethweni mayelana nezinsolo zokukhwabanisa. |
| stationary | adj | not moving. | The bus, having run out of petrol, was stationary. | okumile | adj | okungahambi. | Kwathi lapho ibhasi isiphelelwe wuphethiloli. |
| statistics | noun | a collection of information shown in numbers. | Official statistics state that two out of every three marriages in South Africa end in divorce. | izibalo | noun | iqoqo lolwazi oluboniswa ngezinombolo. | Izibalo ezisemthethweni zithi imishado emibili kwemithathu eNingizimu Afrika iphela ngedivosi. |
| status | noun | a state at a particular time. | Please give me an update on the status of the loan application. | isimo | noun | yisimo ngesikhathi esithile. | Ngisacela ukuthi ungazise ngesimo sakamuva sesicelo semalimboleko. |
| status | noun | one's social, legal or professional rank. | He is very proud of the high status he has achieved in the company. | isikhundla | noun | izinga elinikwa umuntu ngokwenhlalo, ngokomthetho noma ngokomsebenzi. | Uziqhenya kakhulu ngesikhundla esiphezulu asizuze enkampanini. |
| stereotype | noun | a fixed idea of what a certain type of person is like; often untrue. | The idea that all Irish drink a lot is an unfair stereotype. | ukusho okungesikhona ngomuntu | noun | umqondo ogxilile ngokuthi umuntu uluhlobo luni lomuntu; imvamisa lo mqondo uyaye ungabi liqiniso. | Umqondo wokuthi bonke abantu base-Ireland baphuze baze balale khona ukusho okungesikhona ngabo. |
| stimulate | verb | to make something or someone more active. | Job creation is of the utmost importance to stimulate economic growth | vukuza | verb | ukwenza into ethile noma umuntu othile asebenze kakhulu. | Ukwakhiwa kwemisebenzi kubalulеke kakhulu ekuvukuzeni ukukhula komnotho. |
| stipulate | verb | to state clearly that something must be done and how it must be done as part of an agreement. | The contract stipulated that each employee is responsible for his or her own transport. | beka | verb | ukusho kucace ukuthi into ethile kufanele ukuthi yenziwe kanye nokuthi kufanele ukuthi yenziwe kanjani njengengxenye yesivumelwano. | Inkontileka yayibeka ukuthi umsebenzi ngamunye kufanele ukuthi azifunele yena ngokwakhe into yokuhamba. |
| straightforward | noun | not difficult; easy to understand. | There are a number of straightforward techniques to analyse the data. | okuqondile | noun | okungekho nzima; okulula ukukuqonda. | Kunezindlela eziningi eziqondile zokuhlaziya imininingo. |
| strategic | noun | a way of doing something, usually as part of a plan, to achieve a particular purpose. | Management must come up with a strategic plan to save the company from bankruptcy. | okuyicebo | noun | indlela yokwenza into ethile, imvamisa njengohlelo, ukuze kuzuzwe inhloso ethile. | Abaphathi kufanele ukuthi baqhamuke necebo eliyiqhinga ukuhlangula inkampani ukuze ingangeni ogebeni lokuba hlwempu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| strategy | noun | an elaborate and systematic plan of action. | The strategy for the research involved a case study that employed individual interviews, document analysis and a questionnaire. | icebo | noun | uhlelo olubanzi lokwenza okuthile okuyicebo elibalulekile. | Icebo locwaningo lalifaka phakathi udaba oluthile okwabhekwana nalo olwalumayelana nemibuzo eyayibuzwa abantu, ukuhlaziywa kwamadokhumenti kanye nephepha lemibuzo. |
| stratum | noun | a class in society. | Workers in the lower strata are always the most vulnerable. | izinga | noun | ikilasi elithile emphakathini. | Abasebenzi abasemazingeni aphansi yibona kanye abahlala bethinteka kakhulu. |
| stress | noun | difficulty that causes worry or emotional tension. | He is suffering from examination stress. | ingcindezi | noun | ubunzima obenza ukuthi kube nokuphatheka kabi kwasemoyeni. | Uhlaselwe yingcindezi yezivivinyo. |
| stress | noun | the pressure put on something that may cause it to lose its form or break. | The stress on the concrete caused the bridge to crack. | ukusindwa | noun | amandla abekwa kwinto ethile okungenzeka ukuthi ayenze ukuthi ilahlekelwe wukuma kwayo noma idabuke. | Ukusindwa okwakukukhonkolo kwenza ukuthi ibhuloho livele lidabuke. |
| stress | verb | to place special importance on something. | The professor stressed the importance of attending all lectures and tutorial sessions. | gcizelela | verb | ukubeka ukubaluleka okukhethekile kwinto ethile. | Usolwazi wagcizelela ukubaluleka kokungaphuthi emakilasini kanye nakwizikhawu zokucobelelana ngolwazi. |
| structure | noun | the way in which the parts of something are connected or organised. | The main headings are an indication of the structure of the report. | uhlaka | noun | indlela izingxenye zento ethile zixhumeke ngakhona noma zihleleke ngakhona. | Izihloko ezinkulu ziyisibonelo zohlaka lombiko. |
| structure | verb | to organise something into a particular pattern. | An organisation is typically structured according to its main functions or purposes. | hlela | verb | ukuhlela into ethile ibe yiphethini ethile. | Inhlangano ngokuvamile ihlelwa ngokwemisebenzi yayo noma ngokwezinhloso zayo. |
| style | adj | to make or do something in a particular way. | He was wearing an elegantly styled jacket. | okwenziwe kwaba yisitayela | adj | Ukwenza into ethile ngendlela ethile ekhethekile. | Wayegqoke ijakhethi eyayenziwe yaba yisitayela ngendlela enhle. |
| style | verb | a distinctive way of doing or presenting something. | She continues to use a journalistic writing style in her essays, instead of an academic style. | indlela | verb | indlela eyehlukile yokwenza into ethile noma yokwethula into ethile. | Usaqhubeka nokusebenzisa indlela yokubhala enobuntatheli phakathi uma ebhala ama-eseyi akhe, esikhundleni sokuba ngabe phela manje usebenzisa indlela yokubhala esetshenziswa yizifundiswa. |
| subdivide | verb | to divide into parts. | The huge group of chemistry 100 students has been divided into several smaller classes. | yehlukanisa futhi | verb | ukwehlukanisa kube yizingxenye. | Iqembu elikhulu labafundi abayi-100 besifundo se-chemistry selehlukaniswe laba amakilasi amancanyana amaningi. |
| subjective | adj | existing in the mind and not created by external conditions. | Her belief that everyone is plotting against her is purely subjective. | okomuntu yedwa | adj | okukhona emqondweni futhi okungakhiwe yizimo zangaphandle. | Le nkolelo yakhe yokuthi wonke umuntu umbophela amanqina enyathi yinto yakhe yedwa nje. |
| submit | verb | to provide somebody in authority with a document that they have to consider or judge. | Students should read through their assignments before submitting them to their lecturers. | thumela | verb | ukunika umuntu osesikhundleni esiphezulu idokhumenti okufanele ukuthi bayibheke noma bayahlulele. | Abafundi kufanele bayifundisise imisebenzi yabo ngaphambi kokuba bayithumele kothisha babo basenyuvesi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| subordinate | adj | of less importance. | Many people still believe that women are subordinate to men. | okungaphansi | adj | okubaluleke kancane. | Abantu abaningi basakholelwa ukuthi abantu besifazane bangaphansi kwabantu besilisa. |
| subordinate | noun | a person who is of lesser importance or rank to someone else. | Subordinates report to middle-managers, who, in turn, report to managers. | umsebenzi ongaphansi ngesikhundla | noun | umuntu obaluleke kancane kunomunye noma onezinga eliphansi ngokomsebenzi noma ngokwesikhundla. | Abasebenzi abaphansi ngezikhundla babika kubaphathi abaphakathi nendawo, bese kuthi labo baphathi abaphakathi nendawo bona babike kubaphathi. |
| subordinate | verb | lower in rank or importance. | She was subordinated because her absenteeism from work was beginning to be a problem. | ukwehliswa esikhundleni | verb | ukuba phansi ngokwezinga noma ngokokubaluleka. | Wehliswa esikhundleni ngoba ukuphutha kwakhe emsebenzini kwase kuqala ukuba yinkinga. |
| subordination | noun | the action of treating somebody as less important. | The subordination of slaves to their masters was an accepted practice in the 17th century. | ukuphatha kabi | noun | ukuphatha omunye umuntu kube sengathi akabalulekile kakhulu. | Ukuphathwa kabi kwezigqila ngobasi bazo kwakuyinto eyayenziwa neyemukelekile ngeminyakakhulu ye-17. |
| subsequent | adj | following in time or order. | The measures were implemented subsequent the hurricane in 2005. | ngemuva | adj | okulandelanayo ngokohlelo. | Izinto lezi zafakwa ngemuva kwesiphepho sangonyaka ka 2005. |
| subsidy | adj | a grant paid by a government to an enterprise. | The theatre was forced to close when the government withdrew its subsidy. | uxhaso | adj | isibonelelo esihlinzekwa nguhulumeni kwinkampani ethile. | Ithiyetha kwaphoqeleka ukuba ivalwe uma uhulumeni ehoxisa uxhaso lwakhe kuyo. |
| substitute | noun | a person or thing that can take the place of another. | Since corn syrup was not freely available in the country it had to be substituted by molasses. | okungena esikhundleni sokunye | noun | umuntu noma into ekwazi ukungena esikhaleni senye into. | Njengoba impuphu yayingatholakali kalula ezweni ngaleso sikhathi kwadingeka ukuthi kungene amabele esikhundleni sayo. |
| subtitle | noun | a second title of a book or article. | The writer gave his book a final title, but still needs to formulate the subtitle. | isihlokwana | noun | isihloko sesibili sencwadi noma sombhalo omfushane. | Umbhali wanika incwadi yakhe isihloko sokugcina, kodwa kusadingeka ukuthi enze isihloko sencwadi. |
| subtitle | noun | written words at the bottom of a TV, cinema or computer screen, that repeat what is being said, usually in another language. | The dialogue of the film is in French with subtitles in English. | isihlokwana | noun | amagama abhaliwe ezansi neTV, nebhayisikobho noma neskrini sekhompyutha, kanti aphinda lokho okusuke sekushiwo, imvamisa ngolimi olwehlukile kunalolo olukhulunywayo. | Ingxoxo yefilimu ingolimi lwesiFrentshi bese izihlokwana ziba ngolimi lwesiNgisi. |
| subtle | adj | not very obvious; not easy to notice. | Changes in weather patterns have been subtle over the past three months. | okunobuqili | adj | okungacacile kwathi bha; okungelula ukukuqaphela. | Izinguquko kwisimo sezulu bezilokhu zibonisa isimo sezulu esinobuqili kulesi sikhathi esingaphezu kwezinyanga ezintathu ezedlule. |
| subtle | adj | organised in a clever and sophisticated way. | His argument for the death penalty was unusually subtle. | nobuhlakani | adj | okuhlelwe ngendlela enobuhlakani futhi nebonisa ukufaka phakathi izinto eziningi. | Inkulumo yakhe ngesigwebo sentambo yayibonisa ubuhlakani ngendlela engejwayelekile. |
| succeed | verb | to get what you want by putting in effort. | Hard work is the surest way to succeed. | phumelela | verb | ukuthola lokho okufunayo ngokufaka umfutho. | Ukusebenza kanzima yiyona ndlela enesiqiniseko esikhulu kakhulu sokuphumelela. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| succeed | verb | to come directly after something else. | Those traditions were carried over by the baby boomers to generations that succeeded it. | phumelela | verb | ukuza ngqo ngemuva kwento ethile. | Leyo mikhuba yayenziwa yisizukulwane esasithola kakhulu abantwana yadlulela kwizizukulwane ezilandela sona. |
| successive | adj | following immediately, the one after the other. | The soccer team were looking for their third successive win. | okulandelanayo | adj | okulandela ngokushesha, okunye ngemuva kokunye. | Iqembu lebhola likanobhutshuzwayo lase lifuna ukuphumelela umdlalo walo wesithathu kulandelana. |
| successor | adj | a person who follows next in order. | The successor inherits the assets and liabilities of the deceased. | ongena esikhundleni | adj | umuntu olandelayo ngokuhlelo olubekiwe. | Lowo ozongena esikhundleni uyodla amafa kanye nezikweletu zomufi. |
| suffice | verb | to be enough. | The evidence should suffice to convince the judge to give him a lighter sentence. | ukulingana | verb | ukwanela. | Ubufakazi bulingene ukuthi bungakwazi ukuthi bungabonisa ijaji ukuthi limnike isigwebo esincane. |
| sufficient | noun | of a quantity that can fulfil a need or requirement. | There is now sufficient evidence to say with the UK is one of the countries with the highest incidence of multiple sclerosis. | okwanel | noun | kusho into eyinani elithile elisuke lingakwazi ukufezekisa isidingo esithile. | Njengamanje kunobufakazi obanele bokuthi izwe lase-UK lingelinye lamazwe anezigameko eziningi kakhulu zesifo i-sclerosis. |
| sum | verb | to give a brief summary of something, to sum up. | I was not at the lecture so my friend had to sum up what I missed. | qoqa | verb | ukunikezela iqoqa elincane noma elifushane lento ethile, ukufingqa. | Bengingekho ekilasini kufundiswa ngakho-ke umngani wami uyena obekufanele ukuthi angiqoqele konke lokho obekufundwa mina engingakuzwanga. |
| summarise | verb | to give a summary of something. | In order to write a good literature review you first have to summarise your core sources. | fingqa | verb | ukunikeza iqoqa lento ethile. | Ukuze ukwazi ukubhala kahle ukuhlaziya imibhalo kufanele kuqala ufingqe imithombo yakho engumongo. |
| summary | noun | to give the main points or the gist of something. | Stark and Dawes (2009) provide a good summary of the available research. | iqoqa/isifinyezo | noun | ukunikeza amaphuzu abalulekile noma umongo wento ethile. | UStark noDawes (2009) bahlinzeka ngeqoqa/ngesifinyezo esihle socwaningo olukhona olutholakalayo njengamanje. |
| superficial | adj | giving only what is obvious; not thorough, deep or complete. | Our study of light waves was only superficial; other researchers will now take the research further. | Okukha phezulu | adj | ukunika lokho kuphela okucacile; okungangeni kujule, kugxile noma kuphelele. | Ucwaningo lwethu mayelana namagagasi amancane lwalukha phezulu nje; abanye abacwaningi sebezosuka-ke manje bathathe ucwaningo baluqhubele phambili. |
| superficial | adj | in or connected to the top layer of something. | He was in a car accident but luckily only sustained superficial injuries. | okungatheni | adj | okuxhumene nengaphezulu lento ethile. | Waba sengozini yemoto kodwa waba nenhlanhla wasinda ngokuthi athole ukulimala okungatheni. |
| superficial | adj | not thorough or complete. | A superficial investigation may not yield all the facts to come to a valid conclusion. | okungagxilile | adj | okungaphelele kahle. | Ucwaningo olungaphelele kahle angeke lukwazi ukuveza wonke amaqiniso ukuze kukwazeke ukuthi umuntu afinyelele esiphethweni esifanele. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| superimpose | verb | to combine two systems or ideas so that one influences the other. | Latin American culture is a mixture of European tradition superimposed onto native tradition. | ukudibanisa | verb | ukuhlanganisa izindlela ezimbili noma imiqondo emibili ukuze omunye ube namandla okwengamela omunye. | Isiko lesizwe saseLatin America liyingxube yesiko laseYurophu eliditshaniswe kwisiko lesintu. |
| superior | adj | better than someone or something else. | Kenyan coffee is superior to all other kinds of coffee. | okungcono | adj | ophezulu kunomunye umuntu othile noma kunento ethile. | Ikhofi lasezweni laseKenya lingcono kakhulu kunazo zonke ezinye izinhlobo zamakhofi ezikhona. |
| superior | noun | a person who is/has more importance or authority than others. | The colonel is my superior in the army; I am just a private. | isikhulu | noun | umuntu onokubaluleka okukhulu noma onegunya eliphezulu kakhulu ukunabanye. | Ukholoneli uyisikhulu sami emasotsheni; mina ngiyivukana nje ngokwesikhundla. |
| supplement | noun | an additional component that improves capability. | The doctor said he should take vitamin supplements. | iselekeleli | noun | yinto ethile yokwengeza ukuze wenze ngcono enye into ethile. | Udokotela wathi kumele asebenzise izelekeleli zamavithamini. |
| supplement | verb | to add to something in order to make it more complete. | The questionnaire data were supplemented by interview data in order to provide a fuller and more detailed picture of poverty. | chibiyela | verb | ukwengeza into ethile ukuze uyeneze ukuthi ipheleliswe kakhulu. | Ukuze bachibiyele imali yabo, bathengisa izimpahla endalini ngeMigqibelo. |
| support | verb | to show that something is correct or true. | The church supports the idea that spiritual belief helps one to cope with life's stressors. | seka | verb | ukubonisa ukuthi into ethile ishaya khona noma iliqiniso. | Ibandla noma isonto leseka umqondo wokuthi ukukholwa ngokukamoya kuyasiza ukuthi umuntu akwazi ukubhekana nezingcindezi zempilo. |
| suppose | verb | to state a belief that something is true, but without sufficient proof. | One might suppose that reality should be held to at all costs. However, it is not necessarily the most useful thing to do. | cabangela | verb | ukusho inkolelo ukuthi into ethile iyiqinisi, kodwa ube ungenabo ubufakazi obanele balokho. | Uyazi into umuntu angazi ayicabangele ezimweni ezifuze lezi ezokuthi into uma iyiqiniso kumele kubanjelelwe kuyona noma sekunjani. Kodwa phela lokho akusiyona into esebenza kakhulu ukuthi umuntu angayenza. |
| suppose | verb | to imagine that something is true so that you can propose a possible result. | Suppose that the distance between X and Y are 100 m. | cabanga | verb | ukucabanga into ethile eyiqiniso ukuze ukwazi ukusho lokho okungahle kube wumphumela wayo. | Ake ucabange sengathi ibanga phakathi kuka: X kanye no Y lingamamitha ayi-100. |
| suppress | verb | to put an end to something. | Russia suppressed the Hungarian revolt in 1849. | qeda | verb | ukwenza into ethile ukuthi ingabe isaqhubeka ifinyelele ekugcineni. | Izwe laseRashiya laqeda izidubedube zasezweni laseHangari ngonyaka ka 1849. |
| suppress | verb | to restrain something or keep it from being known. | The journalist had to suppress her fear and move into the crowd to get a close-up photograph. | misa | verb | ukubamba into ethile noma ukuyigcina ukuthi ingaziwe. | Intatheli kwadingeka ukuthi ikumise ukwesaba kwayo yasondela yangena esixukwini ukuze ikwazi ukuthatha isithombe esiseduze nesibonakalayo. |
| supreme | adj | the most important or the greatest that something or someone can be. | Parliament is supreme and the judiciary is subservient to it. | okukhulu | adj | okubaluleke ukukwedlula konke noma ukubedlula bonke abanye abantu. | Iphalamende yisikhungo esikhulu bese ngaphansi kwaso kuba amajaji nezimantshi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| supreme | adj | the greatest in degree. | There should be a supreme loyalty in order to give a sacrifice and for a Muslim, that supreme loyalty is his commitment to GOD. | okubanzi | adj | okunwebekile uma kuqhathaniswa. | Kufanele ukuthi kube nokwethembeka okubanzi ukuze ukwazi ukunikela kanti kumuntu oyiSulumane, lokho kwethembeka okubanzi ukuzibophezela kwakhe KUNKULUNKULU. |
| surface | noun | top layer or upper part of something. | The surface layer of the atmosphere, which is the lowest layer, directly influences the daily activities of all life on planet Earth. | ingaphezulu | noun | indawo esuke ihleli ngaphezulu kwingxenye yento ethile. | Ingaphezulu lomhlaba emkhathini, nokuyindawo ephansi uma kuya ngokokutakelana kwezindawo yiyona enomthelela kwizinto ezenzeka usuku nosuku kuyona yonke into ephilayo eMhlabeni. |
| survey | verb | to look at something carefully from a distance. | The test team surveyed their surroundings from the ship before deciding to go ashore and explore. | hlola | verb | ukubheka into ngokucophelela uyibuka ukude. | Ithimba elalihlola laqala lahlola izindawo ezilizungezile lisemkhunjini ngaphambi kokuthatha isinqumo sokuba lehle kuwona bese liyobheka. |
| survey | verb | to think about the general consequences of a situation. | They surveyed the possible consequences that a lack of sleep may have on people. | bheka | verb | ukucabanga ngalokho okungahle kwenzeke kube yimiphumela yesimo. | Babheka lokho okwakungahle kwenzeke kube yimiphumela yokungalali ngokwanele kubantu. |
| survey | verb | to look at a piece of land for geographical or building purposes. | The Tshwane Metropolitan Council surveyed the outlying areas of Pretoria and found that they could not build more housing. | klama | verb | ukubuka umhlaba ngezinhloso zokuwusebenza noma zokwakha kuwona. | UMkhandlu Omkhulu waseTshwane waklama izindawo ezendlalekile zasePitoli wabe usuthola ukuthi wawungeke ukwazi ukwakha ezinye izindlu ezengeziwe. |
| survey | noun | an investigation of the opinions, beliefs or attitudes of a group of people. | In the student's psychology assignment she used a survey to see how many people listened to classical music. | uphenyo | noun | ucwaningo lwemibono, lwezinkolelo noma lwemiqondo yeqembu labantu. | Kumbhalo wesifundo sesayikholoji umfundi wasebenzisa uphenyo ukubona ukuthi bangaki abantu abalalela umculo opholile wezingasoze zabuna. |
| survey | noun | a map drawn up after surveying a piece of land. | The geographical survey showed exactly where the volcanic fault lay. | ibalazwe | noun | imephu esuke idwetshiwe ngemuva kokuklama indawo ethile. | Ibalazwe lezendawo lalibonisa ukuthi yikuphi lapho umlilo wequbula waba khona ncamashi. |
| survive | verb | continue to exist after something unfortunate has happened. | Thousands of artifacts survived from the Ming dynasty. | phila okungatheni | verb | ukuqhubeka nokuphila ngisho noma sekwenzeke into embi noma engafanele. | Izinkulungwane zezinto zobuciko namasiko zaphila nje lokho okungatheni ngemuva kokuphatha kweMing. |
| suspend | adj | stop a process or a habit by imposing a freeze on it. | The mining company suspended all operations in the area due to the instability caused by the dolomite formations. | misa | adj | ukuyekisa uhlelo obelwenzeka ukuthi luqhubeke noma umkhuba wokumisa into ethile ekade iqhubeka. | Inkampani yezimbiwa ikumise konke ukusebenza kwayo endaweni ngenxa yokuzamazama komhlaba okubangelwe amadwala phansi emgodini. |
| sustain | verb | lengthen or extend in duration or space. | It is a challenge for educators to sustain the interest of learners in the classroom. | yenza ilukuluku lokulangazelala | verb | yenza kube kude ngesikhathi noma ngendawo. | Kuseyinselelo kothisha namanje ukwenza abafundi ukuthi bakulangazelele ukuba sekilasini. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| switch | noun | a sudden change. | The demand for local beer caused a switch from cultivating grapes to farming hops. | ukushintsha | noun | uguquko oluphuthumayo. | Ukufunwa ubuthaphuthaphu kobhiya wakule ndawo kwenza ukuthi bashintshe abalimi bangabe besagxila kakhulu ekulimeni amagilebhisi kodwa bashintshele kumahophu okwenza utshwala. |
| switch | verb | to change something or some state of mind for another. | The deterioration of the roads caused many car owners to switch from sedans to SUVs. | shintsha | verb | ukuyeka into ethile noma isimo somqondo ukuze kungene esinye. | Isimo esibi semigwaqo senza ukuthi abanikazi bezimoto abaningi baziyeke izimoto ezincane bashintshele kwizimoto ezinkulu. |
| symbolise | verb | to represent a more general or an abstract situation or quality. | The crucifix symbolises Christianity, while the star of David symbolises Judaism. | ukuba wuphawu lwento | verb | ukumela into ethile ebanzi eyejwayelekil noma emele isimo esithile noma izinga elithile. | Isiphambanso siwuphawu lobuKrestu, kanti inkanyezi kaDavide yona iwuphawu lobuJuda. |
| synthesis | noun | a combination of separate ideas from various sources with an indication of how they differ and how they agree. | Students do not realise the importance of a proper synthesis of viewpoints from various sources. | inhlanganiso | noun | ingxubevange yemiqondo eyahlukene evela kwimithombo eyahlukene nebonisa ukuthi leyo miqondo yehlukana kanjani futhi yefana kanjani. | Abafundi abakuqondi ukubaluleka kokuhlangana kahle kwemibono yabo evela kwimithombo eyahlukene lapho bethumela umsebenzi wabo. |
| systematic | adj | done according to a system or plan. | The study involved a systematic analysis of the progress of the music therapy clients. | ngokohlelo oluthile | adj | okwenziwe ngokulandela uhlelo noma icebo elithile. | Ucwaningo lwalufaka phakathi ukuhlaziywa kwenqubekela phambili yohlelo oluthile olumayelana nokwelapha amakilayente ngomculo. |
| table | noun | a list of facts or numbers organised in columns and rows. | The data was analysed using tables, graphs and discussions. | ithebula | noun | uhla lwamaqiniso noma lwezinombolo ezihlelwe ngokwamakholomu kanye nemigqa. | Imininingo yabe isihlaziywa kusetshenziswa amathebula, amagrafu kanye nezingxoxo. |
| tabular | adj | organised in the format of a  table. | The responses of the open-ended questions are presented in tabular format to analyse them more meaningfully. | okuyithebula | adj | okuhlelwe ngendlela ethile eme kwaba sengathi kuyithebula. | Izimpendulo kwimibuzo edinga izimpendulo ezivulelekile zibhalwe zaba yithebula ukuze zihlaziyeke kahle nangendlela enomqondo. |
| tabulate | verb | organise lists of facts or numbers in columns and rows. | The data the researcher collected were tabulated. | yenza kube yithebula | verb | ukuhlela izinhla zamaqiniso noma zezinombolo zibe ngamakholomu kanye nemigqa. | Imininingo eyaqoqwa umcwaningi yabhalwa yenziwa yaba yithebula. |
| tangible | adj | clear or definite. | The police have tangible proof the suspect committed the robbery. | okuphathekayo | adj | okucacile noma okubambekayo. | Amaphoyisa anobufakazi obuphathekayo bokuthi umsolwa uyena obambe inkunzi. |
| target | noun | a reference point for shooting at. | She used bottles as targets to fire shots at. | ithagethi | noun | into ethile esuke ibekiwe ukuz kudutshulwe kuqondiswe kuyo. | Wasebenzisa amabhodlela aba yithagethi yokuthi abubule anembe yona. |
| task | noun | any piece of work which is undertaken or attempted. | The researcher's task was to analyse the interview data that was collected. | umsebenzi | noun | kungaba yinoma yimuphi umsebenzi okusuke kuhloswe ukuthi wenziwe noma ozanywayo. | Umsebenzi womcwaningi kwakuwukuhlaziya imininingo yemibuzo eyaqoqwayo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| technical | noun | of or relating to aptitude in a practical skill. | She must consult a language specific dictionary to understand the technical terms used in the text. | okulukhunyana | noun | okuqondene nokusetshenzisiswa komqondo kwikhono elibambekayo. | Kufanele ukuthi asebenzise isichazamazwi esiqondene nolimi ukuze aqonde amatemu alukhunyana asetshenziswe embhalweni. |
| technique | noun | a practical skill or ability. | The tennis champion’s technique is generally admired. | icebo | noun | ikhono elibambekayo noma ukukwazi ukwenza into ethile. | Icebo likashampeni ebholeni lomphebezo liyancomeka. |
| technique | noun | a special method for doing something, usually involving skill. | A new technique has been developed for purifying water. | iqhinga | noun | indlela ekhethekil yokwenza into ethile, imvamisa kuba yinto efaka phakathi ikhono. | Kuneqhinga elisha elisunguliwe lokuhlanza amanzi. |
| technology | noun | the scientific study and use of applied sciences, such as engineering. | Nuclear technology has played a major role in modern warfare history. | ubuchwepheshe | noun | ucwaningo lwezesayensi kanye nokusebenzisa isayensi ethile, efana nezobunjiniyela kanje. | Ucucwepheshe benuzi budlale indima enkulu kakhulu emlandweni wezinto zokulwa zesimanje. |
| technology | noun | machinery and equipment based on this knowledge. | The most successful factories use the latest technology. | itheknoloji | noun | umshini kanye nezinto zokusebenza kulolu lwazi. | Amafekthri aphumelela kakhulu asebenzisa itheknoloji yesimanjemanje. |
| temporary | adj | not permanent; not lasting. | The temporary shutdown of the plant was caused by an explosion. | okwesikhashana | adj | okungesikhona okonomphelo; okungahlali isikhathi eside. | Ukuvalwa kwesikhashana kwendawo yokusebenzela kwabangelwa ukuqhuma okwenzeka ngaphakathi. |
| tentative | adj | not definite or certain. | In the conclusion she offers only tentative solutions to the problem | okungaphelele | adj | okungaqinisekisiwe. | Esiphethweni uhlinzeka ngezisombululo ezingaphelele kwinkinga. |
| tentative | adj | hesitant or cautious. | The first tentative steps towards transformation were taken in 1998. | okungaqinile | adj | okunokungabaza noma okunokwesabela. | Izinyatheo zokuqala ezingaqinile zokuza noguquko zathathwa ngonyaka ka 1998. |
| terminate | verb | to make something end. | The contract was terminated when the supplier could not manage to deliver the goods and service as agreed. | nqamula | verb | ukwenza into ukuthi iphele noma ifike esiphetheweni noma ekugcineni. | Isivumelwano sanqanyulwa uma umhlinzeki wayengasakwazi ukuletha izimpahla kanye nezinsizakalo njengalokhu kwakuvunyelwene. |
| terminology | noun | the technical words or expressions used in a particular subject. | Doctors make use of an extensive medical terminology. | amatemu | noun | amagama anobuchule obuthile noma imisho enobuchule obuthile esetshenziswa kwisifundo esithile. | Odokotela basebenzisa amatemu amakhulu awulimi lwezokwelashwa. |
| text | verb | to send an SMS or text message. | She texted me that she is on her way. | thumela umqhafazo | verb | ukuthumela umqhafazo (i-SMS) noma umyalezo omfushane ngeselula. | Wangithumelela umqhafazo owawuthi uvele usendleleni useyeza. |
| text | noun | the main body of printed or written work. | The first edition of the text was published in 1887. | umbhalo | noun | umzimba omkhulu womsebenzi ophrintiwe noma obhaliwe. | Ushicilelo lokuqala lwalo mbhalo lwakhishwa ngonyaka ka 1887. |
| text | noun | a book or piece of writing, usually for the purpose of learning. | The professor's text is regarded to be the best in his field. | umbhalo | noun | incwadi noma umbhalo nje, isikhathi esiningi onenhloso yokufunda. | Umbhalo kasolwazi uthathwa ngokuthi ungongcono kakhulu endimeni yakhe. |
| texture | noun | the structure of a piece of writing, music or art. | Students are taught to appreciate the rich texture of Shakespearean English. | ukubhaleka | noun | ukuma kohlaka lombhalo, lomculo noma lomdwebo. | Abafundi bafundiswa ukukwazi ukuncoma ukubhaleka okucebile kwesiNgisi sangezikhathi zikaShakespeare |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| theme | noun | the subject matter of a conversation or discussion. | The main theme of the conference is multilingualism in higher education. | ingqikithi | noun | yinto ethile okukhulunywa ngayo noma okuxoxwa ngayo. | Ingqikithi enkulu yale ngqungquthela ukusetshenziswa kwezilimi eziningi ezikhungweni zemfundo ephakeme. |
| theory | noun | a formal set of ideas, which attempts to explain why something happens or exists. | A new theory on the origin of the universe has been developed. | ithiyori | noun | isethi yemicabango ezama ukuchaza ukuthi kungani into ethile yenzeka noma ikhona iphila. | Sekusungulwe ithiyori entsha ngokusunguleka komhlaba. |
| theory | noun | an opinion or idea, not necessarily based on reasoning. | There are many different theories on how to raise children. | ithiyori | noun | umqondo ongasuselwe ekucabangeni okuthile. | Kumathiyori amaningi kakhulu ehlukene ngokuthi ungabakhulisa kanjani abantwana. |
| theory | noun | the principle on which a subject is based. | Medical students have to study much theory before they can participate in practical training. | ithiyori | noun | umgomo isifundo esisuselwe kuwo. | Abafundi abafundela ubudokotela kufanele baqale benze ithiyori ngaphambi kokuba bayofunda ngokwenza. |
| thesis | noun | statement or opinion that is supported by evidence and discussed in a logical way. | The main thesis of his essay is that illegal drug use is detrimental because it encourages gang violence. | i-thesis | noun | istatimende noma umbono owesekelwe ubufakazi bese sikhulunywa ngendlela ephusile. | I-thesis enkulu ye-eseyi yakhe ukuthi ukusebenzisa izidakamizwa akulungile ngoba kukhuthaza udlame lwemigulukudu. |
| thesis | noun | extended piece of writing completed by a university student, based on their own research. | She wrote her doctoral thesis on the effects of drought on the economy of Ghana. | i-thesis | noun | umbhalo owengeziwe owenziwa ngumfundi wasenyunivesi, osuke ususelwe ocwaningweni olusuke lwenziwe nguyena kanye lowo mfundi siqu sakhe. | Wabhala i-thesis yakhe ukuze athole iziqu zobudokotela kanti yayimayelana nemithelela yesomiso kumnotho wasezweni laseGhana. |
| thorough | adj | with great attention to detail and completeness. | A thorough investigation is needed into the causes of the pandemic. | ngokuphelele | adj | ngokucophelela okukhulu imininingwane kanye nokuphelela. | Kudingeka ukuthi kwenziwe uphenyo oluphelele kwizimbangela zalolu bhubhane. |
| timeless | adj | not affected by the passing of time. | The building has a classical and timeless beauty. | ngokungenasikhathi | adj | okungathikamezwa wukudlula kwesikhathi. | Lesi sakhiwo sinobuhle bendalo futhi obungenasikhathi. |
| timely | adj | happening at exactly the right time. | Social workers aim to achieve a permanent living situation for orphans in a timely manner. | ngesikhathi | adj | okwenzeka ngesikhathi esikahle impela. | Osonhlalakahle bahlose ukuthola indawo yokuhlala izintandane kusenesikhathi. |
| topic | adj | the subject matter for a conversation or discussion or writing about. | Students are allowed to choose a specific topic within the broad domain of poverty in Africa. | isihloko | adj | into okuyiyona okusuke kufanele ukuthi kukhulunywe noma kuxoxwe ngayo. | Abafundi bavumelekile ukukhetha isihloko esithile noma ngabe yisiphi esikhuluma ngendlela lapha e-Afrika. |
| trace | noun | an indication that something has been present. | Archaeologists have found traces of a prehistoric civilisation near Cape Town. | insalela | noun | isiboniso ukuthi kukhona into ethile eke yaba khona. | Abafunda kabanzi ngezinto zakudala basanda kuthola izinsalela zangaphambi komlando zempucuzeko eduzane kwaseKapa. |
| trace | verb | to find or discover something or someone after searching carefully. | After three years he finally managed to trace his biological parents. | landelela | verb | ukuthola into ethile noma umuntu othile ngemuva kokumbheka ngokucophelela. | Ngemuva kweminyaka emithathu yonke, waze wagcina esephumelele ukuthola abazali bakhe begazi. |
| trace | verb | to describe a process or the development of something. | The history book traces the events that led to the<br>Vietnam war. | landelala | verb | ukuchaza uhlelo noma ukuthuthuka kwento ethile. | Le ncwadi yomlando ilandelela izehlakalo ezaholela ekutheni kube nempi yaseVietnam war. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| tradition | noun | academic or scholarly paradigm. | The sociologists at the University work mostly within a Marxist tradition. | isiko | noun | umunxa wokufunda. | Abafunde bagogoda kwi-sociology eNyunivesi basebenza ikakhulukazi ngaphansi kwesiko likaMarx. |
| tradition | noun | a specific practice of long standing. | The US has a tradition of federal government. | isiko | noun | inqubo ethile esime isikhathi eside. | IMelika inesiko lokuba nohulumeni ongumaziphathe. |
| trait | noun | a particular characteristic or feature. | Honesty would be an example of a central trait, whereas particular likes or dislikes may be secondary traits which are characteristics seen only in certain circumstances. | isici | noun | uhlobo lwesisici esithile. | Ukwethembeka kungaba yisibonelo sesici esiphakathi nendawo, bese kuthi izinto ezifana nokuthanda kanye nokungathandi kungaba yizici zesibili ezibonwa kuphela ezimweni ezithile kuphela. |
| transfer | noun | the act of movement from one place to another. | An integrated circuit is responsible for the transfer of data from the computer to the printer. | ukwedlulisa | noun | isenzo sokuhamba usuka kwenye indawo uya kwenye indawo. | I-circuit engaphakathi inomsebenzi wokwedlulisa idatha iyisusa kwikhompyutha iyisa kwiphrinta. |
| transfer | verb | to move someone or something from one place to another. | Through internet banking funds can easily be transferred from one account to another. | dlulisa | verb | ukuhambisa into ethile noma umuntu othile umsusa endaweni ethile umusa kwenye indawo. | Ngokusebenzisa ukubhenka nge-inthanethi izimali zidluliseka kalula zisuka kwi-akhawunti enye ziya kwenye i-akhawunti. |
| transform | verb | to change or alter in form, appearance or nature. | Energy cannot be destroyed or created. It can only be transformed, for example from latent to kinetic. | guqula | verb | uUkushintsha into ethile, ukubukeka kwayo, ukuma kwayo noma imvelo yayo. | Amandla kagesi angeke abulawa noma akhiwa. Angashintshwa kuphela, isibonelo asuke kulawo esiwazi ngokuthi a-latent aye kulawo okuthiwa a-kinetic. |
| transition | noun | the process or period of changing from one condition to another. | Initiation rites mark the transition from childhood to adulthood in many African cultures. | ukwedlula | noun | isikhathi sokushintsha esimweni esisodwa uya kwesinye isimo. | Ukuyosokwa kusuke kuyisikhathi esisho ukwedlula ebunganeni komuntu wesilisa eya ekubeni umuntu omdala ngowamasiko amaningi ase-Afrika. |
| transparent | adj | easily understood; easy to see if something is true, ethical, correct, fair, etc. | Assessment practices should be transparent to the point of enabling students to work out the exact requirements of specific tasks. | okusobala | adj | okuqondakala kalula; okulula ukukubona uma kuliqiniso, kuhamba ngendlela, kushaya khona, kungavuni luhlangothi, njll. | Izindlela zokuhlola kufanele ukuthi zibe sobala ngendlela yokuthi zikwazi ukwenza abafundi ukuthi bazi ukuthi yiziphi izinto ezidingeka kwimisebenzi ethile. |
| triangulate | verb | to indicate that two or more methods are used in a study in order to check the results. | In qualitative research, multiple sources are used to triangulate data to enhance understanding. | hlanganisa | verb | ukubonisa ukuthi izindlela ezimbili noma ngaphezulu zisetshenzisiwe ocwaningweni ukuze kubhekwe imiphumela. | Ocwaningweni lapho kusuke kuphenywa ngento ethile khona kuyaye kusetshenziswe imithombo eminingi ukuhlanganisa idatha ukuze kube lula ukuqonda. |
| typical | adj | having the standard or usual characteristics of a group. | A typical middle class family consists of four members. | okufanele | adj | ukuba nezinga noma izici ezejwayeleke kwiqembu elithile. | Umndeni okufanele ukuba odla kahle uba namalungu omndeni amane. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| ultimate | adj | the best or worst of its kind. | The ultimate test of man's conscience may be his willingness to sacrifice something today for future generations. | okukhulu | adj | okungcono noma okubi kunakho konke okukhona. | Isivivinyo esikhulu kunembeza womuntu kungenzeka kube ukufisa kwakhe ukuthi kube khona into ayidedelayo namhlanje anikele ngayo ukuze kusizakale isizukulwane sangomuso. |
| ultimate | adj | the last or final in a series or process. | The ultimate goal was to develop a theory that explains the relationship found amongst the various themes in the poems. | kokugcina | adj | okokugcina noma okokuphetha kuchungechunge noma kuhlelo oluthile. | Inhloso yokugcina kwakuwukuthuthukisa ithiyori echaza ubudlelwano obutholakala phakathi kwezingqikithi ezahlukene kwizinkondlo. |
| underlie | verb | to form the basis or cause of an action, theory or argument. | Students learn to appreciate the complex process of drafting and redrafting which underlies successful writing. | okumele | verb | okuyikhona okuyisisusa noma okuyimbangela yokwenza okuthile, okungaba yithiyori noma ingxoxo. | Abafundi bafunda ukukwazi ukubona uhlelo olufaka izinto eziningi eziwukubhala kanye nokuphinda kubhalwe futhi nokuyikhona okumele ukubhala ngempumelelo. |
| uniform | adj | the same at all times and across all objects. | The Constitutional Court does not follow a uniform approach when it comes to different socio-economic rights. | okufanayo | adj | okufanayo ngaso sonke isikhathi futhi kuzona zonke izinto ezithintekayo. | Inkantolo Yomthethosisekelo ayilandeli indlela efanayo uma kuziwa ngakumalungelo ezinhlalo kanye nawezomnotho ehlukene. |
| universal | adj | done by involving people or things across the world. | The International Labour Organization launched a universal HIV-prevention campaign in post offices worldwide in 2009. | komhlaba wonke | adj | okwenziwa okufaka abantu noma izinto emhlabeni jikelele. | Inhlangano Yabasebenzi Yomhlaba Wonke yethule umkhankaso womhlaba wonke wokuvikelwa kwesandulelangculazi emaposini emhlabeni jikelele ngonyaka ka 2009. |
| universal | adj | true at all times and all places across the world. | The idea of universal moral principles is questioned by Realists. | komhlaba wonke | adj | okuliqiniso ngazo zonke izikhathi futhi kuzona zonke izindawo ezweni. | Umqondo wemigomo yokwenza okufanele emhlabeni wonke bayawungabaza labo abakhuluma ngabakubonayo. |
| usage | noun | the way in which something is used, especially words in a language. | The usage examples in any glossary should help students to understand the meanings of the terms. | ukusebenza | noun | indlela into ethile esetshenziswe ngayo, ikakhulukazi amazwi olimini. | Izibonelo zokusebenza kwegama kunoma iyiphi iglosari kumele kusize abafundi ukuthi baqonde lokho okushiwo yigama lelo. |
| utilise | verb | to use something, normally for a practical purpose. | She utilised children’s dreams as an anthropological research tool. | sebenzisa | verb | ukusebenzisa into ethile ngokuvamile, ngokwenhloso ebambekayo. | Wasebenzisa amaphupho abantwana njengethuluzi lokwenza ucwaningo ngendlela yokuziphatha kwabantu. |
| utter | adj | complete; total; absolute. | We felt that the conference was an utter waste of money. | impela | adj | okuphelele; okungashodi; nje. | Sabona nje impela ukuthi leya ngqungquthela yayikuwumosha imali nje. |
| valid | adj | having the expected characteristics; being true or accurate. | She has a valid reason to support her decision to refuse the student examination entry. | okuzwakalayo | adj | ukuba nezici ezilindelwe nezilindelekile; ukuba yiqiniso noma ukunemba. | Wayenesizathu esizwakalayo sokwenqaba kwakhe ukuvumela umfundi ukuthi angene azobhala ukuhlolwa kwakhe. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| valid | adj | having legal force or authority. | The contract signed by all parties was held to be legally valid. | okusebenzayo | adj | ukuba namandla noma negunya ngokomthetho. | Isivumelwano esisayinwe yizona zonke izinhlaka ezithintekayo sathathwa ngokuthi singesisebenzayo ngokusemthethweni. |
| validate | verb | to prove that something is true or accurate. | The model was validated against two sets of empirical data. | qinisekisa | verb | ukuletha ubufakazi bokuthi into ethile iliqiniso noma iyanemba. | Leyo modeli yaqinisekiswa ngokuqhathaniswa nemininingo emibili. |
| value | noun | how much something is worth. | The estimated value of the earnings are R20 000. | inani | noun | ukusho ukuthi into ethile iyimalini. | Inani elilinganiselwe lemali ezotholakala lingu-R20 000. |
| vein | noun | a particular style or mood of writing or speaking. | The author's new book is written in the same humorous vein as her previous books. | indlela | noun | indlela ethile yokubhala noma isitayela esithile sokubhala noma sokukhuluma. | Incwadi entsha yombhali ibhalwe ngendlela ehlekisa ngokufanayo nezincwadi zakhe zaphambilini. |
| version | noun | translated or adapted. | That particular isiZulu version of the Bible is considered to be a good translation. | isihumusho | noun | okuhunyushiwe noma okwamukelwe. | Leso sihumusho seBhayibheli lesisiZulu sithathwa ngokuthi siyisihumusho esihle. |
| view | noun | a personal opinion about something. | You must provide convincing reasons in support of your point of view to increase the persuasiveness of your argument. | umbono | noun | umbono oqondene nomuntu othile mayelana nento ethile. | Kufanele ukuthi uhlinzeke ngezizathu zokweseka umbono wakho ukwandisa ukunxenxa kwenkulumo yakho. |
| virtual | adj | having the essence or effect of something. | She knew so little about him that her family said that she had married a virtual stranger. | sanhlobo | adj | ukuba nokuqonda okuthile. | Wayazi okuncane kakhulu ngaye kangangokuthi umndeni wakhe waze wathi wayeshade nomuntu angamazi sanhlobo. |
| virtual | adj | created by means of computers, especially over a network. | All his works of art can be accessed from a virtual gallery. | okwenziwe ngekhompyutha | adj | okwakhiwe ngohlelo lwekhompyutha kodwa isikhathi esiningi okuqondene nenethiwekhi. | Yonke imisebenzi yakhe yobuciko iyabonakala kwisithangami esenziwe ngekhompyutha. |
| virtually | adv | almost, very nearly. | Vast amounts of money are spent every year by virtually every nation to defend itself. | cishe | adv | phose, ngokusondelene kakhulu. | Kusetshenziswa izimali eziningi kakhulu unyaka nonyaka cishe yizona zonke izizwe ukuze zizivikele. |
| visual | noun | A concept represented by a picture, such as a photograph, map, sketch, painting. | Together, the text and the visuals must convey the essential information. | okubonwayo | noun | Yinto ethile emelwe yisithombe, okungaba yisithombe esishuthwayo, ibalazwe (imephu), isikeshi, umdwebo. | Ngokuhlanganyela, lokho okubhaliwe kanye nalokho okubonwayo kufanele ukuthi kudlulise ulwazi olubalulekile. |
| vital | adj | essential or necessary for something to exist or succeed. | Reading is of vital importance in second-language learning. | osekumqoka | adj | okubalulekile noma okudingekayo ukuze into ethile ibe khona iphumelele. | Ukufunda kuyinto esemqoka kakhulu ekufundeni ngolimi lwesibili, okungesilona olwebele. |
| vocabulary | noun | the words used in a language. | English has an extensive vocabulary. | amagama olimi | noun | amagama asetshenziswa olimini. | IsiNgisi sinamagama olimi amaningi kakhulu. |
| vocabulary | noun | the words known to a person or used in a particular book, subject, etc. | A new vocabulary has emerged to describe the development of computer technology. | igama elichazayo | noun | amagama aziwa ngumuntu noma asetshenziswe encwadini ethile, esifundweni esithile, njll. | Kunegama elisha elichazayo eselivelile ukuchaza ukuthuthuka kwetheknoloji yamakhompyutha. |
| volume | noun | a book or one of a set of books. | The encyclopaedia set consist of fifteen volumes. | umthamo | noun | kungaba incwadi noma isethi eyodwa yezincwadi. | Le ncwadi eyisichazamazwi inemithamo eyishumi nanhlanu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| withdraw | verb | to take back a remark, statement, accusation, promise, etc. | The political party withdrew their accusation that the election was unfair. | hoxisa | verb | ukubuyisela emuva ukuphawula, isitatimende, ukusola, isethembiso, njll. | Iqembu lepolitiki lakuhoxisa ukukhomba kwalo ngomunwe ukhetho ngokuthi lithi lwaluvuna uhlangothi oluthile. |